


ISIFUNDO SABANTU  
ABADALA SESIKOLE  
SESABATHA



# I Incwadi YamaHubo





# Okuqukethwe

---

<b>1</b>	<b>Indlela Yokufunda AmaHubo—uZibandlela 30-uMasingana 5</b>	4
<b>2</b>	<b>Sifundise Ukukhuleka—uMasingana 6-12</b>	12
<b>3</b>	<b>UJehovah Iyabusa—uMasingana 13-19</b>	20
<b>4</b>	<b>INkosi Iyezwa futhi Iyahlenga—uMasingana 20-26</b>	28
<b>5</b>	<b>Ukucula Ingoma YeNkosi Ezweni Lokuhamba— uMasingana 27-uNhlanja 2</b>	36
<b>6</b>	<b>Ngizophakama—uNhlanja 3-9</b>	44
<b>7</b>	<b>Umhawu Wakho Ufinyelela Emazulwni—uNhlanja 10-16</b>	52
<b>8</b>	<b>Ubuhlakani Bokuphila Impilo Yokulunga—uNhlanja 17-23</b>	60
<b>9</b>	<b>Ubusisiwe Yena Oza Egameni LeNkosi—uNhlanja 24-uNdasa 5 –</b>	68
<b>10</b>	<b>Izifundo Zokudlulile—uNdasa 2-8</b>	76
<b>11</b>	<b>Ukulangazelela UNkulunkulu EZiyoni—uNdasa 9-15</b>	84
<b>12</b>	<b>Ukukhonza Okungapheliyo—uNdasa 16-22</b>	92
<b>13</b>	<b>Linda ENkosini—uNdasa 23-29</b>	100

**Ihhovisi Lokuhlela:**  
12501 Old Columbia Pike  
Silver Spring, MD 20904.

**Sivakashele Kwi-Website Yethu:**  
<http://www.absg.adventist.org>

**Umbhalo oqavile:**  
Dragoslava Santrac

**Umhleli:**  
Clifford R. Goldstein

**Isekela LoMhleli:**  
Soraya Homayouni

**Umphathi Wezokushicilela:**  
Lea Alexander Greve

**Umsizi Womhleli:**  
Sharon Thomas-Crews

**Umxumanisi We-Pacific Press®:**  
Tricia Wegh

**Art and Design:**  
Lars Justinien

**Ohumushele Olimini LwesiZulu:**  
Dumisani Bhengu

©2024 e-General Conference yama-Seventh-day Adventists®. Onke amalungelo agodliwe. Akukho ngxene yeSifundo Sesikole SeSabatha Sabadala ngapandile, iququlwe, ihumushele nomia isichilelewe yinoma ngubani ngaphandile kwemvume elotshive euphuma kwi-General Conference yama-Seventh-day Adventists®. Ama-division offices e-General Conference yama-Seventh-day Adventists® anikeziwe igunya

lokumushele Isifundo Sesikole SeSabatha Sabadala, ngaphansi kwemibandela ethile. Ama-Copyright aloku kuhumusheva azosala e-General Conference. "Seventh-day Adventist," "Adventist" kanye nophawu iwlengabi kubhalishe ngaphansi kwe-General Conference of Seventh-day Adventists® futhi akumulekile ukuba kuseshenziswe ngaphandle kwemvume euphuma e-General Conference.

Isifundo Sesikole SeSabatha Sabantu Abadala silungiswe yihhovisi lezifundo Zesikole SeSabatha Sabantu Abadala le-General Conference yama-Seventh-day Adventist. Ukuhlelwa kwezfundo kuphansi kokujondiswa yiKomidi LeZifundo Zesikole seSabatha lomihlaba wonke, elmarangulwe alo angabaheli abelulekayo. Isifundo esishicilelwé siwumphumela wekomidi, kanjaloke akuwona umbono womhleli noma abaheli).

**Izihumusho ZeBhayibheli**  
Izihbalo ezicashunwe lapha ezingezona eze-King James Version zicasunwe ngemvume, kuLesisifundo se-First Quarter 2024, ngokulandelayo:

**ESV.** *Lezindimana zicasunwe eBhayibhelinii  
eliNgcwele, English Standard Version®, copyright  
© 2001 ngu-Crossway, uphiko Iwe-Good News  
Publishers. Lisetshenziswe ngemvume. Onke  
amalungelo agodliwe.*

**NIV.** *Lezindimana zicasunwe eBhayibhelinii  
eliNgcwele, I-New International Version.  
Copyright © 1973, 1978, 1984, 2011 yi*

Biblica, Inc. Lisetshenziswe ngemvume. Onke amalungelo agodliwe umhlabawonke.

**NKJV.** *Lezindimana eziphuma kwi-NKJV  
ziphuma kwi-New King James Version. Copyright  
© 1979, 1980, 1982 by Thomas Nelson, Inc.  
Lisetshenziswe ngemvume. Onke amalungelo  
agodliwe.*

---

# **AmaHubo: Lapho UNkulunkulu Nabantu Bevulelana Isifuba**



**A** mahubo ayimikhuleko kanye namaculo aqavile eBhayibheli. Ashiwo ngendumiso, ngenjabulo, ngosizi, kanye nokudikibala, ekhulunywa noma eculwa ngasese noma emphakathini, ngabantu nje, amakhosi, izimbongi, kanye nabapristi, ephuma kwizoni ezilungileyo kanye neziguqukile, amaHubo asebenze njengencwadi yomkhuleko kanye neyamaculo kwizizukulwane zabakholwayo.

AmaHubo athatha indima yawo eqinisweni lokuthi nakuba iBhayibheli likhulumta kithina, amaHubo akhulumela thina futhi ekhulumisana nathi. AmaHubo angumthombo wesibusiso, ithemba, kanye nemvuselelo, umkhombandlela wokuzindla kanye nokucabanga ngobukhulu bukaNkulunkulu, ekhulula lapho othile ekhala, futhi ebizela ekuzinikeleni kuNkulunkulu. Ngalokho akumangalisi ukuthi abantu abanigi bathola amaHubo ehambisana nemizwa yabo kanye namava futhi bawathathe njengemikhuleko yabo. U-Luther ukhulumta ngokuthintayo ngamaHubo: "Yikuphi lapho othile engathola khona amazwi aphakeme okwethula injabulo ngaphandle kwamaHubo endumiso noma okubonga na? Kuwo sibona ezinhliziyweni zabangcwele bonke sengathi ubuka ensimini enhle yentokozo, noma ugqolozele ezulwini. . . . Noma ungawathola kuphi amazwi amakhulu, afanelekile, adabukisa kakhulu ngawo ongethula usizi ngale kwamaHubo esililo na? Kuwo, ubona ezinhliziyweni zabangcwele bonke sengathi ubuke ukufa noma ugqolozele esihogweni, umbono omnyama osithwe yizithunzi eziguqukayo zolaka lukaNkulunkulu. . . . ngalokho, kulula ukuqonda isizathu sokuthi Incwadi yamaHubo

---

ibe yintandokazi yabo bonke abangcwele. Ngoba wonke umuntu kuzozonke izimo angathola kuwo amaHubo ahambisana nezidingo zakhe, ezwa efanelekile sengathi ebebekelwe yena nje kuphela. Ayikho enye incwadi angathola kuwo amazwi alingana nawo, nangcono kunawo.”—Martin Luther, *Martin Luther: Selections From His Writings*, ed. John Dillenberger (New York: Anchor Books, 1962), pp. 39, 40.

Ukuba namava amandla aguqula impilo nasekuwathandazeni njengalokhu kwenza izizukulwane zamakholwa asebenzise amaHubo ukudumisa, ukunxusa, ukuvuma, ukulila, kanye nokubonga kuNkulunkulu wakho konke womusa nokulunga.

Kufanele yini siwafunde amaHubo, na? Njengazo zonke Izibhalo, amaHubo abhalwe ngokwendikimba yawo yomlando, yemfundiso, nezibhalo.

Umsebenzi wokufunda amaHubo ngowokuletha isikhathi seHubo elithile kubantu banamuhla. Kumele siqaphela ukuthi nakuba amaHubo eyimikhuleko yabantu bakaNkulunkulu futhi nemikhuleko uJesu ayikhuleka elapha emhlabeni, amaHubo ayimikhuleko *ngaye* uJesu. Ayisambulo sikaNkulunkulu kubantu. Omunye umsebenzi wokufunda amaHubo, ngakhoke, ngowokuthola kuwo amaHubo konke akwenza, nakwenzayo, nazokwenzela izwe uNkulunkulu ngoJesu Kristu.


Nakuba amaHubo eyiqoqo lezinkondlo ezingu-150, leliqoqo lingelihlelekile kunokuba libonakala. AmaHubo afakaza ngohambo lwezikamoya oluvamile kwabaningi abantwana bakaNkulunkulu. Loluhambo luqala ngokholo olusekelwe futhi lwaqiniswa ngukubusa okwengamele konke kukaNkulunkulu, futhi lapho ukulunga kuvuzwa futhi ububi bujeza. Lapho siqhubeka nokufunda kwethu, sizobona okwenzekayo ngenkathi ukholo oluhlelekile luhlaselwa futhi lwasatshisa ububi. Ngabe uNkulunkulu usabusa na? Abakholwayo bangavicula kanjani ingoma kaJehovah ezweni lokuhamba na?

Isifiso nomkhuleko wethu ngowokuthi amaHubo asiqinise ohambweni lwethu lwempilo, futhi ngawo sikhwazi ukuhlangana noNkulunkulu nsuku zonke, sivulelane izifuba, kuze kuge yilolo suku esivobona nego uJesu ubuso nobuso.

*AmaHubo  
afakaza ngohambo  
lwezikamoya  
oluvamile  
kwabaningi  
abantwana  
bakaNkulunkulu.*

# Indlela Yokufunda

## AmaHubo




---

**iSABATHA NTAMBAMA**

**Funda lokhu kuleliviki:** *I Kron. 16:7; Neh. 12:8; Hub. 25:1–5; Hub. 33:1–3; Rom. 8:26, 27; Hub. 82:8; Hub. 121:7.*

**Indimana Yenkumbulo:** “Wayesethi kubo: ‘Yiwo lawo mazwi ami engawakhuluma kini ngisenani okuthi, Kumelwe ukugcwaliseka konke okulotshwe ngami emthethweni kaMose, nakubaprofethi nasemaHutsheni.’ Khona wayesevula ingqondo yabo, ukuze baqonde imibhalo” (*Luka 24:44, 45, NKJV*).

AmaHubo abe yincwadi yomkhuleko kanye neyamaculo kumaJuda kanye namaKristu ezikhathini zonke. Futhi nakuba amaHubo engamazwi omhubi awasho kuNkulunkulu, amaHubo awaqhamukanga kubantu kepha kuNkulunkulu, owaphefumulela imicabango yabo.

Nembala, uJehova wabaphefumulela ukuba balobe abakuloba, okungako, njengakuzo zonke Izibhalo (*2 Pet. 1:21*), uNkulunkulu kumaHubo ukhuluma kithina ngezincke Zakhe nangoMoya Wakhe. UJesu, abapostoli, kanye nababhalu beTestamente Elisha bathatha kumaHubo futhi bakhomba kuwo njengeZibhalo (*Marko 12:10; Johane 10:34, 35; Johane 13:18*). Ngokuqinisekile ayiZwi likaNkulunkulu njengezincwadi zikaGenesisi nabaseRoma.

AmaHubo abhalwe ngokwezinkondlo zesiHeberu ngababhalu abahlukahlukene bakwalsrayeli wasendulo, ngalokho amaHubo abonakalisa isikhathi sabo, nakuba imibiko yawo ingesikhathi sonke. Ukwamukela amaHubo njengeZwi likaNkulunkulu futhi siqaphela isimpawu zobunkondlo zawo amaHubo, kanye nomlando wawo, imfundiso, kanye nengqikithi, kuyisisekelo ekuqondeni imibiko yawo, efinyelela ezinkulungwaneni zeminyaka kuze kuge namuhla.

\*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, uMasingana 6.

## AmaHubo Ekukhonzeni KukaIsrayeli Wasendulo

**Funda** u-1 IziKronike 16:7, Nehemiya 12:8, iHubo 18:1, iHubo 30:1, iHubo 92:1, iHubo 95:2, iHubo 105:2, Kolose 3:16 no Jakobe 5:13. Kwakuyiziphi izigameko ezazifunzela ukulotshwa kwamanye amaHubo na? Abantu bakaNkulunkulu babewasebenzisa nini amaHubo?

---



---



---

AmaHubo aqanjwelwa ukuba asetshenziswe ekusithekeni nasekukhonzeni kwasemphakathini. Ayehlatshelelwa njengamaculo ethempelini, njengalokhu kuvezwa yizichasiso zomculo ezibalula izimfijoli (*Hub. 61:1*), amashuni (*Hub. 9:1*) kanye nabaholi bomculo (*Hub. 8:1*).

EBhayibhelini lesiHeberu, isihloko seNcwadi yamaHubo, *tehilim*, “izindumiso,” siveza inhloso yawo enkulu, okungukuthi, ukudumisa uNkulunkulu. Isihloko sesiNgisi seNcwadi *yamaHubo* sisuka esiGrikini *psalmoi*, sitholakala kwSeptuagint, okuyisihumusho sokuqala (second and third century B.C.) sesiGriki seBhayibhelini lesiHeberu.

AmaHubo ayeyingxene ye dingekayo yokukhonza kukaIsrayeli. Ngokwesibonelo, ayesetshenziswa ekunikeleni ithempeli, kwimigidi yezenkolo, kudwendwe, kanye nasekubekeni umphongolo wesivumelwano eJerusalem.

“Amaculo Okwenyuka” (*AmaHubo 120-134*), aziwa futhi njengamaculo ohambo, ayevama ukuculwa ngesikhathi sokuya ejerusalemka kwimigubho emithathu yaminyaka yonke (*Eksd. 23:14-17*). “Indumiso yaseGibhithe (Egyptian Hallel)” (*AmaHubo 113-118*) kanye “Nendumiso Enkulu (Great Hallel)” (iHubo 136) zaziculwa kwimigubho emithathu emikhulu yonyaka, kufaka nemigubho yeNyanga Entsha kanye nasekunikelweni kwethempeli. Indumiso yaseGibhithe yayithola indawo ebalulekile emkhosini wePhasika. AmaHubo 113 no 114 ayculwa ekuqaleni kwesidlo sePhasika, kuthi amaHubo 115-118 aculwe ekugcineni (*Mat. 26:30*). “Indumiso Yansuku Zonke” (*AmaHubo 145-150*) ayefakwa emikhulekweni yansuku zonke ezinkozweni zesinagoge ekuseni.

AmaHubo ayengaphelezeli nje ekukhonzeni kwabantu kuphela, kodwa ayebafundisa ngendlela okumele bakhonze ngayo uNkulunkulu endaweni engcwele. UJesu wakhuleka ngamazwi eHubo 22 (*Mat. 27:46*). AmaHubo ayethola indawo ebalulekile empilweni yebandla lokuqala, ngokunjalo (*Kol. 3:16, Efes. 5:19*).

**Nakuba thina, nembala, singakhonzi uNkulunkulu endaweni engcwele yasemhlabeni enjengethempeli, singwasebenzisa kanjani amaHubo ekukhonzeni kwethu, noma kusekusithekeni noma emphakathini na?**

---

## Asihlangane NabaHlabeleli

Inkosi uDavide, ogama lakhe libonakala ezihlokweni eziningi zamaHubo, waye neqhaza ekuhleleni uhlelo lokukhonza lwakwaIsrayeli. Wayebizwa “ngomhlabeleli omtoti wakwaIsrayeli” (*2 Sam. 23:1*). ITestamente Elisha lifakaza ngokuba ngumqambi kukaDavide kwamaHubo amaningana (*Mat. 22:43-45; Zenzo 2:25-29, 34, 35; Zenzo 4:25; Rom. 4:6-8*). AmaHubo amaningi aqanjwa ngabaculi basethempelini ababengabaLevi nabo: ngokwesibonelo, iHubo 50 namaHubo 73-83 ngu-Asaph; iHubo 42, namaHubo 44-47, iHubo 49, iHubo 84, iHubo 85, neHubo 88 ngamadodana ka-Korah; iHubo 88 ngu-Heman um-Ezrahite; futhi iHubo 89 ngu-Ethan um-Ezrahite. Ngale kwawo, uSolomoni (*Hubo 72, Hubo 127*) noMose (*Hubo 90*) baqamba amanye amahubo.

**Funda** iHubo 25:1-5; iHubo 42:1; iHubo 75:1, iHubo 77:1; iHubo 84:1, 2; iHubo 88:1-3; neHubo 89:1. **LamaHubo embulani ngamava abaqambi bawo ababedlula kuwo na?**

---



---



---

UMoya oNgcwele waphefumulela abahlabalelei futhi wasebenzisa amathalente abo ekusebenzeleni uNkulunkulu kanye nomphakathi wabo wenkolo. Abahlabeleli babengabantu bokuzinikela kweqiniso kanye nokholo olukhulu kepha bevamile ukudumala nokulingwa, njengathi sonke. Nakuba ebhalwe esikhathini eside esedlule, ngeqiniso amaHubo abonisa okuthile esinamava ako namuhla.

“Umkhuleko wami mawufike ebusweni bakho, indlebe yakho uyibeke ekunxuseni kwami. Ngokuba umphefumulo wami ugcwele izinsizi, ukuphila kwami kusondele endaweni yabafileyo” (*Hub. 88:2, 3, NKJV*). Lesi yisililo somphefumulo wenyakhulu lamashumi amabili nanye njengalokhu kwakungesothele eminyakeni engu-3,000 edlule.

Amanye amahubo abalula ukuhlupheka; amanye agxile enjabulweni. Abahlabeleli bakhala kuNkulunkulu ukuba abasindise, futhi baba namava omusa Wakhe abangawufanele. Badumisa uNkulunkulu ngokwethembeka Kwakhe nothando, futhi bafunga ngokuzinikela kuye ngokuphelele. Ngalokho, amaHubo angubufakazi bokuHlenga kwezulu kanye nezimpawu zomusa nethemba likaNkulunkulu. AmaHubo adlulisa isithembiso sezulu kubo bonke abamukela, ngokholo, izipho zikaNkulunkulu zentethelelo nempiro entsha. Kepha, ngesikhathi esisodwa, awazami ukufihla noma ukubukela phansi ukuhlupheka okwandile emhlabeni wesono.

**Singalithola kanjani ithemba nenduduzo ekwazini ukuthi nabantu abathembekileyo, njengabahlabeleli, balwisana nezinto esibhekana nazo nathi na?**

---

## Ingoma Yezikhathi Zonke

**Funda** iHubo 3, iHubo 33:1-3, neHubo 109:6-15. Yiziphi izigaba ezahlukene zamava abantu ezidluliswa yilamaHubo na?

---



---

AmaHubo enza amakholwa aqwashe ngamava aphelele abantu, futhi abonisa ukuthi amakholwa angamkhonza uNkulunkulu kuzo zonke izikhathi zempilo. Kuwo sibona okulandelayo:

(1) Amaculo aphakamisa uNkulunkulu ngobukhosi Bakhe namandla kwindalo, ukubusa Kwakhe kobukhosi, ukwahlulela, nokwethembeka. (2) AmaHubo okubonga ethula ukubonga okukhulu ngezibuso eziningi zikaNkulunkulu. (3) Izililo ezingukukhala okujulile zicela kuNkulunkulu ukuhlengwa ezinkingeni. (4) AmaHubo obuhlakanani anikeza izeluleko zokuphila ngokulunga. (5) AmaHubo asebukhosini akhomba kuKristu, oyiNkosi yakho konke kanye noMhlensi wabantu bakaNkulunkulu. (6) AmaHubo omlando akhumbula ingemuva likaIsrayeli futhi agqamise ukwethembeka kukaNkulunkulu kanye nokunethembeki kukaIsrayeli ekufundiseni izizukulwane ezilandelayo ukuba zingaphindi amaphutha okhokho bazo kodwa zithembe uNkulunkulu futhi zithembeke esivumelwaneni Sakhe.

Ubunkondlo bamaHubo bubonisa amandla awodwa okuthathekisa abafundi. Nakuba ezinye zalezizikhali zenkondlo zilahleka ekuhumusheni, sisakwazi, nakwizilimi zethu, ukuzithakasela.

1. *Ukuhambisana* kufaka ukuhlanganisa amagama, izisho, nemicabango efanana nxazombili. Ukuhambisana kusiza ekuqondeni incazeloyezigaba ezilandelayo. ngokwesibonelo: “Mbonge uJehova, mphefumulo wami; konke okuphakathi kwami makubonge igama lakhe elingwele!” (*Hub. 103:1, NKJV*). Kulokhu kuhambisana, u“mphefumulo wami” uyikho “konke okuphakathi kwami,” okungukuthi konke okuyimina.

2. *Ukufanekisa* kusebenzisa ulimi lwesingathekiso ukubiza imizwa yenyama yabafundi (ngokwesibonelo, ukuba yinqaba kukaNkulunkulu kuvezwa njenge“sithunzi samaphiko Akhe” (*Hub. 17:8, NKJV*).

3. *I-Merism* (indlela yokukhuluma ehlanganisa izingxenye eziphikisanayo ukuchaza okuphelele) yethula ukuphelela ngokusebenzisa izingxenye eziphikisanayo. “Ngilile imini nobusuku phambi kwakho” okusho ukulila ngokungaphezi (*Hub. 88:1, emphasis supplied*).

4. *Ukulalala ngamagama* kusebenzisa umsindo wamagama ukwenza ihlaya lamagama ezwakala efana futhi agqamise umbiko wezikamoya. KwiHubo 96:4, 5 amagama esiHeberu ‘elohim,’ “onkulunkulu,” no ‘elilim,’ “izithombe,” adala ukulalala kwamagama ukwedlulisa umbiko wokuthi onkulunkulu bezizwe babonakala benjengo-‘elohim,’ “onkulunkulu,” kodwa o-‘elilim,’ “izithombe.”

Ekugcineni, igama u-“selah” likhomba isikhathi esiphakathi, kungaba ubizo lokuma isikhashana wetshise umbiko wesigaba esithile sehubo noma ukuguquka kwemfijoli ephelezelayo (*Hub. 61:4*).

## Imikhuleko Ephefumulelw

**Funda u-2 Samuweli 23:1, 2 no Roma 8:26, 27. Lemibhalo isifundisani ngomkhuleko na?**

---



---

AmaHubo yimikhuleko ephefumulelw kanye nezindumiso zikaIsrayeli, futhi ngalokho kumaHubo izwi ngelikaNkulunkulu lixutshwe nalelo labantu Bakhe. AmaHubo athatha isimo sokuxoxisana noNkulunkulu ngendlela ebonakalayo.

Abahlabeleli bakhulumu noNkulunkulu buqu Bakhe ngokuthi “Nkulunkulu wami,” “O Nkosi,” kanye no “Nkosi yami” (*Hub. 5:2, Hub. 84:3*). Abahlabeleli bavama ukunxusa uNkulunkulu ukuba “aphe indlebe (alalele)” (*Hub. 5:1*), “yizwa umkhuleko wami” (*Hub. 39:12*), “buka” (*Hub. 25:18*, “ngiphendule” (*Hub. 102:2*), futhi “ungihlangule” (*Hub. 6:4, NKJV*). Lokhu ngokusobala yizisho zothile okhuleka kuNkulunkulu.

Ubuhle nokuheha okumangalisayo kwamaHubo njengemikhuleko nendumiso kulele eqinisweni lokuthi amaHubo ayiZwi likaNkulunkulu ngesimo semikhuleko emnene nendumiso yamakholwa. AmaHubo, ngakhoke, ahlinzeka abantwana bakaNkulunkulu ngemizuzu yokuxhumana okusondelene, njengalokho okuchazwe kumaRoma 8:26, 27: “Ngokunjalo noMoya uyasisiza ebuthakathakeni bethu; ngokuba asikwazi esingakucela ngokufaneleyo, kodwa uMoya uqobo usikhulumela ngokububula okungenakuphinyiselwa; kepha yena ohlola izinhliziyo uyawazi okuqondwa nguMoya, ngokuba ukhulumela abangcwela ngokwentando kaNkulunkulu” (*NKJV*).

UJesu, naye, wacaphuna kumaHubo, njengalapha kuLuka 20:42, 43, ngenkathi ephinda amazwi eHubo 110:1—“ ‘Manje uDavide ngokwakhe wathi Encwadini yamaHubo;/ “UJehovah wathi Enkosini yami,/’ Hlala kwesokunene Sami,/ Ngize ngenze izitha Zakho zibe yisenabelo sezinyawo zakho”” (*NKJV*).

Nakuba amanye amaHubo equbuke, noma ebhekisa, ezigamekweni ezithile zomlando kanye namava abahlabeleli, kanye namava akwaIsrayeli njengesizwe, ukudepha kwezikamoya kwamaHubo kukhuluma nezimo ezahlukene zempilo futhi kweqe yonke imingcele yamasikompilo, ezenkolo, ezobuzwe, kanye nobulili. Ngamanye amazwi, lapho ufunda amaHubo, uzothola kuwo ithemba, ukudumisa, ukwesaba, intukuthelo, ukudabuka, umunyu, izinto abantu yonke indawo, kuzo zonke izikhathi, noma kuyiziphi izimo, ababhekana nazo. Akhuluma kithina sonke, ngolwimi lwamava ethu.

**Ukusebenzisa amaHubo kukaJesu kumele kusitshela ini ngokubaluleka angawatlala kumava ethu okholo na?**

---

## Izwe LamaHubo

**Funda** iHubo 16:8; iHubo 44:8; iHubo 46:1; iHubo 47:1, 7; iHubo 57:2; iHubo 62:8; iHubo 82:8; neHubo 121:7. UNkulunkulu uthatha yiphi indawo empilweni yomhlabeleli na?

---



---

Izwe lamaHubo ligxile ngokuphelele kuNkulunkulu; lifuna ukunikela, ngomkhuleko nangokudumisa, onke amava empilo kuNkulunkulu. UNkulunkulu nguMdali wakho konke, iNkosi noMahluleli womhlaba wonke. Uhlinzeka abantwana Bakhe ngakho konke. Ngakhoke, kumele ethenjiwe ngazo zonke izikhathi. Nezitha zabantu bakaNkulunkulu ziyabuza “‘Uphi uNkulunkulu wakho (wenu) na?’” lapho abantu bakaNkulunkulu bebukeka behluleka (*Hub. 42:10, NKJV*). Njengalokho uJehovah enguNkulunkulu okhona njalo nongahluleki kubantu Bakhe, ngalokho abantu bakaNkulunkulu baNaye njalo phambi kwabo. Ekugcineni, amaHubo anombono wesikhathi lapho bonke abantu kanye nendalo yonke beyokhonza uNkulunkulu (*Hub. 47:1, Hub. 64:9*).

Ubukhulu bukaNkulunkulu empilweni kudala ukugxila kokukhonza. Ukukhonza amaHubo ayephila kukho kwakwehluke kakhulu ekukhonzeni njengalokhu kuqondwa ngabantu abanangi namuhla, ngoba ukukhonza osikweni lwebhayibhelii kwakuyingxene yemvelo nengaphikiswa yempilo yomphakathi wonke. Ngakhoke, konke okwakwenzeka, okuhle nokubi, empilweni yabantu bakaNkulunkulu kwakwethulwa ekukhonzeni. UNkulunkulu uyamuzwa umhlabeleli, noma ngabe ekuphi, futhi amphendule ngesikhathi Sakhe esifanele (*Hub. 3:4, Hub. 18:6, Hub. 20:6*).

Umhlabeleli uyazi ukuthi indawo kaNkulunkulu yokuhlala isezelwini, kodwa ngesikhathi esifanayo, uNkulunkulu uhlala eZiyoni, endaweni engcweli phakathi kwabantu Bakhe. UNkulunkulu ngesikhathi esisodwa ukude futhi abe seduzane, yonke indawo, kanye nasethempelini Lakhe (*Hub. 11:4*), esithekile (*Hub. 10:1*) futhi engaziwa (*Hub. 41:12*). KumaHubo lezizimpawu ezihambisana ngokungahlangene zilethwa ndawonye. Abahlabeleli babeqonda ukuthi ukusondela nokuqhela kwakuhlangene ebuNkulunkulwini (*Hub. 24:7-10*). Abahlabeleli babewaqonda amandla aloku kudonsisana kwezikamoya. Ukuqwasha kwabo ngokulunga kukaNkulunkulu nobukhona Bakhe, phakathi kwanoma yini ababedlula kuyo, yikona okuquinisa ithemba labo ngenkathi belindele ukungenelela kukaNkulunkulu, ngendlela nangesikhathi aqoka ngaso Yena.

**AmaHubo angasisiza kanjani ukuba siqonde ukuthi ngeke sabekela uNkulunkulu umkhawulo ezigabenzi ezithile zokuphila kwethu na? Kungaba yiziphi izingxeye zempilo yakho kuzo ofuna uNkulunkulu angangeni na?**

---

**Ukucabanga Okubanzi:** Funda u-Ellen G. White, “The Temple and Its Dedication,” pp. 35–50, in *Prophets and Kings*; “The Benefits of Music,” pp. 291, 292, in *Messages to Young People*.

Incwadi yamaHubo iqukethe amahubo angu-150, aqoqelwe ezincwadini ezinhlanu: Incwadi I (*AmaHubo 1-41*), Incwadi II (*AmaHubo 42-72*), Incwadi III (*AmaHubo 73-89*), Incwadi IV (*AmaHubo 90-106*), kuthi Incwadi V (*AmaHubo 107-150*). Ukwehlukanisa kahlanu amaHubo ngumkhuba wakuqala wamaJuda ohambisana nokwehlukanisa kahlanu izincwadi zikaMose (Pentateuch).

Incwadi yamaHubo inikeza ubufakazi bamaHubo ayesevele ekhona ngaphambilini: AmHubo ama-Korahite (*AmaHubo 42-49, 8, 85, 87, 88*), amaHubo ka-Asaph (*AmaHubo 73-83*), Izingoma Zokwenuyekela (*AmaHubo 120-134*), kanye namaHubo ka-Hallelujah (*AmaHubo 111-118, 146-150*). Ihubo 72:20 lifakaza ngamahubo ayingcosana kaDavide.

Njengoba amahubo ehlanganiswa nesikhathi seNkosi uDavide nobukhosи bokuqala (tenth century b.c.), iqoqo lamaHubo laqhubeka nokukhula kulezizikhathi ezilandelayo: ebukhosini obuhlukene, ekudingisweni, nasesikhathimi esilandela ukudingiswa. Kuyasolakala ukuthi ababhalı bamaHeberu ngaphansi kokuhola kuka-Ezra bahlanganisa iqoqwana lamaHubo elalikhona benza incwadi eyodwa ngenkathi besebenzela ekusungulenı izinkonzo zethempeli elisha.

Iqiniso lokuthi ababhalı bahlanganisa Incwadi yamaHubo akususi ukuthi ayephefumulelwе. Ababhalı, njengabaHlabeli, babeyizinceku ezizinikele zikaNkulunkulu, futhi umsebenzi wabo wawuqondiswe nguNkulunkulu (*Ezra 7:6, 10*). Isimo sobunkulunkulu nobuntu bamaHubo siyaqhathaniseka nobunye bobunkulunkulu nobuntu kweNkosi uJesu. “Kepha iBhayibhelı, namaqiniso alo anikezwe nguNkulunkulu athulwa ngolimi lwabantu, lethula ubunye bobunkulunkulu nobantu. Lobu bune babukhona esimweni sikaKristu, owayeyiNdodana kaNkulunkulu kanye neNdodana yoMuntu. Ngalokho kuyiqiniso nangeBhayibhelı, njengalokho kwakunjalo ngoKristu, ukuthi ‘iZwi lenziwa inyama, futhi lahlala phakathi kwethu.”—Ellen G. White, *The Great Controversy*, p. 8.

### Imibuzo Yokuxoxisana:

- ❶ **Kuchaza ukuthini ukuthi amaHubo ayimikhuleko namaculo yobunkulunkulu nobuntu na? Lomqondo, nakuba kulukhuni ukuwubamba, usisiza kanjani ekuboneni ukusondelana uNkulunkulu akufuna nabantu Bakhe na? Lokhu kwembula kanjani, ngendlela yako, indlela kwisintu, nakithi ngamunye, uNkulunkulu asondele ngayo na?**
  
- ❷ **Eklasini, khulumani ngesikhathi owathola ngaso kumaHubo ekhuluma ngokuqondene nesimo sakho. Ndunduzo nathemba lini ovalithola lapho na?**

# Sifundise Ukukhuleka



## iSABATHA NTAMBAMA

**Funda Lokhu Kuleliviki:** *Hub. 105:5, Kol. 3:16, Jakobe 5:13, iHubo 44, iHubo 22, iHubo 13, Hub. 60:1–5.*

**Indimana Yenkumbulo:** “Kwathi ekhuleka endaweni ethile, esegcinile, omunye wabafundi bakhe wathi kuye, ‘Nkosi, sifundise ukukhuleka, njengokuba uJohane naye wabafundisa abafundi bakhe’” (*Luka 11:1, NKJV*).

**I**nkolelo yokuthi imikhuleko engahleliwe, nengahlosiwe yimikhuleko yangempela ibonakala yandile phakathi kwamakholwa athile. Kepha, abafundi bakaJesu bavuzeka kakhulu ngenkathi becela uJesu abafundise ukukhuleka. UNkulunkulu wabeka incwadi yomkhuleko, amaHubo, kumongo weBhayibheli, hhayi ukuba asibonise indlela abantu bakaNkulunkulu basendulo ababekhuleka ngayo kepha futhi ukufundisa thina indlela esingakhuleka ngayo namuhla.

Kusukela ezikhathini zakuqala, amaHubo abumbe imikhuleko yabantu bakaNkulunkulu, kanye nemikhuleko kaJesu (*I Kron. 16:7, 9; Neh. 12:8; Mat. 27:46; Efes. 5:19*). Kuleliviki sizobuka indima amaHubo ayidlala ekusizeni abantu bakaNkulunkulu ohambweni lwempho yabo nasekukhuleni ebudlelwaneni babo noNkulunkulu. Kumele sikhumbule ukuthi amaHubo ayimikhuleko futhi, ngalokho, abaluleke kakhuku, hhayi nje ngokwemfundiso kodwa nangokwezindlela anganothisa ngazo futhi aguqule ngazo imikhuleko yethu ngamunye kanye nomphakathi.

Ukukhuleka amaHubo kusize amakholwa amanangi ekusunguleni nasekugcineni izimpilo ezigcwеле zomkhuleko.

Kuleliviki sizoqhubeka nokubuka amaHubo, ikakhulu ngokwengqikithi yezikhathi izinto zingasihambeli kahle.

\*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, uMasingana 13.

## Ukukhuthaza Ukusetshenziswa KwamaHubo Emkhulekweni

**Funda** iHubo 105:5, Kolose 3:16, no Jakobe 5:13. Iyiphi indawo yamaHubo kumava ekholwa okudumisa na?

---



---



---

Indlela elula yokufaka amaHubo empilweni yakho ngeyokunikela isikhathi usuku ngalunye ekufundeni ihubo, ukusukela kwiHubo 1, futhi ulandelanise ngokuhleka kwavo. Enye indlela ngeyokufunda amaHubo ahambisana nesimo okusona ngalesosikhathi, noma ngabe yisiphi: kakhona amaHubo okulila, amaHubo okulila ngokuhlanganyela, amaHubo okubonga, amaculo, amaHubo okuvuma izono, amaHubo enhlakanipho (okufuna ukuhlakanipha nokuhola kukaNkulunkulu), amaHubo omlando, amaHubo aqukethe intukuthelo nolaka, kanye namaHubo ohambo. Esikhathini esingangezinyanga ezintathu, sizobe sibuka iningi lawo futhi sifunda lamaHubo ngokwengqikithi aqhamuka kuyo.

Siwafunda kanjani pho amaHubo?

Qala ngokufunda iHubo, uzindle ngalo bese uyakhuleka. Ukwetshisa iHubo kufaka ukuzindla ngezigaba zehubo: indlela umhlabeleli abiza ngayo uNkulunkulu, kanye nezizathu zomkhuleko. Cabanga indlela isimo okuso esihambisana ngaso namava omhlabeleli kanye nendlela ihubo elingakusiza ngayo ekucaciseni amava akho. Uyomangala ngokuvama uzithola uhambisana nalokho oyobe ukufunda lapho.

Uma okuthile kwihubo kukufaka inselele, zindla, ngokwesibonelo, ngokuthi ngabe ihubo lilungisa amathemba akho angekho ngalokho obhekene nakho. Cabanga ngombiko wehubo ngokukaKristu kanye nomsebenzi Wakhe wosindiso kanye nethemba lesikhathi eside umsebenzi kaKristu osinika lona. Njengoba sazi, noma kumele sazi, kuyasiza njalo ukubuka konke eBhayibhelini ngokukaKristu nesiphambano.

Futhi, buka izinhloso ezintsha zomkhuleko ezhlinzekwa yiHubo, bese ucabanga ngokubaluleka kwazo kuwe, ebandleni lakho, nasezweni. Cela uNkulunkulu ukuba afake iZwi Lakhe enhliziyweni yakho nasemqondweni. Uma ihubo lihambisana nesimo sothile omaziyo, khulekela lowo muntu. Okuyikona yilokhu amaHubo abhekana nezigaba eziningi zempilo, futhi zingacetshisa ngokufunda kanye nokumunyela ezhnliziyweni zethu lokho akusho kithina.

**Kuchaza ukuthini “ukuvumela izwi likaKristu lihlale kini ngokuvamile” (Kol. 3:16) na? Kungani ukufunda iBhayibhelini kuyisinyathelo sokuqala nesisemqoka salamava na?**

---

## Ithemba Ngezikkhathi Zokuhlupheka

Onke amaKristu ayazi, futhi abe namava, ngezikkhathi zokudikibala kanye nokuhlupheka, izikhathi lapho ezibuzile ukuthi uJehovah wenzani, noma kungani uJehovah evumela lezizinto zenzeke kubona. Abahlabeleli ngokwabo badlula ezintweni ezifanayo. Futhi, ngokuphefumulelwa, baloba ngamava abo.

**Funda iHubo 44. Lithini kithina, futhi kungani lifanelekile kumakholwa ezikhathini zonke na?**

---



---

Ukukhethwa kwamaHubo ezinkonzweni kuvama ukubonisa ngokukodwa imizwa kanye namazwi esiwakhulumayo emikhulekweni yethu. Lokhu kubophezeleka kungaba wuphawu lokungakwazi kwethu noma ukungakhululeki kwethu ekubhekaneni namaqiniso abuhlungu empilo. Nakuba ngezinye izikhathi singaba nomuzwa wokuthi uNkulunkulu akasiphathi kahle lapho ukuhlupheka kufika kithina, sikuthola kungafanelekile ukwethula imicabango yethi emphakathini nakuyo imikhuleko yethu esesithe.

Lokhu kunqikaza kungabanga ukuba sigeje isizathu sokukhonza. Ukwehluleka ukusho ngokwethembeka nasobala imizwa yethu kanye nemibono phambi kukaNkulunkulu emkhulekweni kuvama ukusishiya emakhamandeleni emizwa yethu. Lokhu futhi kusincisha isibindi kanye nethemba ekuzeni kuNkulunkulu. Ukukhuleka amaHubo kusinikeza isiqiniseko sokuthi, lapho sikhuleka futhi sidumisa, asilindelekile ukuba sibeke imingcele noma sincishe amava ethu.

Ihubo 44, ngokwesibonelo, lingasiza abakhonzayo ukubeka ngokusobala amava abo okubamsulwa ekuhluphekeni futhi ngokwanele. Ukukhuleka amaHubo kusiza abantu babe namava enkululeko yokukhuluma emkhulekweni. AmaHubo asinikeza amazwi esiwaswelayo noma esesaba ukuwakhuluma. “Inhliziyo yethu ayibuyelanga emuva; izinyathelo zethu aziphambukanga endleleni yakho, uze usipahlaze endaweni yezimpungushe, usimboze ngethunzi lokufa” (*Hub. 44:18, 19, NKJV*).

Qaphela, nokho, indlela iHubo 44 eliqala ngayo. Umbhali ukhuluma ngendlela, emandulo, uNkulunkulu enze ngayo izinto ezinkulu kubantu Bakhe. Yingakho, umbhali ebeka themba lakhe kuNkulunkulu hhayi “kumnsalo wami” (*Hub. 44:6*).

Ngaphandle kwaloku, izinkinga zifikile kubantu bakaNkulunkulu. Uhla losizi kanye nokulila lude futhi lubuhlungu. Nakuba kunjalo, naphakathi kwakho konke lokhu, umhlabeleli ukhala kuNkulunkulu ukuba akhulule, “usihlenge ngenxa yomusa Wakho” (*Hub. 44:26, NKJV*). Okungukuthi, naphakathi kwako ukuhlupheka, uyalazi iqiniso likaNkulunkulu nothando Lwakhe.

**Ukubuyekeza kwethu izikhathi ezedlule, ngenkathi ubukhona bukaNkulunkulu bezwakala buphatheka, kungakusiza kanjani ezikhathini lapho izinhlupheko zingakwenza ucabange ukuthi uNkulunkulu ukude kakhulu na?**

## Ihubo Lokuphelelwa Yithemba

Ukukhuleka amaHubo kwenza okungaphezulu kokunikeza abakhonzayo indlela yokusho imikhuleko yabo ngokukhululeka. AmaHubo alawula amava abo ngokwamazinga kaNkulunkulu futhi enze kubelula ngokungenisa ithemba nokuqiniseka nogukhona bukaNkulunkulu.

**Funda iHubo 22. Yini esingayifunda kulelihubo mayelana nokuthembela kuNkulunkulu ekuhluphekeni okukhulu na?**

---



---



---

Amazwi esililo eHubo 22 angasiza abantu abahluphekile ukwethula usizi lwabo kanye nomzwangedwa: “Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na? Ukude namazwi okubububula kwami nokusindiswa kwami?” (*NKJV*).

Lamazwi, nembalu, adumile kumaKristu ngoba ngamazwi uJesu ngoKwakhe, ngenkathi esesiphambanweni, awasho, asibonisa indlela amaHubo ayengumongo wamava kaKristu (*buka uMat. 27:46*).

Nakuba kunjalo, nakukho ukuhlupheka, lamazwi nawo ayashiwo: “Ngiyakushumayeza abafowethu igama lakho, ngikudumise phakathi kwebandla.” (*Hub. 22:22, NKJV*).

Ngamanye amazwi, nakuba lemizwa ingahambisani nokuxakeka kumbhali manje, umhlabeleli wayesabonisa ukholo lwakhe kuNkulunkulu futhi ememezela ukuthi, noma kungenzekani, uyokuqhubeka nokudumisa uNkulunkulu.

Okuyikona nakhu, ngokusinika amazwi okukhuleka, amaHubo asifundisa ukubuka ngale kxesimo sethu samanje futhi, ngokholo, sibone isikhathi lapho impilo yethu iyobuyiselwa ngomusa kaNkulunkulu.

Ukukhuleka amaHubo ngalokho Kubeka abakhonzayo emazingeni amasha kwezikamoya. AmaHubo enza abakhonzayo bethule imizwa yabo nokuqonda, kephla abashiwi lapho bekhone. Abakhonzayo baholelwa ekushiyeni imithwalo yabo yobuhlungu, yokudumala, yentukuthelo, nokuphelelwa yithemba phambi kukaNkulunkulu kanye nokuthembela kuYena, noma izimo zabo zinjani.

Ukusuka ekulileni kuye ekudumiseni okubonakala kumaHubo amanangi kuveza ukuguquka kwezikamoya amakholwa aba namava ako ngenkathi amukela umusa kaNkulunkulu nenduduzo emkhulekweni.

**Singafunda kanjani ukubuka ngale kwezinhlupheko zethu zamanje futhi, ngalokho, sithembele ekulungeni kukaNkulunkulu, noma ngabe sibhekene nani manje na?**

---

## Ukusuka Ekuphelelwani Yithemba Uye Ethembeni

Kusenokwenzeka sonke sike sabhekana nezikhathi lapho ubukhona bukaNkulunkulu babubukeka bukude kakhulu nathi. Ngubani, ngezinye izikhathi, ongakaze acabange: *Kwenzeke kanjani lokhu na?*

Abahlabeleli, bengabantu njengathi sonke, nembalu babhekana nezinto ezifanayo. Nakuba, yebo, ngezinye izikhathi izono zethu ziletha izinhlupheko kithina, ngezinye izikhathi zibukeka zingafanele, futhi sibe nomuzwa wokuthi besingakufanele lokho esibhekene nako manje. Futhi, ngubani ongakaze abe lapho na?

**Funda iHubo 13. Yimiphi imizwa emibili ongayikhomba kulelihubo na? Yisiphi isinqumo ocabanga ukuthi saletha lenguquko enkulu ekubukeni komhlabeleli na?**

---



---



---

“Koze kube nini, Jehova, ungikhohlwa njalonjalo na? Koze kube nini usitheza ubuso bakho kimi na?” (*Hub. 13:1, NKJV*). Futhi, ngubani ongahambisani nalemizwa, nakuba ingalungile na? (Ngabe uNkulunkulu uyasikhohlwa na?)

Ihubo 13, ngalokho, likhomba endleleni yokugwema elinye iphuthu elivamile, elingukugxila kithina kanye nezinkinga zethu uma sikhuleka. Lelihubo lingaguqula ukukhuleka kwethu ngokusiholela ekuqiniseni isimo esithembekile nesingaguquki sokwenza kukaNkulunkulu kubantu Bakhe.

Ngeqiniso, nakuba ihubo liqala ngezililo nokukhononda, aligcini lapho. Futhi leli yiphuzu elisemqoka.

Ihubo lisiholela ekukhetheni ngamabomu ukuthembela emandleni kaNkulunkulu ahlengayo (*Hub. 13:5*), ukuze ukwesaba kwethu nexhala (*Hub. 13:1-4*) kungadedela insindiso kaNkulunkulu, futhi siqale ukuba namava enguquko yokusuka ekulileni siye ekudumiseni, ekuphelelwani yithemba siye ekuthembeni (*Hub. 13:5, 6*).

Nakuba kunjalo, ukuphindaphinda nje lamazwi amaHubo ngokuqonda okuncane kwencazelo yawo ngeke kwaveza inguquko yeqiniso ehloswe ngukuwasebenzisa. Ngenkathi sikhuleka amaHubo, kumele sifune uMoya oNgcweli userenze senze ngendlela efunwa yihubo. AmaHubo ayiZwi likaNkulunkulu ngalo izimilo zamakholwa nezenzo ziyaguqulwa, hhayi nje zaziswe. Ngomusa kaNkulunkulu, izithembiso zamaHubo ziyagcwaliyeka ezimpilweni zamakholwa. Lokhu kuchaza ukuthi sivumela iZwi likaNkulunkulu lisibumbe ngokwentando kaNkulunkulu futhi lisenze sibemunyye noKristu, owabonakalisa intando ephelele kaNkulunkulu futhi, njengeNdodana kaNkulunkulu engumuntu, wakhuleka amaHubo, ngokunjalo.

**Izinhlupheko zakho zingakusondeza kanjani kuNkulunkulu na? Kungani, uma unganakile, zingakuqhelisa kuYena na?**

## Oh, Silulamise Futhi

**Funda** iHubo 60:1-5. Kungaziphi izikhathi ocabanga ukuthi lelihubo lingaba ngumkhuleko ofanelekile na? Singazuza kanjani kumaHubo esililo nasezikhathini zenjabulo na?

---



---



---

AmaHubo esililo avamile ukuqondwa njengemikhuleko yabantu abaphila ezikhathini ezilukhuni nomu kusenyameni, emqondweni, nomu kwezikamoya. Noma zontathu.

Kepha, lokhu akuchazi ukuthi kumele siwamagweme lamaHubo, nasezikhathini ezinhle. Ngezinye izikhathi kusenokuba khona ukungahambisani phakathi kwamazwi ehubo kanye namava amanje kokhonzayo. Okungukuthi, amaHubo esililo angaba yinzuzu kwabakhonzayo abangekho ekuhluphekeni.

Okokuqala, angasenza siqwashe kakhulu ngokuthi ukuhlupheka kuyingxene yamava esintu, nokuthi kwenzeka kwabalungileyo nakwababi. AmaHubo asiqinisekisa ngokuthi uNkulunkulu uyalawula futhi unikeza amandla nezisombululo ngezikhathi zokuhlupheka. Nakulo lelihubo, nakukho ukuhlupheka (“wenze umhlaba wathuthumela,” *Hub. 60:2, NKJV*), umhlabeleli ubonakalisa ithemba lakhe elikhulu ekuhlengeni kukaNkulunkulu.

Okwesibili, amaHubo esililo asifundisa ukuba nozwelo ngakulabo abahluphekayo. Lapho sethula intoko yethu nokubonga kuNkulunkulu, ikakhulu emphakathini, kumele sikhumbule labo abasezinkingeni. Nembala, izinto zingsihambela kahle manje, kodwa ngubani ongazi ngabantu, abasizungezilele, abahlupheka kakhulu na? Ukukhuleka lamaHubo kungasisiza ukuba sikhumbule labo abadlula ezikhathini ezilukhuni. AmaHubo avusa kuthina uzwelo kanye nesifiso sokusiza abahluphekile njengalokhu uJesu enza.

“Lomhlaba yindlu enkulu yeziguli, kodwa uKristu weza ukuzophulukisa abagulayo, ukumemezela inkululeko kwabathunjiwe nguSathane. Wayeyimpilo kanye namandla. Wadlulisa ukuphila Kwakhe kwabagulayo, abahluphekile, abanamadimon. Akaxoshanga namunye oweza ukuzothola amandla Akhe okuphulukisa. Wayazi ukuthi labo ababecela usizo kuYena babezibangele ukugula; kepha akazange ale ukubaphulukisa. Futhi kwakuthi uma amandla aphuma kuKristu engena kulemiphefumulo, babevuma izono, futhi iningi laphulukiswa ezifweni zabo kwezikamoya, kanye nezasenyameni. Ivangeli lisenawo lawo mandla, futhi kungani singaboni imiphumela efanayo namuhla na?”— Ellen G. White, *Welfare Ministry*, pp. 24, 25.

**Ngubani omaziyo, njengamanje, odinga hhayi kuphela imikhuleko yakho kepha ukuthintwa nguwe, futhi na?**

**Ukucabanga Kabanzi:** Funda iHubo 42:8 no-Ellen G. White, “Poetry and Song,” pp. 159–168, in *Education*. Umkhuleko nengoma kuhlobene kanjani kulemibhalo ephefumulelwane na?

U-Ellen G. White uchaza amaHubo okuguquka kaDavide (*isibonelo, iHubo 51*) njengolimi lomphefumulo wakhe nemikhuleko ebonisa isimo sokudabuka kweqiniso ngesono (buka *i-Steps to Christ*, pp. 24, 25). Ukhuthaza amakholwa ukufaka enkumbulweni lemibhalo yamaHubo njengendlela yokuqinisa umuzwa wobukhona bukaNkulunkulu ezimpilweni zabo futhi agqamise nomkhuba kaJesu wokuphakamisa izwi Lakhe ngamaHubo ngenkathi ebhekana nesilingo kanye nokwesaba okucindezelayo. Uyaphawula futhi: “kuvamile ngamazwi engoma engcwele ukuba emphefumulweni kuvuleke imithombo yokuphenduka nokholo, yethemba nothando nenjabulo! . . . Nembala, izingoma eziningi zingumkhuleko.”—*Education*, pp. 162–168.

Uma sikhuleka futhi sicula amaHubo, sithatha ukubelesela, iqholo, isibindi, kanye nethemba labahlabeleli. Asikhuthaza ukuba siqhubeke nohambo lwethu lwezikamoya futhi asiduduze ngokuthi asisodwa. Abanye abantu, njengathi, badlulile ezikhathini ezimnyama kepha banqoba ngomusa kaNkulunkulu. Ngesikhathi esifanayo, amaHubo embula kithina ukhasha lokunxusela okushisekayo lukaKristu ngathi, njengalokhu ephilela ukukhulekela thina (*Heb. 7:25*).

Ukusebenzisa amaHubo ekukhulekeni nasekukhonzeni kwenza amakholwa aqwashe ngamava aphelele esintu futhi kufundise abakhonzayo ukusebenzisa izigaba ezahlukene zalawomava ekukhonzeni. AmaHubo ayimikhuleko namaculo obunkulunkulu buhlangene nesintu. Ngalesosizathu, ukufaka amaHubo njalo ekukhonzeni kuletha amakholwa kumongo wentando kaNkulunkulu nakumusa onamandla ophilisayo.

### Imibuzo Yokuxoxisana:

- ① Kungani umkhuleko ozivelelayo nongahlelekile ungeyona kuphela indlela yokukhuleka na? Impilo yethu yokukhuleka ingazuza kanjani kumaHubo, nakwimkhuleko yeBhayibheli na?
- ② Amahubo angawanothisa kanjani amava ethu okukhuleka emphakathini na? Xoxisanani ngezindlela eziphathekayo ibandla lenu elingafaka ngalo ukusetshenziswa kwamaHubo ekukhonzeni kwalo.
- ③ AmaHubo embulani ngokuphica kohambo lokholo lwesintu kanye namandla omusa ophilisayo kaNkulunkulu na?

# UJehovah Uyabusa



## iSABATHA NTAMBAMA

**Funda Lokhu Kuleliviki:** *iHubo 8; iHubo 100; iHubo 97; iHubo 75; Ps. 105:7–10; Gal. 3:26–29; Hub. 25:10.*

**Indimana Yenkumbulo:** “UJehova uyinkosi,wembethe ubukhosи;  
uJehova wembethe, ubhince amandla.Nezwe limi liqinile, lingazanyazanyiswa”  
(*iHubo 93:1, NIV*).

**A**maHubo ngokungaphazamiseki aphakamisa inkolo eyisisekelo ngokubusa phezu kwakho konke kukaNkulunkulu. UJehovah wadafuthi wondla lokho akudalile. UyiNkosi yamakhosi yomhlaba wonke, futhi ubusa izwe ngobungiliswa nangokulunga. Imithetho Yakhe nezimiso ilungile futhi iletha ukuphila kulabo abayigcinayo. UJehovah unguMahluleli olungileyo oqinisekisa ukuthi izwe liqhubeka nokuhleka, futhi lokho ukwenza ngokuvuza abalungileyo kanye nokujezisa ababi, kodwa ngesikhathi Sakhe, hhayi esethu.

Isivumelwano sikaNkulunkulu noIsrayeli sidlala indima ekhethekile ekuvikeleni izwe ngoba sazisa ngosindiso lweNkosi. INkosi yathathela kuyo uIsrayeli njengegugu Layo, yenza uIsrayeli, kuzo zonke izizwe, abantu Bayo. INkosi ithembekile esivumelwaneni Sayo futhi iyaqhube ka nokuakekela umhlambi Wayo ngaphandle kokungathembeki kwawo futhi, ngezinye izikhathi, nokuhlubuka ngamabomu.

Ukubusa kweNkosi okwengamele konke ngalokho kwenza izwe lizinze futhi livikeleke. Abahlabeleli bafuna umfundi aqonde leliqiniso eliyisisekelo. Ngalendlela yokubuka izwe njengesiqondiso sabo, abahlabeleli bafuna ukuthuthuka kanye nokukhonza uNkulunkulu bengaphazamisiwe.

\*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, uMasingana 20.

## UJehovah Usidalile

**Funda** iHubo 8 neHubo 100. UNkulunkulu nabantu Bakhe bavezwa kanjani kulamaHubo na? LamaHubo embulani ngesimilo sikaNkulunkulu na?

---



---



---

Ukudala kndlala indima ebalulekile kumaHubo, ekuphakamiseni ubukhosini bukaNkulunkulu. Amazulu “angumsebenzi Wakhe,” amemezelu ubukhosini namandla Akhe (*Hub. 19:1–4, Hub. 97:6*). Igama likaNkulunkulu linobukhosini emhlabeni wonke (*Hub. 8:1, 9*). UJehovah wadalala konke; Yena akanasiqalo (*Hub. 93:2*) nasiphetho (*Hub. 102:25–27*). Ungowaphakade futhi ungapezatu kwabo bonke onkululunkulu bezizwe, “abiyimisebenzi yezandla zabantu” nje kuphela (*Hub. 115:4*). Izithombe “zinezandla, kepha azibambi lutho” (*Hub. 115:7*); kepha ngoJehovah, “esandlelamini sakhe kunezindawo ezijulile zomhlaba. . . . futhi izandla zakhe zabumba umhlaba owomileyo” (*Hub. 95:4, 5*).

AmaHubo amaningana aveza amandla kaNkulunkulu phezu kwamandla endalo ezinye izizwe ezazikhola ukuthi inobunkulunkulu (*ngokwesibonelo, iHubo 29, iHubo 93, iHubo 104*). LamaHubo aqinisa kabusha ukuthi uJehovah wengamele yonke indalo futhi uphekeme ngamandla nangesithunzi. Ihubo 100 lithinta uhlobo olivisinyenyela Iwesithixo—ukuzithemba, ligcizelela ukuthi uNkulunkulu wasenza, “futhi asizidalanga ngokwethu.”

Ukudala kufakaza futhi ngothando lukaNkulunkulu. Konke okukhona kusuka kuNkulunkulu, okunguyena futhi ophasa ukuphila (*Hub. 95:7, Hub. 147:4–9*). Qaphela ukuthi uNkulunkulu akadalanga nje abantu, wenza uIsrayeli wasendulo “abantu Bakhe nezimvu zedlelo Lakhe” (*Hub. 100:3, NKJV*). Umqondo “wabantu Bakhe” kanye “nezimvu Zakhe” wembula isifiso sikaNkulunkulu sobudlelwane obusondelene nabantu Bakhe.

NguMdali kuphela onamandla okubusisa kanye nokwenza abantu Bakhe bande, futhi ngalokho, nguYena kuphela ofanele ukukhonzwa nokuthenjwa yibona. Amahubo amanangi abiza konke okuphefumulayo, wonke umhlaba, ulwandle, nakho konke okukuwo ukuba kumemeze ngenjabulo phambi kukaNkulunkulu.

Inkazimulo kaNkulunkulu ibonakala endalweni, nakuyo indalo ewileyo, futhi amaHubo asikhomba kuNkulunkulu kuphela njengofanele ukukhonzwa.

**“Umuntu uyini ukuba umkhumbule, nendodana yomuntu ukuba uyinake na?”** (*Hub. 8:4, NKJV*). **Ithini impendulo yakho kuNkulunkulu njengoMdali wakho na? Njengoba uNkulunkulu ebiza izinkanyezi ngamagama** (*Hub. 147:4*), **ucabanga ukuthi uNkulunkulu ukunakekele kanganani na?**

---

## UJehovah Uyabusa

Ngokuxhumene kakhulu, noJehovah enguMdali nguJehovah enguSomandla, njengoMbusi. Isimemezelo “uJehovah uyabusa” simemazelwa ngesizotha kwiHubo 93:1, Hubo 96:10, Hubo 97:1 neHubo 99:1, kodwa umsindo waso uwakala kuyo yonke Incwadi yamaHubo.

UJehovah wembetho udumo, ubukhosini, namandla (*Hub. 93:1, Hub. 1-4:1*). Ukakwe ngamafu kanye nobumnyama (*Hub. 97:2*), kodwa futhi azemboze Yena “ngokukhanya njengengubo” (*Hub. 104:2*). Lezizingathekiso ziphakamisa amandla eNkosi nenkazimulo futhi zikhethwe ngokucophelela ukwethula ubukhulu obubodwa bukaNkulunkulu obungaphezu kokucabanga kwesintu.

**Funda iHubo 97. Yini ephawula ukubusa kukajehovah na? (*Hub. 97:2, 10*)**  
**Yisiphi isizinda sokubusa Kwake na? (*Hub. 97:1, 5, 9*)**

---



---



---

Ukubusa kukaJehovah kubonakaliswa emisebenzini Yakhe yokudala (*Hub. 96:5*), yokusindisa (*Hub. 98:2*), nasekwehluleleni (*Hub. 96:10*). UJehovah weseke ubukhosini Bakhe phezu komhlaba wonke (*Hub. 47:6-9*). Umbuso kaNkulunkulu ungowaphakade, awuliganiswa nalutho ngamandla nangobukhosni (*Hub. 45:6; Hub. 93:1, 2; Hub. 103:19*). Ukubusa kukaJehovah kusekelwe emuseni, kokulungileyo, nasekulungeni, futhi kuletha ukuhleleka nokuzinza emhlabeni odaliwe (*Hub. 98:3, Hub. 99:4*). Ukubusa kukaNkulunkulu kuhlanganisa abakhonzi basezulwini nabasemhlabeni ekudumiseni uNkulunkulu (*Hub. 103:20-22, iHubo 148*). AmaHubo amanangi abona sonke isintu sivuma ubukhosni bukaNkulunkulu (*Hub. 96:10, Hub. 97:1, Hub. 99:1, Hub. 145:11-13*).

Kepha akubona bonke abantu, nawo amakhosi omhlaba, awenzi, okungenani okwamananje. Ukubusa kukaJehovah kuyajivazwa njalo ngababi, abangavumi futhi behlekisa ngoJehovah futhi bacindezele abantu Bakhe (*Hub. 14:1, Hub. 74:3-22*). Nakuba ehlushwa ngukuphumelela kwababi futhi ekhathazwa ngukubekezelu kukaNkulunkulu umhlabeleli uthembele ekubuseni kukaNkulunkulu futhi aqhubeke nokuphumelela esiqinisekwensi sokwahlulela okulungile kukaNkulunkulu (*Hub. 68:21, Hub. 73:17-20*). Ngokholo abantu bathokoza emsebenzini kaKristu wokuhlenga futhi balinlele ukupheleliwa kombuso ekuzeni kwsibili kukaKristu (*Mat. 12:26-28, I Kor. 15:20-28*).

**“Nina enithanda uJehovah, zondani ububi!” (*Hub. 97:10, NKJV*). Kungani ukuthanda kwethu uNkulunkulu kumele kusenze sizonde ububi na?**  
**Lemqondo emibili ihlobene kanjani na?**

---

## UNkulunkulu UnguMahluleli

**Funda iHubo 75.** Kungani ukuzidla kwababi kuyize na?

---



---



---

NjengeNkosi yamakhosi, uJehovah uyisishayamthetho (*Hub. 99:7*) noMahluleli (*Hub. 98:9*, *Hub. 97:2*). Njalo ababi baphazamisa uhlelo lokulunga olumiswe nguNkulunkulu ezweni, kodwa uJehovah uyakwehlulela izwe aqede ukubusa kobubi (*Hub. 75:8-8-10*, *Hub. 96:13*).

KwiHubo 75, imifanekiso eyahlukene ibonisa ukubhujiswa okungenakuguqulwa kwababi. Umfanekiso wenkomishi enewayini elibomvu (*Hub. 75:8*) wedlulisa ukujula kolaka lukaNkulunkulu (*Jer. 25:15*, *Samb. 14:10*). Ukunqunywa kwezimpondo zababi kubonakalisa ukuphela kwamandla abo nokubusa, ngenkathi izimpondo zabalungileyo ziphakamiswa (*Hub. 75:10*). UNkulunkulu ukhetha “isikhathi esifanele” (*Hub. 75:2*, *NKJV*) noma “isikhathi esinqunyiwe” (NIV) sokwahlulela Kwakhe. Lokhu kwahlulela Kwakhe ngokusobala kuyokwenzeka ekupheleni kjesikhathi (*Hub. 96:13*, *1 Kor. 15:23-26*).

UJehovah uhlolisisa izinhilizyo zabantu njengengxenyey yokwahlulela. Funda iHubo 14:2. Likhumbuza ngoGenesisi 6:5, 8. Zombili izibhalo ziveza ukuthi ukuwiswa kxesigwebo kukaNkulunkulu emhlabeni kwandulelwu ngukuhlolu kukaNkulunkulu kwezimpilo zabantu nasekufuneni noma ngubani angamsindisa. Lokhu kwahlulela ngesinye isikhathi kubizwa “ngokwahlulela ngokuhlolu,” ngenkathi uNkulunkulu evikela abalungileyo futhi enquma ngesiphetho sababi.

Kusebenza kanjani na?

Okokuqala, uNkulunkulu uhlenga abantu Bakhe kwababi (*Hub. 97:10*, *Hub. 146:9*) futhi afake umqhele wosindiso kwabathobekileyo (*Hub. 149:4*). Okwesibili, abangaguqukile ababi babhujiswa ingunaphakade (*Hub. 97:3*). Amanye amaHubo achaza ngobunkondlo ubuze bezikhali zabantu ngokumelene noMahluleli ongcwele (*Hub. 76:3-6*). UJehovah unguNkulunkulu othethelelayo, nakuba ejezisa ukona kwabantu (*Hub. 99:8*). Abantu bakaNkulunkulu, hhayi kuphela ababi, bazophendula kuNkulunkulu (*Hub. 50:4*, *Hub. 135:14*).

AmaHubo adlulisa umcabango ofanayo nalowo owethulwa kwezinye izibhalo zeBhayibheli, wokuthi ukwahlulela kukaNkulunkulu kuqala ngabantu bakaNkulunkulu bese kudlulela emhlabeni wonke (*Dut. 32:36*, *1 Pet. 4:17*). Umhlabeleli ukhala kuNkulunkulu ukuba amehlulele kodwa athembele ekulungeni kukaNkulunkulu ukuba avikeleke (*Hub. 7:8-11*; *Hub. 139:23*, *24*).

**AmaHubo asibizela ukuba sithokoze ekulindeni ukwahlulela kukaNkulunkulu** (*Hub. 67:4*, *Hub. 96:10-13*, *Hub. 98:4-9*). **Ukwahluelu kukaNkulunkulu kuyizindaba ezinhle kanjani kulabo abambozwe ngegazi likaKristu na?**

---

## Ekhumbula Njalo Isivumelwano Sakhe

**Indikimba** yendaba yokwahlulela kukaNkulunkulu ivusa umbuzo obalulekile:

Abantu bakaNkulunkulu bangaba kanjani nokuthula noNkulunkulu kanye neqiniso losindiso ngesikhathi sokwahlulela na? *Funda Hub. 94:14, Hub 105:7–10, Dan. 7:22.*

---



---



---

abantu bakaNkulunkulu bavikelekile ngoba uJehovah wabeka indawo Yakhe yokuhlala eZiyoni (*Hub. 76:1, 2*) futhi wasungula isivumelwano Sakhe saphakade nabo njengegugu laKhe (*Hub. 94:14, Hub. 105:8-10*). UNkulunkulu akathembisi nje ukuthi ngeke abalahle abantu besithembiso; usebenzela ukubagcina bephephile kuYe. Uthethelela izono zabo (*Hub. 103:3*); abayaleze, ababusise, futhi aqinise abantu Bakhe (*Hub. 25:8-11, Hub. 29:11, Hub. 105:24*). Ukwahlulela kukaNkulunkulu kwenzelwa ukuba abantu baphendukele ekulungeni futhi kukhangise ukuthi uNkulunkulu uyabanakekela (*Hub. 94:8-15*).

Ihubo 105 lonke libonisa ukwethembeka kukaNkulunkulu esivumelwaneni Sakhe emlandweni kaIsrayeli. Kukho konke okwenzeka, okuhle nokubi, uNkulunkulu wayekhona. Ngokuhlinzeka waholela uJosefa eGibhithe futhi ngaye wasindisa abantu Bakhe kanye nezizwe kulesosifunda ngesikhathi sendlala enzima (*Hub. 105:16-24*). UJehovah uvusa uMose ukuba ahole abantu Bakhe baphume ebugqilini baseGibhithe, lokho akwenza ngezimpawu nanezimangaliso (*Hub. 105:25-38*).

UJehovah wanikeza abantu Izwe leSithembiso (*Hub. 105:11, 44*) kanye nokuvikela Kwakhe okungapheliyo (*Hub. 105:12-15*). Wabandisa (*Hub. 105:37, 38*), futhi wabakhulula kulabo ababebacindezel (*Hub. 105:39-41*). Akungabazeki ukuthi uJehovah ulawula ngokwengamela konke okumayelana nabantu Bakhe—iqiniso abahlabeli ababefuna abantu Bakhe bangalikhohlwa.

Lapho uNkulunkulu ekhumbula isivumelwano Sakhe, kufaka okungaphezulu kokukhumbula ngoba kuholela ekwenzeni (*Gen. 8:1, 1 Sam. 1:19, Hub. 98:3, Hub. 105:42-44*). Ngokufanayo, lapho abantu bebizelwa ekukhumbulen iizimangaliso zikaNkulunkulu nokwahlulela, kuchaza ukuthi abantu kumele baphile ngezindlela ezihlonipha uNkulunkulu..

Kulesisivumelwano, ubizo olusemqoka lukaIsrayeli ngelokuba ahiale ethembekile esivumelwaneni ngokugcina imithetho kaNkulunkulu (*Hub. 78:5-7, Hub. 105:45*). Abantu bakaNkulunkulu babizelwa futhi ekufakazeni ngoNkulunkulu kwezinye izizwe, ngoba uJehovah ufisa zonke izizwe zibe yingxene yabantu Bakhe uIsrayeli (*Hub. 105:1, 2*). Izwe ngalokho livikelekile esivumelwaneni sikaNkulunkulu uSomandla onobubele (*Hub. 89:28-34*).

**Yini esinayo kuJesu, ebonisa isizathu sokuthi lezizithembiso ezenziwa kuIsrayeli wasendulo zingasebenza manje kithina na?** (*buka uGal. 3:26-29.*)

## Imithetho Yakho Iqinisekile

**Funda** iHubo 19:7; iHubo 93:5; iHubo 119:165; iHubo 1:2, 6; iHubo 18:30; neHubo 25:10. Yimuphi umucu ofanayo ohamba kuwo onke na?

---



---



---

Ubukhosи bukaJehovah emhlabeni njengoMdali wakho konke, Inkosi, kanye noMahluleli kunemithelela yemfundiso ekwethembekeni kwemithetho Yakhe. Imithetho (ngesiHeberu ‘edut, “isimiso,”“umthetho”) ibhekisa kwimithetho nezimiso uJehovah abusa ngayo impilo yezenkolo neyezenhlalakahle yabantu Bakhe (*Eksod.* 32:15). “Iqiniseke kakhulu” (*Hub.* 93:5), ibonisa ukuzinza kanye nokungaguuki kwesihlalo sikaNkulunkulu kanye nomhlaba uNkulunkulu awudalile futhi nawusekelayo (*Hub.* 93:1, 2). Igama lesiHeberu elihumushwe njengo“kuqinisekile” (igama lesiNgisi u-Amen liqhamuka kuleligama) lidlulisa umqondo wobuqotho, ukuthembeka, kanye nokuqina (*2 Sam.* 7:16, *1 Kron.* 17:23). Imithetho kaNkulunkulu ayiguuki futhi ayinakuchithwa.

UNkulunkulu umela ubuqotho bezithembiso Zakhe nemiyalezo. Ukwethembeka kukaNkulunkulu kuyathembisa ekuqinisekiseni ngesimo esingaguuki sokubusa Kwakhe, futhi sifune ngokuphelele ukuba abantu baphendule ngokwethemba kanye nokulalela uNkulunkulu.

Ngesikhathi esifanayo, ukuntula kokulunga ezweni kuchazwa njengokuzamazamisa isisekelo somhlaba (*Hub.* 18:7, *Isa.* 24:18-21). Umthetho kaNkulunkulu ufundisa abantu ngendlela yempilo yokulunga engamelana nokwahlulela kukaNkulunkulu. Abalungileyo, ngalokho, abayikuzamazamisa, ngoba bagxile emthethweni kaNkulunkulu, onikeza ukuzinza nokuphepha, futhi izinhliziyi zabo ziqotho (ngesiHeberu “kun” ochaza futhi “ukuqina,” “ukuzinza”) eNkosini (*Hub.* 112:1, 6, 7). Akukho okubanga ukuba labo abagcina umthetho kaNkulunkulu bakhubeke (*Hub.* 119:165), okubonakalisa ukuvikela nokuholo kukaNkulunkulu empilweni (*Hub.* 1:2, 3, 6).

Izwi likaNkulunkulu libonakaliswa njengesibani ezinyaweni zomhlabeleli, ngalokho limvikela ogibeni lwezitha (*Hub.* 119:105, 110). Ukuthula okukhulu, okulabo abathanda umthetho kaNkulunkulu (*Hub.* 119:165), nembara akuwona umphumela wokungabikho kwezinhlupheko (*Hub.* 119:161). Kunalokho, kuqhamuka ekuhlaleni ebukhoneni bukaNkulunkulu nasekubeni nobudlelwano obuhle Naye.

**Yiziphi izindlela eziphathekayo ukugcina umthetho kaNkulunkulu nezimiso ezikusize ngazo empilweni yakho na? Ngakolunye uhlangothi, yimi ekwehlele ngokungayigcini na?**

---

**Ukucabanga Kabanzi:** Funda iHubo 86:5, 15; Ellen G. White, “God’s Love for Man,” pp. 9–15, kwi *Steps to Christ*. Iqiniso lokuthi uNkulunkulu uluthando lisisiza kanjani ekuqondeni kangcono izincazeloz ezahlukahlukene ngoNkulunkulu nezenzo Zakhe kumaHubo na?


Isifundo saleliviki sigxile ezincazelweni ezisemqoka zikaNkulunkulu kanye nezenzo Zakhe, ezisekela umhlaba ziwenze ucine futhi uvikeleke. Abahlabeleli bacela kuNkulunkulu onguMdali, iNkosi, uMahluleli, uMsindisi ngokwesivumelwano, kanye noMniki womthetho. Izindima emhlabeni uNkulunkulu akuzo zibonakala kabanzi emagameni ahlukahlukene kaNkulunkulu kanye nezihloko, kufaka uMalusi (*Hub. 23:1*, *Hub. 80:1*), Idwala loSindiso (*Hub. 95:1*), noBaba (*Hub. 68:5*, *Hub. 89:26*). Emhlabeni singavikeleka futhi siphephe, naphakathi kwenxushunxushu yempikiswano enkulu, ngoba uNkulunkulu wengamele futhi wethembekile kukho konke Yena akwenzayo nakukhulumayo. Nakuba lezizindikimba zemfundiso zingaphelele, zincoma izindlela ezahlukene kuzo uNkulunkulu azembula ngazo kumaHubo.”—Ellen G. White, *Steps to Christ*, p. 15.

Njengalokhu siqhubeka nokufunda amaHubo, kubalulekile ukukhumbula ukufunda amaHubo ngokwesimilo sikaNkulunkulu sothando nomusa kanye necebo Lakhe lokusindisa nokubuyisela izwe. “Ngokuya sifunda isimilo sikaNkulunkulu ngokwesiphambano, sibona kabanzi umusa, ubumnene, kanye nentethelelo ixubene nokulinganisa kanye nokulunga, futhi sibone kangcono ubufakazi obuningi bothando lwaphakade kanye nozwelo olwedlula uzwelo lukamama ezwela ingane yakhe eyihlongandlebe.”—Ellen G. White, *Steps to Christ*, p. 15. KumaHubo, nalapho abantu bakaNkulunkulu bebhekana nokwahlulelwu ngenxa yokuhlubuka kwabo, baqhubeke nokubiza uNkulunkulu ngoba bayazi ukuthi intukuthelo kaNkulunkulu ngeyesikhashana nje, kodwa umusa Wakhe ungowaphakade (*Ps. 103:8*).

### Imibuzo Yokuxoxisana:

- ① Kungani ukuqonda ubukhona nokwanda kwempikiswano enkulu kusemqoka ekusizeni thina siqonde ukuthi nangaphandle kokubusa nobukhosu bukaNkulunkulu, kusekhona inxushunxushu eningi kanye nokuhlupheka ezweli lethu na? Kungani isihloko sempikiswano enkulu siwusizo olukhulu kithina na?
- ② Ukukholwa kuNkulunkulu njengoMdali kumele kukubumbe kanjani ukuqonda kwethu ngathi kanye nobudlelwane bethu nendalo yonke na? Kwenzekani lapho abantu besuka kuleloqiniso (*Hub. 106:35–42*) na?
- ③ Yini eyayingalungile ngezithombe zezizwe ngezikhathi zebhayibheli (*Hub. 115:4–8*) na? Kangakanani ngezithombe zanamuha na? Kungani nazo ziyingozi ekuhambeni kwethu neNkosi na?
- ④ Kumele abantu bakaNkulunkulu baphile kanjani ekwazini ukuthi ukwahlulela kukaNkulunkulu kuqala ngabantu Bakhe na? UNkulunkulu ubahlulela kanjani abantu Bakhe ekugcineni na?

# INkosi Iyezwa *futhi* Iyahlenga



## iSABATHA NTAMBAMA

**Funda Lokhu Kuleliviki:** *Hub. 139:1–18; iHubo 121; Hub. 17:8; Mat. 23:37; 1 Kor. 10:1–4; Heb. 4:15, 16.*

**Indimana Yenkumbulo:** “Abalungileyo bayakhala, futhi uJehova uyezwa; abakhulule kuzo zonke izinhlupheko zabo” (*iHubo 34:17, NKJV*).

**N**gokuphinda Phinda, amaHubo aggamisa iqiniso lokuthi iNkosi uSomandla, eyadala futhi isekela izwe lonke, iyazembula Yona njengoNkulunkulu woqobo osungula futhi asekele ubudlelwane nabantu Bakhe.

UNkulunkulu usondele kubantu Bakhe nakwindalo Yakhe, ezulwini nasemhlabeni (*Hub. 73:23, 25*). Nakuba Yena “emise isihlalo sakhe sobukhosи ezulwini” (*Hub. 103:19, NKJV*) futhi “ehamba ngamafu” (*Hub. 68:4, NKJV*), Yena futhi “usondele kulabo abambizayo, kubo bonke abambiza ngeqiniso” (*Hub. 145:18, NKJV*). Ngokungaguqkiyo amaHubo aphakamisa iqiniso lokuthi iNkosi inguNkulunkulu ophilayo, owenzele labo ababiza Yena (*Hub. 55:16–22*). AmaHubo abalulekile ngoba aqhukushwa ngu, futhi ebhekise kuNkulunkulu ophilayo, ozwayo nophendula imikhuleko.

Kumele sikhumbule ukuthi impendulo efanele ekusondeleni kweNkosi iqukethe impilo yokholo kuYona, kanye neyokulalela imithetho Yayo. Akukho ngaphandle kwalolukholo kanye nokulalela okuyokwamukeleka kuYe, njengalokhu kwembulwa ngumlando kaIsrayeli.

\*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, uMasingana 27.

## Isimo Sami Sasingacashile Kuwe

**Funda** iHubo 139:1-18. Liwabonisa kanjani amandla kaNkulunkulu (*Hub. 139:1-6*), ubukhona (*Hub. 139:7-12*), nokulunga (*Hub. 139:13-18*) na? Ubukhulu bukaNkulunkulu buthini ngezithembiso Zakhe na?

---



---



---

Ngabe usuke wafuna ukusiza othile kodwa ungenawo amandla na? kanjalo, abanye abantu bazamile ukukusiza kodwa bangaziqonda izidingo zakho. Ngokungafani nalabo abanezinhloso ezinhle nabathandayo, uNkulunkulu unolwazi oluphelele ngathi kanye nezimozethu, kanye namandla okusisiza. Ngalokho, izithembiso Zakhe zokusiza nokuhlenga azizona nje izisho kepha yiziqinisekiso.

Ulwazi lukaNkulunkulu lomhlabelel ikuhlu futhi lulodwa kangangokuba nesisu sikanina asikwazanga ukumfiha kuNkulunkulu (*Hub. 139:13, 15*). Ulwazi lukaNkulunkulu lumayelana nesikhathi (*Hub. 139:2*), ingaphakathi lomuntu (*Hub. 139:2, 4*), kanye nesikhala (*Hub. 139:3*)—ubukhona bonke bomhlabelel. Ulwazi olumangalisayo lukaNkulunkulu lungumphumela wokuba nguMdali Kwakhe kanye nokwazana Kwakhe nabantu futhi lubonakala ekubanekekeleni.

Leliqiniso elimangalisayo mayelana ngoNkulunkulu esazi ngokusondele akumele lisisabise kunalokho kumele lisiqhubele ezandleni zikaJesu kanye nalokho asifezele kona esiphambanweni. Ngokuba ngokholo kujesu, sinikezwe ukulunga Kwakhe, “ukulunga kukaNkulunkulu” ngoKwakhe (Rom. 3:5, 21).

Ubukhona bukaNkulunkulu bugqamiswa ngokubonisa uNkulunkulu efinyelela nase “sihogweni” (*sheol*, “ithuna”) “nasebumnyameni” (*Hub. 139:8, 11, 12*), izindawo okungavamile ukuba zibonakaliswe njengezindawo uNkulunkulu ahlala kuzo (*Hub. 56:13*). Ubukhona Bakhe bubonakaliswa futhi njengokuthatha “amaphiko ekuseni” (impumalanga) ukufinyelela “emaphethelweni olwandle (ntshonalanga) (*Hub. 139:9*). Into edluliswa yilemanekiso yiqiniso lokuthi ayikho indawo ezweni lonke jikelele la uNkulunkulu engefinyelelele khona. Nakuba uNkulunkulu engeyona ingxene yezwe, njengalokhu abanye beholwa, usondelene nalo lonke, engalidalanga nje kuphela kepha elisekela, ngokunjalo. (*buka uHeb. 1:3*).

NjengaLowo owazi konke ngathi, uNkulunkulu angasisiza futhi asivuselele. Ukubona kabusha ubukhulu Bakhe buqhubukusha ukumemeza kwendumiso kanye nokuthemba kabusha kumhlabelel. Uyakwamukela ukuhlolwa nguNkulunkulu njengendlela engasusa empilweni yakhe konke okuhlupha ubudlelwane bakhe noNkulunkulu.

**Abanye bangathola iqiniso lokuthi uNkulunkulu wazi konke ngabo, nazo izimfihlo zabo, kungumcabango osabisayo. Kngani ivangeli, ke, liyithemba lethu okungukuphela kwalo na?**

## Isiqiniseko Sokunaka KukaNkulunkulu

**Funda** iHubo 40:1-3, iHubo 50:15, iHubo 55:22, neHubo 121. UNkulunkulu uyingxene yeziimpilo zethu na?

---



---



---

UJehovah uyzembula Ezibhalweni njengoNkulunkulu owenzela labo ababiza Yena. Kumhlabeleli, “uJehovah uphambi kwami njalo” (*Hub. 16:8*). Ngakhoke, wethemba uNkulunkulu futhi abize Yena (*Hub. 7:1, Hub. 9:10*). UJehovah uyakumuzwa noma ekhala “ekujulen” (*Hub. 130:1, 2*), okudlulisa ukuthi asikho isimo sempilo esehlula ukubusa kwamandla kaNkulunkulu phezu kwaso. Ngelokho, ukukhala komhlabeleli, noma kuphuthuma kangakanani, kuhlala kunethemba njalo.

Ihubo 121, kusenjalo, ligubha amandla oMdali empilo yalowo othembekileyo. Lamandla afaka:

(1) “Akayikuvuma ukuba unyawo lwakho lushelele” (*Hub. 121:3, NKJV*). Umfanekiso “wonyawo” uvama ukuchaza uhambo lwempilo yothile (*Hub. 66:9, Hub. 119:105, Zaga. 3:23*). Igama lesiHeberu lika “shelela” lichaza ukuphepha uNkulunkulu akunikeza ezweni (*Hub. 93:1*) nakwiZiyoni (*Hub. 125:1*).

(2) Umfanekiso kaJehovah enguMgcini kaIsrayeli ongozeli futhi ongalali ugqamisa ukuqwasha nokulungela njalo kukaJehovah ukwenzela abantwana Bakhe (*Hub. 121:3, 4*).

(3) UJehovah “ngumthunzi wakho” (*Hub. 121:5, 6, NKJV*) ukhumbuzisa ngensika yefu ngesikhathi Sofuduko (*Eksod. 13:21, 22*). Ngokufanayo, uJehovah unikeza abantu Bakhe isikhoselo enyameni nakwezikamoya.

(4) UNkulunkulu ungakwesokunene sabo (*Hub. 121:5*). Isandla sasekunene sikhomba isandla esinamandla somuntu, isandla sokwenza (*Hub. 74:11, Hub. 89:13*). Lapha sidlulisa ukusondela nokuthanda kukaNkulunkulu (*Hub. 16:8, Hub. 109:31, Hub. 110:5*).

(5) Ukuvikela kukaNkulunkulu kwabantu Bakhe kuqiniseka ngokusobala kwiHubo 121:6-8. UNkulunkulu uyakulonda abantwana Bakhe ebubini. Akukho “langa” “nanyanga” eyakubashaya. UNkulunkulu uyakulonda “ukuphuma” “nokungena”kwabo. Lemifanekiso ngezinkondlo igqamisa ukunaka okuphelele, nokungapheli kukaNkulunkulu.

Kusho ukuthini konke lokhu na? Umhlabeleli wathemba ukunaka kothando kukaNkulunkulu. Nathi, nemba, kumele senze ngokufanayo.

**Yiziphi ezinye izindlela eziphathekayo ongaba namava kangcono nobukhona nokunaka kukaNkulunkulu na? Ungabambisana kangeono kanjani noNkulunkulu ukuze Yena akwazi ukusebenza phakathu kwakho kanye nokukusebenzela na?**

---

## UJehovah UyiSiphephelo Ekuhluphekeni

**Funda** iHubo 17:7-9, iHubo 31:1-3, neHubo 91:2-7. Wenzani umhlabeleli ngezikhathi zokuhlupheka na?

---



---

Umhlabeleli unqwamana nezinkinga ezaahlukahlukene futhi, kuzo, aphendukele kuJehovah, oyisiphephelo kukho konke ukuhlupheka. Ithemba lingukukhetha ngamabomu ukuvuma ukubusa kukaNkulunkulu phezu kwempilo yothile kuzo zonke izimo. Uma ithemba lingasebenzi ekuhluphekeni, ngeke lasebenza nomu yikuphi.

Ubufakazi bomhlabeleli, “Ngiyokuthi ngoJehovah, ‘Uyisiphephelo sami nenqaba yami noNkulunkulu wami engimethembayo’” (*Hub. 91:2, NKJV*), buqubuka kumava akhe adlulile noNkulunkulu futhi manje asebenza ngokuqinisa ukholo lwakhe ngekusasa. Umhlabeleli ubiza uNkulunkulu ngoPhakeme Kunakho Konke kanye noSomandla (*Hub. 91:1, 2*), ekhumbula ubukhulu obungelinganiswe bukaNkulunkulu wakhe.

Umhlabeleli ukhuluma futhi ngokuphepha othile angakuthola kuNkulunkulu: “indawo efihlakele” (“isikhuselo” nomu “indawo yokucasha”), “ithunzi” (*Hub. 91:1*), “isiphephelo,” “inqaba” (*Hub. 91:2*), “amaphiko,” “ihawu,” “isihlangu” (*Hub. 91:4*), kanye “nendawo yokuhlala” (*Hub. 91:9, NKJV*). Lemifanekiso imele izindawo zokuphepha osikweni lomhlabeleli. Othile udinga nje ukuba akhumbule ukushisa okungabekezeleki kuleyangxenye yomhlaba ukuze athakasele umthunzi nomu akhumbule izikhathi zeziimpi emlandweni kaIsrayeli ukuze axabise ukuphepha okunikezwa yisihlangu nomu yinqaba.

**Funda** iHubo 17:8 noMathewu 23:37. Yimuphi umfanekiso osetshenziswe lapha, futhi wembulani na?

---



---

Esinye sezingathekiso ezisondelene yilesu esibhekisa ekubeni “ngaphansi kwethunzi lamaphiko Akho” (*Hub. 17:8, Hub. 57:1, Hub. 63:7, NKJV*). Lesisingathekiso siveza ukuthokomala nokuqiniseka ngokugudlisa ukuvikela kwenyoni enamaphuphu. UJehovah uqhathaniswa nokhozi oluqapha amaphuphu alo ngamaphiko alo (*Eksod. 19:4, Dut. 32:11*) nangesikhukukazi esiqoqela amachwane aso ngaphansi kwamaphiko aso (*Mat. 23:37*).

**Sibhekana kanjani, pho, nezikhathi zenhlekelele, futhi sibe singakuboni ukuvikela kukaJehovah na? Kungani lezizingozi zingachazi ukuthi uJehovah ekekho kuzo nathi na?**

## Umvikeli no Mhlensi

**Funda u-1** Korinte 10:1-4. UPawule uyichaza kanjani indaba Yofuduko na?  
Yiziphi izifundo zikamoya afuna ukuzifundisa ngayo na?

---



---

**Funda iHubo 114.** Ukuhlenga kukaNkulunkulu kwabantu bakaIsrayeli eGibhithe kuchazwa kanjani lapha na?

---



---

Indlela yobunkondlo ekuvezeni inkululo emangalisayo kaNkulunkulu yabantwana Bakhe ebugqilini baseGibhithe inikezwa kwiHubo 114. Kulo lonke iTestamente Elidala, nakulo Elisha, ukukhululwa eGibhithe kwakubonakala njengophawu lwamandla kaNkulunkulu okusindisa abantu Bakhe. UPawule kulezizindimana kwabaseKorinte wenza lokho, ebona yonke lendaba njengomfanekiso, uphawu losindiso kuJesu Kristu.

Ihubo 114 futhi liveza ukuhlenga kukaNkulunkulu ngokwengamela Kwakhe njengoMadali phezu kwamandla endalo, okuyindlela asindisa ngayo abantu Bakhe Ofudukweni. Ulwandle, umfula iJordani, kanye nezintaba namagquma kumele amandla emvelo nawabantu amelene nolsrayeli endlelni eya Ezweni leSithembiso (*Dut. 1:44, Josh. 3:14-17*). UNkulunkulu, nokho, wengamele phezu kwazo zonke.

Empeleni, kwabanangi abantwana bakaNkulunkulu ezikhathini zonke nasezindaweni zonke, indlela eya eJerusalema lasezulwini inezingozi eziningi. AmaHubo asikhuthaza ukuba sibuke ngale kwezintaba sibheke kuMdali wezulu nomhlaba (*Hub. 121:1*).

Umoya weHubo 114 ubanjwa nguJesu ethulisa isiphepho solwandle kanye nokumemezela Kwakhe ukuthi ibandla alinalutho lokwesaba ngoba Yena ulinqobile izwe (*Mat. 8:23-27, Johane 16:33*).

Izenzo zikaJehovah ngakubantu Bakhe kumele zikhuthaze wonke umhlaba ukuba uthuthumele phambi Kwakhe (*Hub. 114:7*). Ukuthuthumela kumele kuqondwe njengokuvuma kanye nokukhonza kunokuba kwesatshwe (*Hub. 96:9, Hub. 99:1*). NoNkulunkulu ohlangothini lwano, amakholwa awanalutho lokwesaba.

**Yiziphi ezinye izingozi kwezikamoya esibhekana nazo njengamakholwa, futhi singafunda kanjani ukuncika emandleni kaJehovha ukusivikela ekwehlulweni yilezizingozi eziyiqiniso kithina manje njengalokhu zazinjalo kumhlabelei na?**

---

## Usizo LwaseNdaweni Engcwele

**Funda** iHubo 3:4; iHubo 14:7; iHubo 20:1-3; iHubo 27:5; iHubo 36:8; iHubo 61:4; neHubo 68:5, 35. Usizo luqhamuka kuphi kulezizindimana na?

---

Indikimba yesiphephelo nosizo kwezikamoya nasenyameni iqhamuka ngokugqamile ngokwengqikithi yendawo engcwele. Indawo engcwele yindawo yosizo, yokuphepha, kanye nosindiso. Indawo engcwele inikeza isivikelo kwabahluphekileyo. UNkulunkulu uvikela iztandane nabafelokazi futhi anake amandla kubantu Bakhe endaweni engcwele. Ngenkathi “kuphuma eSiyoni, ukuphelela kobuhle, uNkulunkulu uyokhazimula” (*Hub. 50:2, NKJV*), ukwahlulela okulungileyo kukaNkulunkulu kuyamenyezelwa, futhi isibusiso sikaJehovah siqhame (*Hub. 84:4, Hub. 128:5, Hub. 134:3*).

Ukuphepha endaweni engcwele kwedlula kakhulu ukuphepha okunikezwu kweziyne izindawo emhlabeni ngoba endaweni engcwele uNkulunkulu uhlala uqobo. Ubukhona bukaNkulunkulu, hhayi nje ithempeli njengesakhiwo esiqinileyo, kuniukeza ukuphepha. Ngokufanayo, ukuba sentabeni la kuhlala kuyo uJehovah, Intaba iSiyoni kwedlula ezinye izintaba nakuba yona yayiyigquma nje (*Hub. 68:15, 16; Isa. 2:2*).

**“Ngokuba asinaye umPristi Omkhulu ongenakuzwelana nobuthakathaka bethu, kepha kuzo zonke izigaba walingwa njengathi, kepha engenasono. Ngalokhoke masize ngeqholo esihlalweni somusa, ukuba samukeliswe isihawu sifumane umusa wokusisiza ngesikhathi esifaneleyo”** (*Heb. 4:15, 16, NKJV*).

**Lezizindimana** zihamabisana kanjani nalokho umhlabeleli akusho ngendawo engcwele na?

---



---



---

Ubungcwele bendawo engcwele kaNkulunkulu kwenza umhlabeleli avume ukuthi bonke abantu bayizoni futhi abalufanele uthando lukaNkulunkulu, futhi abange ngelithi ukuhlengwa kumi ekuthembekeni kukaNkulunkulu nomusa kuphela (*Hub. 143:2, 9-12*). Akukho kithina okusenza sifaneleke phambi kukaNkulunkulu. Kuphela uma abantu benobudlelwane obulungile noNkulunkulu ngokuphenduka kanye nokwamukela umusa kaNkulunkulu nentethelelo lapho bekwazi ukunxusa isiqiniseko sikaNkulunkulu sokuhlengwa. Inkonzo yendawo engcwele yayimele insindiso etholakala kuJesu.

**Umcabango Obanzi:** Funda u-Ellen G. White, “The Night of Wrestling,” pp. 195–203, in *Patriarchs and Prophets*. Yini esingayifunda kumava kaJakobe mayelana namandla omkhuleko obeleselayo kanye nethemba eliphelele kuNkulunkulu na?

AmaHubo aqinisa ukholo lwethu kuNkulunkulu oyiSiphephele esingehluleki kulabo ababeka izimpilo zabo ezandleni Zakhe ezinamandla. “UNkulunkulu uyokwenza izinto ezinkulu kulabo abathembele Kuye. Isizathu sokuthi abantu abazibiza ngaBakhe bangabi nawo amandla amakhulu ngukuthi bathembele kakhulu ekuhlakanipheni kwabo, futhi abanikezi uJehovah ithuba lokwembula amandla Akhe ngabo. Yena uyosiza abantwana Bakhe abakholwayo kukho konke okuphuthumayo uma bengabeka lonke ithemba labo kuYena futhi bamlaale Yena ngokwethembeka.”—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, p. 493.

Keph, amanye amaHubo angaba nenselele enkulu uma lokho akuthembisayo, kanye nesimo sethu manje, kungahambisani. Kulezozikhathi, kumele sifunde nje ukuthembala ukulunga kukaNkulunkulu, okwembulwe ngokunamandla esiphambanweni.

Futhi, ngezinye izikhathi amaHubo angasetshenziswa ekukhuthazeni ithemba lamanga. Impendulo kaJesu ekuphendukezeleni kukaSathane kweHubo 119:11, 12 kubonisa ukuthi ukuthembela kuNkulunkulu akumele kuditantiswe nokulinga uNkulunkulu (*Mat. 4:5-7*) noma ngokugabadelayo sicele uNkulunkulu enze okuthile okungaphikisana nentando Yakhe.

“Ukunqoba okukhulu kunakho konke ebandleni likaKristu noma kumKristu ngamunye akukona lokho okwenzeka ngamathalente noma ngemfundu, ngengecebo noma ngokuthandwa nagabantu. Ngukunqoba okutholaka egumbini noNkulunkulu, ngenkathi ukholo oluquinisekileyo, olulilayo lubamba ingalo enamandla kasomandla.”—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, p. 203.

## Imibuzo Yokuxoxisana:

① Eklasini, xoxisanani ngempendulo yombuzo wokugcina esifundweni sangLwesibili omayelana nokuthembela kuNkulunkulu phakathi kobunzima lapho izinto zonakele kakhulu. Othile uziqonda kanjani lezizinto nokuthi zingenzeke kanjani kubantu, ngisho kukhona zonke lezizithembiso ezimangalisayo kumaHubo ezimayelana nokuvikela kukaNkulunkulu na? Cabanga ngalokhu futhi: abahlabeleli, ababhala lezizithembiso ezimangalisayo, abazange yini babhekane nobunzima noma bazi abantu abathembekileyo ababhekana nabo, na?

② Singalithuthukisa kanjani ithemba eliphelele kuNkulunkulu kuzo zonke izimo (*ngokwesiboneko*, Hub. 91:14; Hub. 143:8, 10; Hub. 145:18–20) na? Yini engasenza silahlekelwe yilelithembala na? Kungani ukuthembela kuNkulunkulu ezikhathi ezinhle kubalulekile ekufundeni ukuthembela kuYena nasezikhathini ezimbi na?

# Ukucula Ingoma YeNkosi Ezweni Lokuhamba



## iSABATHA NTAMBAMA

**Funda Lokhu Kuleliviki:** *Hub. 79:5–13, Hub. 88:3–12, Hub. 69:1–3, Hub. 22:1, iHubo 77, Hub. 73:1–20, 1 Pet. 1:17.*

**Indimana Yenkumbulo:** “Siyakuhlabela kanjani ihubo likaJehova kwelinye izwe na?” (*iHubo 137:4*).

Akudingekele ukuba size sijule Encwadini yamaHubo ukuze sithole ukuthi amaHubo ashiwo emhlabeni ongaphelele, onesono, ububi, ukuhlupheka, kanye nokufa. Indalo ezinzile ephethwe yiNkosi yakho konke kanye nemithetho Yakhe elunguleyo njalo isengozini yobubi. Njengalokhu isono singcolisa izwe kakhulu, umhlaba usube “yizwe lokuhamba” kakhulu kubantu bakaNkulunkulu. Leliqiniso lidala inkinga kumhlabeleli: Iphilwa kanjani impilo yokholo ezweni lokuhamba na?

Njengalokhu sesibonile, abahlabeleli bayakuvuma kubusa okwengamele kukaNkulunkulu kanye namandla, kanye nokwahlulela Kwakhe okulungileyo. Bayazi ukuthi uNkulunkulu uyinqaba nosizo lwangunaphakade ngezikathini zokuhlupheka. Ngalesisizathu, abahlabeleli bayakhathezeka ngezinye izikhathi (ngubani ongakhathazeki na?) ngokubukeka sengathi uNkulunkulu akekho kanye nokudlondlobala kobubi phambi kweNkosi enkulu nelungileyo. Isimo esiyindida samaHubo njengemikhuleko sibonakaliswa ekuphenduleni kwabahlabeleli ekubonakaleni sengathi uNkulunkulu uthule. Ngamanye amazwi, abahlabeleli baphendula ukubonakala sengathi uNkulunkulu uthule, nasebukhoneni Bakhe.

\*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, uNhlolanja 3.

## Izinsuku Zobubi

**Funda iHubo 74:18-22 neHubo 79:5-13. Yini esengcupheni lapha na?**

---



---



---

Umhlabeleli ufuna ukuqonda impikiswano enkulu ephakathi kukaNkulunkulu namandla obubi, bese ekhomba ekubekezeleni okukhulu kukaNkulunkulu, kanye nakubuhlakani Bakhe obungenamkhawulo namandla.

Inkinga yobubi kumaHubo ingemfundiso kakhulu; imayelana nemibuzo ngoNkulunkulu. Nhalokho, ukubhujiswa kweJerusalema kanye nethempeli kubonakala njengehlazo lezulu ngoba kwanikeza ithuba kubahedeni lokuba bahlambalaze uNkulunkulu. Ifa likaNkulunkulu (abantu bakaIsrayeli) liwuphawu lokuqoka Kwakhe kanye nesivumelwano (*Dut. 4:32-38, Dut. 32:8, 9*) okungeke kwaphela. Umqondo wefa likaNkulunkulu futhi uqukethe isigaba sesikhathi sokugcina, njengalokhu ngelineye ilanga zonke izizwe ziyokuba yifa likaNkulunkulu futhi zikhonze Yena. Umqondo wokuthi izizwe zahlasela ifa likaNkulunkulu ubeka engozini lezizithembiso ezingcwela.

Akubuzwa, umhlabeleli uyavuma ukuthi izono zabantu zangcolisa ubudlelwano babo besivumelwano noNkulunkulu futhi lokho kwaletsha phezu kwabantu yonke imiphumela (*Hub. 79:8, 9*). UKusinda kwabantu kuncike kuphele ekungeneleleni ngomusa kukaNkulunkulu ngokunxephezelu isono. UJehovah “unguNkulunkulu wasindiso lwethu,” okudlulisa ukwethembeka kukaNkulunkulu ezithembisweni Zakhe zesivumelwano (*Hub. 79:9*).

Nakuba kunjalo, okusemqoka kakhulu kunokubuyiselwa kwamafa kalsrayeli ngukuvikeleka kwesimilo sikaNkulunkuku ezweni (*Hub. 79:9*). Uma izenzo zobubi zamazwe zingajeziswa, kuyobonakala ukuthi uNkulunkulu uphelelwwe ngamandla Akhe (*Hub. 74:18-23, Hub. 83:16-18, Hub. 106:47*). Ngenkathi uNkulunkulu esindisa abantu Bakhe kuphela lapho igama Lakhe liyotuswa futhi liphakamiswe.

Njenganamuhsila, isimiso esifanayo sisekhona. Izono zethu, ukuhlubuka kwethu, ububi bethu, kungaletsha ihlazo hhai kithina kuphela, kodwa okubi kakhulu, kuNkulunkulu ogama Lakhe sizibiza ngalo. Izenzo zethu ezingalungile zingaba nemithelela emibi kwezikamoya ekufakazeni kwethu nasekusebenzeni kwethu, ngokunjalo. Bangaki abantu abangalamukelanga ukholo lwethu ngenxa yezenzo zalabo abazibiza ngegama likaKristu na?

**“Ukuhloniskwa kukaNkulunkulu, ukuhlonishwa kukaKristu, kuyingxenyenekupheleiseni isimilo sabantu Bakhe.”—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 671. Uliqonda kanjani leliqiniso elibalulekile, futhi kumele lisho ukuthini empilweni yakho yobuKristu na?**

---

## Esangweni Lokufa

**Funda** iHubo 41:1-4; iHubo 88:3-12; neHubo 102:3-5, 11, 23, 24. Yimaphi amava achazwa yilemibhalo na? Yikuphi ongahambisana nako kokushiwo lapha na?

---



---



---

Lemikhuleko yokuhlengwa ekuguleni nasekufeni ibonakalisa ukuthi abantwana bakaNkulunkulu abakhishiwe ekuhluphekeni kwalomhlaba. AmaHubo embula ukuhlupheka okwesabekayo komhlabeleli. Akanawo amandla, uyabuna njengotshani, akakwazi ukudla, uhlezi nabafileyo, elele njengobulewe ethuneni, eyisinengiso kubangani bakhe, ehlupheka futhi edikibe. Amathambo akhe abambelele esikhumbeni sakhe.

AmaHubo amaniniqo acabangela ukuthi uJehovah ukuvumele ukuhlupheka ngenxa yokungalaleli kukaIsrayeli. Umhlabeleli uyavuma ukuthi isono singaletha ukugula; ngakhoke, ubhekisa entethelelwani eza ngaphambi kokuphulukiswa (*Hub. 41:3, 4*). Nakuba kunjalo, amanye amaHubo, njengeHubo 88 neHubo 102, ayavuma ukuthi ukuhlupheka kwabamsulwa kabantu bakaNkulunkulu kuyingxene yokuphila, nakuba kulukhuni ukukuqonda.

KwiHubo 88, uNkulunkulu umangalelwia ngokuletha umhlabeleli engcupheni yokufa (*Hub. 88:6-8*). Qaphela, nokho, ukuthi nakukho ukukhononda okunesibindi, isililo siyisenzo sokholo, ngokuba uma uJehovah ebukhosini Bakhe ekuvumele ukuhlupheka, angakubuyisela ukuphumelela komntwana Wakhe.

Engcupheni yokufa, umhlabeleli ukhumbula izimangaliso zikaNkulunkulu, uthando olumnene, ukuthembeka, kanye nokulunga (*Hub. 88:10-12*). Nakuba enomuzwa wokushaywa nguNkulunkulu, umhlabeleli ubambelela kuNkulunkulu. Nakuba ehlupheka, akaluphiki uthando lukaNkulunkulu futhi uyazi ukuthi uNkulunkulu nguyena kuphela usindiso lwakhe. Lolubizo luveza ukuthi umhlabeleli akazi nje kuphela ukuhlupheka kodwa unolwazi olusondelene lomusa kaNkulunkulu nokuthi lezizinto zombili ziyahambisana.

Kafushane nje, kokubili ukuvumela kukaNkulunkulu ukuhlupheka nokuhlenga Kwakhe kuyizibonakaliso zobukhosini Bakhe. Ukwazi ukuthi uNkulunkulu uyalawula kuvusa ithemba. Ngenathi sifunda iHubo 88 ngokokuhlupheka kukaKristu, simangala ngokudepha kothando Lwakhe, kulo azimisela ukudlula ekufeni ngenxa yesintu.

**Cabanga ngoJesu esiphambanweni nalokho abhekana nako ngenxa yesono. Leloqiniso, lokuthi uNkulunkulu kuKristu wahlupheka ukwedlula thina, kumele lisise kanjani ekugcineni ukholo naphakathi kwezikathathi zokuhlupheka nokuvivinywa na?**

## Uphi UNkulunkulu Na?

**Funda** iHubo 42:1-3, iHubo 63:1, iHubo 69:1-3, neHubo 102:1-7. Yini ebangela umhlabeleli ubuhlungu na?

---



---

Akukona ukuhlupheka kwakhe nokomphakathi kuphela okukhathaza umhlabeleli, kepha futhi, uma kwengezekile, ngukobonakala sengathi uNkulunkulu akabunakile ubunzima bezinceku Zakhe. Ukungabikho kukaNkulunkulu kuzwakala njengokoma okuqinile ezweni elomile (*Hub. 42:1-3, Hub. 63:1*) kanye nosizi olubulalayo (*Hub. 102:2-4*). Umhlabeleli uzwu eqhelile kuNkulunkulu futhi aziqhathanise nezinyoni ezinomzwangedwa. “Ngiyafana nevuba ehlane; njengesikhova kwahlongasibi. Ngiyaqwasha, futhi nginjengojolwana uwodwa ophahleni lwendlu” (*Hub. 102:6, 7, NKJV*).

Ukubalulwa kwehlane kugqamisa umuzwa wokuba kude noNkulunkulu. Inyonu “iyodwa ophahleni lwendlu” ingaphandle kwesidleke sayo, indawo yayo yokuphumula. Umhlabeleli ukhala kuNkulunkulu “ekujuleni,” sengathi wenganyelwe ngamanzi anamandla futhi ecwile “odakeni olujulile” (*Hub. 68:1-3, Hub. 130:1*). Lemifanekiso iveza isimo sengcindezi okungaphumeki kuso, ngaphandle kokungenelela kwezulu.

**Funda** iHubo 10:12, iHubo 22:1, iHubo 27:9, neHubo 39:12. Umhlabeleli uphendula kanjani ekubonakaleni sengathi uNkulunkulu uthule na?

---



---



---

Kuyamangalisa ukuthi abahlabeleli banquma ukungathuli bebhkene nokuthula kukaNkulunkulu. Abahlabeleli bakholelwa ngokuqinile emkhulekweni, ngoba umkhuleko ubhekise kuNkulunkulu ophilayo nonomusa. UNkulunkulu usekhona, nakuba kubonakala sengathi uthule. UsenguYena uNkulunkulu ongaguqukiyo obazwile ngokudlule, ngalokho banesibindi sokuthi uyabezwa manje.

Izikathi zokuthula kukaNkulunkulu zenza abahlabeleli bazihlole bona futhi bafune uNkulunkulu, kepha ngokuvuma nokunxusa okuthobekileyo. Bayazi ukuthi uNkulunkulu ngeke athula ingunaphakade. Abahlabeleli babonisa ukuthi ukuxhumana noNkulunkulu kumele kuqhube, noma izimo zokuphila zinjani.

**Yini esingayifunda ekuphendulen komhlabeleli ekubonakaleni sengathi uNkulunkulu akekho na? Wena uphendula kanjani ezikhathini la kungathi uNkulunkulu uthule na? Yini esekela ukholo lwakho na?**

---

## Zehluleke Ingunaphakade Izithembiso Zakhe na?

**Funda iHubo 77.** Yimaphi amava umbhali adlula kuwo na?

---



---

Ihubo 77 liqala ngokunxusa usizo kuNkulunkulu okugcwele isililo kanye nenkumbulo ebuhlungu ngokudlule (*Hub. 77:1-6*). Bonke ubuyena bomhlabeleli buguqukela ngomunyu kuNkulunkulu. Akavumi ukududuzwa nganoma yini ngaphandle kwalokho okusuka kuNkulunkulu.

Kepha, ukukhumbula uNkulunkulu kubonakala kuqinisa usizi lwakhe. “Lapho ngikhumbula uNkulunkulu, ngiyaquma” (*Hub. 77:3, ESV*). IsiHeberu hamah, “ukububula,” kuvama ukubonisa ukuhlokomu kwamanzi adlangile (*Hub. 46:3*). Ngokufanayo, isimo sonke somhlabeleli sikhathazeke ngokuqinile.

Ukuhumbula uNkulunkulu kungayivusa kanjani imizwa eqine kangaka yokuhlupheka na? Imibuzo eminingi ikhaphela isizathu sosizi lwakhe (*Hub. 77:7-9*): *Ngabe uNkulunkulu uguqukile na? UNkulunkulu angasilahlha isivumelwano Sakhe na?*

Umhluko ogqamile phakathi kwezenzo zikaNkulunkulu zokuhlenga ngokudlulile kanye nokubonakala sengathi akekho manje kubanga umhlabeleli azizwe elahliwe nguNkulunkulu. Uma uNkulunkulu eguqukile, ngalokho umhlabeleli akanalo ithemba, isiphetho anenkinga yokusichitha.

Kusenjalo, umhlabeleli akakwazi ukulala ngoba uJehovah umenza angalali (*Hub. 77:4*). Lokhu kukhumbuza ngabanye abalingiswa bebhayibheli okuqwasha kwabo kwasetshenzisa nguNkulunkulu ukuqhuba izinhoso Zakhe (*Gen. 41:1-8, Esteri 6:1, Dan. 2:1-3*). Ubusuku obude bokuqwasha kwenza umhlabeleli acabange ngezenzo ezedlule zikaJehovha zokuhlenga kepha ngesinqumo esisha (*Hub. 77:5, 10*).

Isiqiniseko umhlabeleli asithola kuNkulunkulu asiqukethe zincazelo ngesimo akusona, kunalokho yisiqiniseko sokuthembeka nokukholeka kukaNkulunkulu (njengoJobe). Umhlabeleli uyakhuthazeka ukulindela uJehovah ngokholo, azi ukuthi Yena usenguNkulunkulu owenza izimangaliso emlandweni kaIsrayeli (*Hub. 77:11-18*). Umhlabeleli futhi uyabona ukuthi “izinyathelo Zakho zazingaziwa” (*Hub. 77:19, NKJV*), evuma ukuhola kukaNkulunkulu, nasezimweni lapho ubukhona Bakhe bungekho obala emehlweniabantu. Umhlabeleli uvuma ukuthi uNkulunkulu wembulekile futhi usithekile ngesikhathi esisodwa, futhi unikeza indumiso ezindleleni zikaJehovha eziyimfihlo nezipakeme.

**Cabanga ngezikhathi ezidlulile lapho uJehovah esebezile empilweni yakho. Leloqiniso lingakusiza kanjani ekumelaneni nalokho obhekene nakho manje na?**

---

## Hleze Abalungileyo Balingeke

**Funda** iHubo 37:1, 8; iHubo 49:5-7; iHubo 94:3-7; neHubo 125:3. Umhlabeleli ubhekene namuphi umshikashika na?

---



---



---

Laba bahlabeleli bakhala ngokuphumelela njengamanje kwababi kanye nenselelo lokhu okuyibeka kwabalungileyo. Abaphumeleli nje kuphela ababi, kodwa ngezinye izikhathi bajivaza uNkulunkulu obala futhi bacindezele abanye. Udaba olukhathazayo ngolokuthi ngenkathi “intonga yababi” (*Hub. 125:3, NKJV*) ibusa izwe, “intonga yabalungileyo” (*Hub. 45:6, NKJV*) ibukeka ihluleka. Kungani, pho, singaphosi ithawula futhi samukele ububi njengoba kwenza abanye na?

**Funda** iHubo 73:1-20, 27. Yini eletha umhlabeleli kulenkinga na? Siyini isiphetho salabo abathembela ezintweni eziyize na? (buka futhi u-1 Pet. 1:17.)

---



---



---

Njengalokhu umhlabeleli kwiHubo 73 egxile ebubini bamanje ezweni, wayengakwazi ukubona kabanzi ngokukaNkulunkulu. Inkinga yokuthi ababi bayaphumelela yengamela ukholo lwakhe; wakholwa, futhi, ukuthi inkulumo yakhe ngobuze bokholo yayincike eqinisweni.

Kepha, iHubo 73 libonisa ukuthi “lezizinto zigcona labo abangashayi ndiva indimana yokuqala yalelihubo, efinqa lonke ihubo: ‘Muhle kakhulu uNkulunkulu kaIsrayeli ngakulabo onhliziyo zabo ziqotho!’”—Johannes Bugenhagen, *Reformation Commentary on Scripture* (Downers Grove, IL: InterVarsity Press, 2018), p. 11.

Umhlabeleli uholelwa endaweni engeweles, indawo yokubusa kukaNkulunkulu, futhi wakhunjuzwa khona ukuthi “namuhla” wucezu nje lwelekhathi, nokuthi kumele acabange “ngesiphetho,” lapho ababi beyobhekana nokwahluvela kukaNkulunkulu. Iqiniso umhlabeleli waliqonda leliqiniso endaweni engeweles futhi wavuma iphutha lakhe kubonisa ukuthi okwangempela kungaqondwa kuphela ngokubona ngokwezikamoya hhayi ngokucabanga kwabantu.

**Isithembsio sokwahluluela kukaNkulunkulu phezu kwezwe naphezu kobubi bonke, sikududuza kanjani ngenkathi ububi obuningi manje bungajeziswa na?**

**Ukucabanga Kabanzi:** Funda iHubo 56; Ellen G. White, “*Rejoicing in the Lord,*” pp. 115–126, in *Steps to Christ*.

Njengabahlabeleli, abantu bakaNkulunkulu bezikhathi zonke bazibuza njalo ngendlela yokucula amaculo eNkosi “ezweni lokuhamba.” Ukholo lwethu ekubuseni kukaJehovah luphoselwa inselelo, ngezinye izikhathi ngesihluku, futhi singaze sizibuze ukuthi ngabe uNkulunkulu uyalawula noma unamandla ngempela futhi elungile ngokokusho kweZibhalo.

Ukholo lwezibhalo lusho ukungaquiniseki kanye nokulenga njengalokhu lisho isibindo neqholo. Ngezinye izikhathi ukungaquiniseki kanye nokulenga, ikakhulu phambi kobubi nokubonakala sengathi uNkulunkulu akekho, kungebekezeleleke. Kodwa, ukungaquiniseki akumele kube ngoNkulunkulu, ngesimilo Sakhe sothando nokulunga nokwethembeka. Abahlabeleli bangequiniseke ngekusasa, kodwa bavama ukunxusa othandweni nasekwethembekeni kukaNkulunkulu okungahluleki (*Hub. 36:5–10; Hub. 89:2, 8*).

Ngokufanayo, kumele silandele isibonelo esifanayo. “Biza onke amandla akho okubheka phezulu, hhayi phansi ebunzimeni bakho; ngalokho ngeke wadikibalwa endleleni. Ngokushesha uyobona uJesu ngemuva kwefu, elula isandla Sakhe ukukusiza; futhi konke nje okumele ukwenze ngukumnika isandla sakho ngokholo olulula futhi umvumele Yena akuhole. Lapho uba ngothembayo uyokwazi, ngokholo kuJesu, ukuba nethemba.”—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 5, pp. 578, 579.

Izikhathi lapho uNkulunkulu “efihla ubuso Bakhe” azijivazi ukuqiniseka komkhuleko. Kunalokho, lezizikhathi zenza abahlabeleli bazihlole, bekhumbula izenzo ezedlule zikaNkulunkulu zosindiso, futhi bafune uNkulunkulu ngokuvuma kanye nokunxusa okuthobekile (*Hub. 77:10–12, Hub. 89:46–52*). “Ukholo luba namandla ngokubhekana nokulwa nokungabaza kanye namathonya aphikisayo. Amava azuziwe kulezizivivinyo ayigugu kakhulu kunengcebo ebizayo.”—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 3, p. 555.

## Imibuzo Yokuxoxisana:

- ❶ Yibuphi ubunzima abahlabeleli ababanamava abo ekubhekaneni nobubi na? Yibuphi ubunzima obufanayo osubhekane nabo, futhi wenzeni ngabo na? Ulugcina kanjani ukholo Iwakho ngalezizikhathi na?
- ❷ Kumele sibheke kuphi ukuthola izimpendulo ngenkathi ukholo lwethu kuNkulunkulu luvivinywa yizinhlupheko noma ngabantu okuhlupheka kwabo kubenza bangabaze ukulunga kanye namandla kaNkulunkulu na?
- ❸ Uwuphendula kanjani umbuzo ovamile omayelana nobubi ezweni elidalwe futhi lasekelwa nguNkulunkulu onamandla onke nothando na? Umfanekiso wempikswano enkulu usiza kanjani ekuphendulen, ngendlela ethile, lenselelo na?

# Ngizophakama



## ISABATHA NTAMBAMA

**Funda Lokhu Kuleliviki:** *Hub. 18:3–18, Hub. 41:1–3, Dut. 15:7–11, iHubo 82, iHubo 96:6–10, Ps. 99:1–4, Rom. 8:34.*

**Indimana Yenkumbulo:** “‘Ngenxa yokubandezeka kwabahluphekileyo nangokububula kwabampofu ngizakuvuka kalokhu,’ usho uJehova, ‘ngimbeke ekusindisweni akulangazelelayo’” (*iHubo 12:5, NKJV*).

**I**sikhathi sethu akusona kuphela isikhathi kuso ububi, okungemthetho, kanye nembandezelo okubhoke kuso. Abahlabeleli babephila ezikhathini ezinjalo, nabo. Ngalokho, noma yini abayishoyo, amahubo aphinde abe yizikhala zo zikaNkulunkulu ngodlame nembandezelo emhlabeni, ezweni lethu, kanye nesikhala zo sabahlabeleli, futhi.

Yebo, uJehovah ungobekezelayo futhu uyalubamba ulaka Lwakhe ekubekezeleni Kwakhe okukhulu, engafuni namunye abhubhe kodwa baphenduke futhi baguqule izindlela zabo (*2 Pet. 3:9–15*). Futhi nakuba isikhathi sikaNkulunkulu esifanele sokungenelela singahambisanjalo nokulindela kwasintu, usuku lokwahlulela kukaNkulunkulu luyenza (*Hub. 96:13, Hub. 98:9*). Sidinga nje ukuthembela kuYena, nasezithembisweni Zakhe, kuze kufike lolosuku. NguMdali kuphela, osihlalo sobukhosie Sakhe simi ekulungeni nasemthethwensi (*Hub. 89:14, Hub. 97:2*), ongahlinzeka, ngokwahlulela Kwakhe okwengamele, ukuzinza nokuphumelela ezweni. Izigaba ezimbili zokwahlulela zifaka ukuhlengwa kwabacindezelwe kanye nokubhujiswa kwababi (*Hub. 7:6–17*).

Yilokhu esikuthenjisiwe, futhi yilokhu, nembala, okuyothi ngelinye ilanga—kepha ngesikhathi sikaNkulunkulu, hhayi esethu, kufike, iphuzu eligcizelela ngumhlabeleli.

\*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha,uNhlolanja 10.

## Ibutho Lobukhosí

**Funda** iHubo 18:3-18; iHubo 76:3-9, 12; neHubo 144:5-7. UJehovah ubonakaliswa kanjani kulemibhalo na? Lemifanekiso idlulisa ngokulungela kukaNkulunkulu ukuhlenga abantu Bakhe na?

---



---



---

Lamahubo adumisa uJehovah ngamandla Akhe amangalisayo phezu kwezitha ezesabisa abantu Bakhe. Ziveza uNkulunkulu ebukhosini Bakhe njengeButho kanye noMahluleli. Umfanekiso kaNkulunkulu njengeButho uvamile kumaHubo futhi ugqamisa amandla nokuphuthuma kwempendulo kaNkulunkulu ekukhaleni nasekuhluphekeni kwabantu Bakhe.

“UJehova waduma ezulwini,/ oPhezukonke walizwakalisa izwi lakhe,/ isichotho namalahle avuthayo./ Wathuma imicibisholo yakhe wabasabalalisa,/ Imibani eminingi, wabanqoba./ Kwase kubonakala imisinga yamanzi,/ izisekelo zomhlaba zambulwa/ ngesijeziso sakho, Jehova,/ ngokufutha komoya wamakhala akho” (*Hub. 18:13–15, NKJV*).

Uqobo lokuzimisela kanye nobukhulu besenzo sikaNkulunkulu kumele kususe konke ukungabaza ngokunaka okukhulu kukaNkulunkulu kanye nozwelo kwabahluphekayo noma ngekhono Lakhe lokunqoba ububi. Sidinga nje ukulinda ukuba Yena akwenze lokho.

Ekugcineni, nangesikhathi abantu bakaNkulunkulu, njengoDavide, besempini—ukuhengwa akuqhamukanga ngendlela yesintu. Ezimpini zakhe eziningi nezitha zabantu bakaNkulunkulu, Inkosi uDavide yadumisa uNkulunkulu njengokuphela Kwakhe owayenqobe njalo. Kwakuyobalula ukuba uDavide athathe udumo lwalokho okwenzekile, konke ukuphumelela kwakhe nokunqoba, kodwa umqondo wakhe wawungekho lapho. Wayewazi Umthombo wamandla akhe.

Nakuba uDavide esho ukuthi uJehovah uqequeshela izandla zakhe impi (*Hub. 18:34*), akukho kumaHubo lapho athembele emakhonweni akhe empi. Kunalokho, uJehovah ulwela uDavide futhi amhlenge (*Hub. 18:47, 48*).

KumaHubo, Inkosi uDavide, owayaziwa njengebutho elinempumelelo, uthatha indima yakhe njengomculi onekhono futhi adumise uJehovah njengokuphela koMhlengi noMsekeli wabantu Bakhe (*Hub. 144:10-15*). Ukudumisa nokukhuleka kuJehovah yimithombo yamandla kuDavide, okunamandla kunanoma yisiphi isikhali sempi. NguNkulunkulu kuphela okumele athenjwe futhi akhonzwe.

**Noma ngabe yiziphi izipho namakhono nempumelelo obe nazo empilweni, kungani kumele ukhumbule njalo umthombo wakho konke na? Iyiphi ingozi obhekana nayo uma ukhohlwa lowomthombo na?**

---

## Ubulungiswa Kulabo Abacindezelo

**Funda** liHubo 9:18, iHubo 12:5, iHubo 40:17, iHubo 113:7, iHubo 146:6-10,  
neHubo 41:1-3. Yimuphi umyalezo esiwuthola lapha, nanamuhla na?

---



---



---

UNkulunkulu ubonisa ukunaka nokukhathazeka okukhethekile ngokulunga mayelana namaqembu ehlukene abantu, kufaka nabampofu, abasweleyo, abacindezelo weyo, iztandane, abafelokazi, abafelwa, kanye nezihambi. AmaHubo, njengoMthetho nabaprofethi, asobala ngaleliphuzu (*Ekosd. 22:21-27, Isa. 3:13-15*).

AmaHubo amanangi asebenzisa isisho “abampofu nabasweleyo” futhi agweme ukuveza abambandazekile kuphela ngokobuzwe nangokwezenkolo. Lokhu kwenzelwa ukuba kugqame ukunaka okufaka sonke isintu kukaNkulunkulu.

Isisho “abampofu nabasweleyo” asigcini kuphela ezintweni eziphathetkayo kodwa futhi siphawula ukuba sengozini kanye nokungabi nasizo. Lesisisho sibiza umhawu kaNkulunkulu, futhi sidlulise umqondo wokuthi ohluphekayo uyedwa futhi akanalo olunye usizo ngaphandle kukaNkulunkulu. Isifaniso “abampofu nabasweleyo” futhi simayelana nokukholeka kothile, ukuba neqiniso, kanye nokuthanda kwakhe uNkulunkulu ekuvumeni ukuncika ngokuphelele kuNkulunkulu nokulahla noma yini ebonakala ingukuzithemba.

Kusenjalo, ukunakekela abantulayo (*Hub. 41:1-3*) kubonakalisa ukwethembeka kwabantu kuNkulunkulu. Ububi obenziwa kulaba abangenamandla kwakuyisono esinyantisa kakhulu kwisiko-mpilo lebhayibheli (*Dut. 15:7-11*). AmaHubo akhuthaza abantu abathembekileyo ukuba balwe nembandezelo.

AmaHubo futhi agcizelela ubuze bokuncika kwizinsiza eziphelayo zabantu njengemthombo yokugcina yenhlakanipho nokuphepha. Abantu bakaNkulunkulu kumele bamelane nesilingo sokwethembra abaholi nezinhlango ngosindiso lwabo, ikakhulu lapho ziphikisana nezindlela zikaNkulunkulu.

Emuseni Wakhe, uJehovah wazimataniwa Yena nabampofu, ukuze ebuphofini Bakhe abanangi bakwazi ukuceba (*2 Kor. 8:9*). Ingcebo kaKristu ifaka ukuhlengwa kuyo yonke imbandezelo elethwe yisono, futhi uthembisa thina ukuphila okuphakade embusweni kaNkulunkulu (*Samb. 21:4*). UJesu Kristu ugcwalisa izithembiso zamaHubo njengoMahluleli ongwewe, oyokwahlulela konke ukuphatha kabi kwabasweleyo, kanye nokunganakwa kokusebenzela bona (*Mat. 25:31-46*).

**Sicabanga kangakanani “ngabampofu nabasweleyo” abaphakathi kwethu,  
futhi kungakanani esibenzela kona na?**

---

## Uyokwahlulela Ngokungalungile Kuze Kube Nini Na?

UJehovah unikeza abaholi bakwaIsrayeli ngegunya lokugcina ukulunga kwaIsrayeli (*Hub. 72:1-7, 12-14*). Amakhosi akwaIsrayeli kwakumele asebenzise igunya lawo ngokuhambisana nentando kaNkulunkulu. Umongo wokunaka kwabaholi kumele ube sekuqinisekiseni uxolo nokulunga ezweni kanye nasekunakekeleni abasengcupheni emphakathini. Kungalendlela kuphela izwe kanye nabo bonke abantu bengaphumelela ngayo. Isigodlo senkosi siqiniswa ngokuthembeka kuNkulunkulu, hhayi ngamandla abantu.

**Funda iHubo 82. Yini eyenzekayo lapho abaholi bephambukisa ukulunga futhi bacindezela abantu okumele ngabe bayabavikela na?**

---



---

KwiHubo 82, uNkulunkulu umemezelza izahlulelo Zakhe phezu kwabahluleli abakhohlakele bakwaIsrayeli. “Onkulunkulu” (*Hub. 82:1, 6*) ngokusobala akubona abezizwe noma izingelosi, ngoba babengakaze banikezwе umsebenzi wokuletha ukulunga kubantu bakaNkulunkulu ngalokho babengehlulelwе ngokungakwensi lokho. Izimangalo ezibaluliwe kwiHubo 82:2-4 zikhumbuba imithetho ye-Torah, zikhombe “onkulunkulu” njengaboholi bakaIsrayeli (*Dut. 1:16-18, Dut. 16:18-20, Johane 10:33-35*). UNkulunkulu ubuza “amadoda abantu” ukuthi bahlulela ngokulunga, bese isijezizo sabo simenyelwa, ngoba batholakale bengalungile. Abaholi bahamba ebumnyameni ngaphandle kolwazi (*Hub. 82:5*), ngoba balahle umthetho kaNkulunkulu, ukukhanya (*Hub. 119:105*).

Ngokungaphambuki Izbhalo ziphakamisa umbono wokuthi uJehovah nguyena kuphela uNkulunkulu. UNkulunkulu wabelana ngokubusa Kwakhe izwe nabaholi abaqokiweyo njengabamel Bakhe (*Rom. 13:1*). Kuvame kangakanani, nokho, ukuthi lababamel, emlandweni kanye namanje, baphendukezele umthwalo abawuniwi na?

Ihubo 82 ngokubhinqa libeka obala ukuhlubuka kwabanye abaholi ababekholwa ukuthi “bangonkulunkulu” phezu kwabanye abantu. Nakuba uNkulunkulu anikeza igunya nelungelo kubaholi bakwaIsrayeli, lokuthi babizwe “ngabantwana Bophezu Konke” kanye nokumela Yena, uNkulunkulu uyabalahlha abaholi abakhohlakeleyo. UNkulunkulu ubakhumbuba ukuthi bayafa futhi bangaphansi kwemithetho njengabonke abantu. Akekho ongaphezu koMthetho kaNkulunkulu (*Hub. 82:6-8*).

UNkulunkulu uyokwahlulela lonke izwe; abantu bakaNkulunkulu, nabo, bazophendula kuNkulunkulu. Abaholi nabantu kumele balingise isibonelo soMahluleli ongcwele babeke ithemba labo lonke kuYena.

**Gunya lini onalo phezu kwabantu na? Ulisebenzisa kanjani ngokulunga lelogunya na? Qaphela.**

---

## Thela Ukunengwa Kwakho

**Funda** iHubo 58:6-8; iHubo 69:22-28; iHubo 83:9-17; iHubo 94:1, 2; neHubo 137:7-9. Iyiphi imizwa edluliswa yilamaHubo na? Ngubani umenzi wokwahlulela kulamaHubo na?

---



---

Amanye amaHubo anxusa ukuba uNkulunkulu aphindisele kubantu noma izizwe ezhilose ukubalimaza, noma esezipalimazile, abahlabeleli noma abantu babo. LamaHubo angezwakala edida ngenxa yolimi lwavo olunesihluku kanye nokuzwakala kungahambisani nezimiso zebhayibheli zokuthanda isitha.

Kepha, ukunengwa komhlabeleli kwimbandezelo ingefanelekile. Isoh ukuthi abahlabeleli babethatha okuhle nokungekuhle ngokuqinile kunabantu abaningi. Uyanaka Yena, kakhulu, ngobubi obenziwa ezweni, hhayi nje kuyena kepha nakwabanye, ngokufanayo.

Nakuba kunjalo, akukho lapho umhlabeleli ezincoma njengomdidiyeli wempindiselo. Kunalokho, ushiya ukujezisa ezandleni zikaNkulunkulu kphela. AmaHubo avusa iziqalekiso zesivumelwano esingcwele (*Dut. 27:9-16*) futhi ancenge uNkulunkulu ukuba enze ngokwesithembiso Sakhe.

AmaHubo ayizimemezelo zesiprofetho ngokwahlulela okuzayo kukaNkulunkulu; awayona nje imikhuleko yomhlabeleli kphela. Ihubo 137 libonisa izimemezelo zokwahlulela okungcwele kwiBabiloni, njengalokhu kubonakala kubaprofethi. Incithakalo iBabiloni elayiletha kwezinye izizwe yayiyobuyela kuyo. AmaHubo adlulisa izixwayiso esingcwele zokuthi ububi ngeke bungajeziswa ingunaphakade.

Ukujezisa kukaNkulunkulu kuhambisana nokulunga nomusa. Abantwana bakaNkulunkulu babizelwa ukuba bakhulekele labo ababaphatha kabi nokuthembra ukuba baguquke (*Hub. 83:18, Jer. 29:7*).

Kepha, sisafuna ukufaka lamaHubo nezinkambiso zebhayibheli zokuthanda izitha, kumele siqaphele ukuba singanciphisi amava abuhlungu ethulwa kuwo. UNkulunkulu uyakubona ukuhlupheka kwabantwana Bakhe futhi abaqinisekise bona ngokuthi “kuyigugu emehlwani kaJehovah ukufa kwabangcwele Bakhe” (*Hub. 116:15, NKJV*). Ukwahlulela okungcwele kupoqa ukuba abantu bakaNkulunkulu bamemeze ngokumelana nobubi futhi bafune ukuza kombuso kaNkulunkulu ngokugewala kwawo. AmaHubo futhi anikeza izwi kulabo abahluphekayo, ebazisa ngokuthi uNkulunkulu uyakubona ukuhlupheka kwabo nokuthi ngelinye ilanga ubulungiswa buyofika.

**Ngubani, ngezinye izikhathi, ongabi nayo imicabango nemizindlo yokuphindisela kulabo abenze okubi kubona noma kwabathandiwe babo na? LamaHubo angakusiza kanjani ukubeka lemizwa endaweni efanele na?**

---

## Ukwahlulela KukaJehovah Nendawo Engcwele

**Funda** iHubo 96:6-10; iHubo 99:1-4; neHubo 132:7-9, 13-18. Ukwahlulela kukaNkulunkulu kwenzeka kuphi, futhi iyini imithelela yempendulo kithina na? Indawo engcwele isisiza kanjani ekuqondeni indlela uNkulunkulu ayobhekana nayo nobubi na?

---

Ukwahlulela kukaJehovah kuncikene kakhulu nendawo engcwele. Indawo engcwele kwakuyindawo lapho ukuqonda komhlabeleli kwenkinga yobubi kwaguquka khona (*Hub. 73:17-20*). Indawo engcwele kwakuyindawo eqokiwe yokwahlulela okungcwele njengalokhu kuboniswa ngukwahlulela kwe-Urim (*Num. 27:21*) kanye nesihlangu sesifuba sokwahlulela sompristi omkhulu (*Eksod. 28:15, 28-30*). Kanjalo, amaHubo amanangi abonisa uNkulunkulu esihlalweni Sakhe endaweni engcwele elungele ukwahluela izwe ngesono nobubi balo.

Endaweni engcwele icebo losindiso lambulwa. Ebuhedenini, isono sasiqondwa kakhulu njengesici esibonakalayo, okumele sisuswe ngosiko mlingo. Ngokuphikisayo, iBhayibhele lethula isono njengokuphambuka emthethweni kaNkulunkulu. Ubungcwele bukaNkulunkulu buchaza ukuthi Yena uthanda ubulungiswa kanye nokulunga. Ngokufanayo, abantu bakaNkulunkulu kumele bafune ubulungiswa kanye nokulunga futhi bakhonze uNkulunkulu ebungcweleni Bakhe. Ukwenza lokho, kumele bagcine umthetho kaNkulunkulu oyisibonakaliso sobungcwele Bakhe.

Ngalokho, indawo engcwele yindawo yokuthethelela isono nokubuyiselwa kokulunga njengalokhu kuvezwa yisihlalo somusa sikaNkulunkulu kanye “nemihlatshelo yokulunga” (*Dut. 33:19, Hub. 4:5*).

Kepha, “uNkulunkulu oxolelayo” uphindisela izenzo zobubi zalabo abangaguqukile (*Hub. 99:8, NKJV*). Imithelela ephathekayo yendawo engcwele iyindawo yokwahlulela okungcwele ibonakala ekuqwasheni obuqhubekayo bobungcwele bukaNkulunkulu kanye nezimfuno zokuphila ngokulunga ngokwezimfuno zesivumelwano sikaNkulunkulu.

Ukwahlulela kukaJehovah okuphuma eZiyoni kuletha impilo kwabalungleyo nokunqotshwa kwababi (*Hub. 132:13-18*). Indawo engcwele yayidala ukulindela ngenjabulo kokuza kukaJehovah njengoMahluleli, ikakhulu Ngosuku Lokubuyisana. Ngokufanayo, amaHubo aqinisa ukuqiniseka kokufika koMahluleli ongcwele (*Hub. 96:13, Hub. 98:9*), uJesu Kristu endaweini engcwele yasezulwini (*Samb. 11:15-19*).

**Funda abaseRoma 8:34. Lendifima isibonisa kanjani ukuthi lokho uKristu akwenzayo endaweni engcwele yasezulwini kuyizindaba ezinhle kabantu Bakhe na?**

---

**Umcabango Obanzi:** Funda u-Ellen G. White, “The Beatitudes,” pp. 6–13, 29–35, in *Thoughts From the Mount of Blessing*.

AmaHubo ayisikhalo ngakabantu ngokunganaki ukulunga; angukwenqaba ukwamukela ububi. Akhuthazwa, hhayi yisifiso sokuphindisela kodwa yintshisekelo yokuphakamisa igama likaNkulunkulu. Yingakho, kufanelekile ukuba abalungileyo bajabule lapho bezobona impindiselo kaNkulunkulu ebubini, ngoba ngalendlela igama likaNkulunkulu nobulungiswa Bakhe buyabuyiselwa ezweni (*Hub. 58:10, 11*). AmaHubo asiza abantu ukuba baphakamise amazwi abo ngokumelene nobubi futhi bafune ukuza kombuso kaNkulunkulu ngokugcwala kwavo. KumaHubo, sinikezwa isiqiniseko senduduzo engeweles nokuhlengwa. UJehovah uyakuphakama!

“‘Ngenkathi abantu benithuka, futhi benishushisa,’ kusho uJesu, ‘thokozani, futhi njabule kakhulu.’ Futhi wakhomba abalaleli Bakhe kubaprofethi ababekhulume egameni likaJehovah, ‘njengesibonelo sokuhlupheka, kanye nokubekezelu.’ Jakobe 5:10. U-Abel, umKristu wokuqala kubantwana baka-Adamu, wafa eyifelankolo. U-Enoch wahamba noNkulunkulu futhi izwe langamazi. U-Noah wagconwa njengohlanya kanye nomuntu Oshawa wuvalo ngeze. ‘Abanye bavivinywa ngokuklolodelwa okubi nangokubhaxabulwa, yebo, nangezibopho nokuboshwa.’ ‘Abanye bazwiswa ubuhlungu, bengakwamukeli ukukhululwa; ukuze bazuze uvuko olungcono.’ Heberu 11:36, 35.”—Ellen G. White, *Thoughts From the Mount of Blessing*, p. 33.

### Imibuzo Yokuxoxisana:

- ① Ngenxa yobuhlungu bokubona lokho ububi obukwenza ezweni kungenza othile azibuze ukuthi iNkosi iyabusa ngempela, singaba kanjani nokholo oluqinile olungamelana nokulingwa na? Okungukuthi, yini okumele sigxile kuyo ukuze sigcine ukholo lwethu othandweni lukaNkulunkulu nokulunga namandla na? Isiphambano kumele sithini kithina ngamandla nesimilo sikaNkulunkulu na?
- ② Kungani kusemqoka ukuba singanciki ezinsizeni zabantu (abaholi, izinhlangano, nezinhlelo zomphakathi) njengobuhlakani obukhulu nesisombululo sokulunga ezweni kepha sithembele kuphela Ezwini nasekwehluleleni kukaNkulunkulu na?
- ③ Iyiphi imithelela ephathekayo yequiniso lokuthi indawo engeweles yindawo yokwahluvela okungeweles na?
- ④ Singaluqonda kanjani ulimi lwendluzula lwamanye amaHubo na? Lololimi lusisisiza kanjani ukuba siqonde ubuntu balabo abalubhala na?

# Umhawu Wakho Ufinyelela Emazulwini



## iSABATHA NTAMBAMA

**Funda Lokhu Kuleliviki:** *iHubo 136, iHubo 51, iHubo 130, iHubo 113, iHubo 123.*

**Indimana Yenkumbulo:** “Ngizakukubonga, Nkosi, phakathi kwabantu; ngikudumise phakathi kwezizwe. Ngokuba umusa wakho mkhulu kuze kube sezulwini, nokuthembeka kwakho kuze kube semafwini” (*iHubo 57:9, 10, NKJV*).

Abahlabaleli bayabona ukuthi bantulile kwezikamoya futhi abanalutho oluhle abangalunikela kuNkulunkulu; okungukuthi, abanalutho kubona okungabenza bafaneleke phambi kwesihlalo sobukhosи esingcwele sikaNkulunkulu (*Hub. 40:17*). Bayaqonda ukuthi bona, njengathi sonke, badinga umusa, umusa kaNkulunkulu.

Kafushane nje, badinga ivangeli.

AmaHubo agcizelela iqiniso lokuthi abantu bancike ngokuphelele emuseni kaNkulunkulu. Ngenhlanhla, umusa kaNkulunkulu ungowaphakade, njengalokhu kubonakala endaweni kaNkulunkulu nasemlandweni wabantu Bakhe (*Hub. 136*). Phambi kukaNkulunkulu waphakade, impilo yomuntu iyadlula njengotshani, kodwa uNkulunkulu uwela isintu futhi avuselele amandla aso (*Hub. 103:3, 5, 15*), futhi kuYena sinesithembiso sengunaphakade.

Abantu bakaNkulunkulu baduduzeka ngokuthi uJehovah wethembekile esivumelwaneni Sakhe. Ukunxusa kwabantu, noma kuphuthuma ngezinye izikhathi kuvama ukugewala ithemba ngoba kubhekiswe kuBaba wabo osezulwini onozwelo (*Hub. 103:13, Hub. 68:5, Hub. 89:26*). Amava amasha omusa kaNkulunkulu nothando aqimisa ukuzimisela kwabo ukudumisa nokusebenzela uNkulunkulu, kuphela.

\*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, uNhlolanja 17.

## Umusa Wakhe Umi Phakade

**Funda** iHubo 136. Yimuphi umcabango ogqamile kuleliHubo na? Umhlabeleli ubuthola kuphi ubufakazi balenkulomo yakhe evamile na?

---



---



---

Ihubo 136 libizela abantu bakaNkulunkulu ekudumiseni uJehovah ngokuba umusa Wakhe njengalokhu wembulwe endalweni (*Hub. 136:4-9*) nasemlandweni kaIsrayeli (*Hub. 136:10-22*). “Umusa” (Heberu *khesed*, “uthando oluqotho”) wedlulisa ukulunga kukaNkulunkulu nobuqotho endalweni Yakhe nakwisivumelweno Sakhe noIsrayeli. Ihubo libonisa ukuthi amandla amakhulu kaNkulunkulu kanye nobukhulu kusekelwe othandweni Lwakhe oluqotho.

UJehovah “unguNkulunkulu wonkulunkulu” ne “Nkosi yamakhosi,” okuyisisho samaHeberu esichaza “uNkulunkulu omkhulu kunabo bonke” (*Hub. 136:1-3*), hhayi ukuthi kukhona abanye onkulunkulu kepha ukuthi nguYena kuphela uNkulunkulu.

Izimangaliso ezinkulu zikaJehovah, ezingakwazi ukulingiswa ngomunye, ziyyisibonakaliso esingephikwe sokubusa Kwakhe (*Hub. 136:4*). UNkulunkulu wadala amazulu, umhlabu, nakho konke okusezulwini, okukhonzwa ngabahedeni (*Dut. 4:19*). AmaHubo, nokho, ahlubula onkulunkulu babahedeni, futhi ngokufinyelela konke isintu esithembele kukho, kwegunya labo. Kuyimiphumela nje yendalo. Yizinto nje ezidaliweyo—hhayi uMdali, okungumehluko omkhulu.

Umfanekiso wesandla sikaJehovah esinamndla nengalo eluliwe (*Hub. 136:12*) ugcizelela ukusebenza kwamandla kaNkulunkulu kanye nokubabanzi kombuso Wakhe womusa.

Umusa kaNkulunkulu endalweni nasemlandweni kumele ukhuthaze abantu Bakhe ekuthembeni Yena nasekuhlaleni bekholekile esivumelwaneni Sakhe. Impinda “Ngokuba umusa Wakhe umi phakade” iphindwa izikhathi ezingu-26 kumaHubo, ngalokho kuqinisekisa abakhonzayo ngokuthi uJehovah akaguquki futhi uyophinda okuhle akwenzile ngaphambili kwisizukulwane ngasinye esisha. UNkulunkulu ukhumbula abantu Bakhe (*Hub. 136:23*) futhi wethembekile esivumelwaneni Sakhe somusa. Inkolelo emuseni waphakade kaJehovah ingumongo wenkolo yebhayibeli, efaka ukukhonza ngenjabulo nangeqholo, kanye nokuzotha nokuphenduka.

Ihubo 136 (vss. 23-25) livala ngokunakekela kwezwe lonke kukaNkulunkulu. Umusa kaNkulunkulu welulelwa hhayi kuphela kuIsrayeli kodwa endalweni yonke. Ihubo ngalokho likhuluma ngobubanzi bomusa kaNkulunkulu osindisayo futhi linxuse wonke umhlabu ukuba uhlanganyele noIsrayeli ekudumiseni uJehovah (*buka noLuka 2:10, Johane 3:16, Zenzo 15:17*).

**Umfanekiso kaJesu esiphambanweni, efa Esikhundleni sethu ngenxa yezono zethu, wembula kanjani ngamandla iqiniso elikhulu ngoNkulunkulu lokuthi “uthando Lwakhe lumi ingunaphakade” na?**

## Dala Kimi Inhliziyo Ehlanzekileyo

**Funda** iHubo 51:1-5. Kungani umhlabeleli encenga emuseni kaNkulunkulu na?

---



---



---

Inkosi uDavide iyazeneka phambi kukaJehovah, icela intethelelo ngesono sangesikhathi sobumnyama kwezikamoya empilweni yakhe (*2 Samweli 12*). Intethelelo yisipho sikaNkulunkulu esikhulu somusa, umphumela “wentaphane yomusa Wakho” (*Hub. 51:1, NKJV*). Inkosi uDavide inxusa uNkulunkulu ukuba abhekane naye, hhayi ngokwalokho okufanele isono sakhe (*Hub. 103:10*) kodwa ngokwesimilo Sakhe esingcwele, okungukuthi umusa Wakhe, ukwethembeka, kanye nomhawu (*Hub. 51:1; Eksod. 34:6, 7*).

**Funda** iHubo 51:6-19. Ukuthethelwa kwesono kubonakaliswa kanjani lapha na? Yini umgommo wokuthethela kukaNkulunkulu na?

---



---

Intethelelo kaNkulunkulu ifaka okungaphezulu kokumemezelu ubumsulwa ngokomthetho. Idala inguquko enkuIuIu efinyelela ezibilinini zomuntu (*Hub. 51:6, Heb. 4:12*). Iletha ukudalwa kabusha (*Hub. 51:10, Johane 3:3-8*). Isenzo sesiHeberu bara’, esihumushwe “ukudala,” siveza amandla kaNkulunkulu okudala (*Gen. 1:1*). NguNkulunkulu kuphela onga bara’; nguNkulunkulu kuphela ongenza inguquko enkuIuIu neyaphakade enhliziyweni yophendukayo (*2 Kor. 4:6*).

UDavide ucela ukuhlanzwa nge-hyssop (*Lev. 14:2-8, Hub. 51:7*). Unomuzwa wokuthi icala lakhe limgcine ngaphandle kobukhona bukaJehovah, ngendlela efana nalowo onochoko okhishelva ngaphandle komphakathi ngenkathi esangcolile (*Hub. 51:11*). Wesaba ukuthi imihlatshelo ngeke yambuyisela ngokuphelele ngoba awukho umhlatshelo ongahlanza isono sakhe esihleliwe sokuphinga nokubulala (*Eksod. 21:14, Lev. 20:10*).

Ngumusa kaNkulunkulu kuphela ongenamibandela owawungamukela “inhliziyo ephukile nezisolayo” kaDavide njengomhlatshelo futhi ubuyisele uDavide ekuzwaneni noNkulunkulu (*Hub. 51:16, 17*). Ngokucela ukuhlanzwa nge-hyssop, ufuna ukubuyela ebukhoneni bukaNkulunkulu.

**Uma uNkulunkulu engathethela uDavide ephingile, eqilile, futhi ebulele, yiliphi ithemba elikhona kithina na?**

---

## Uma Wena, Jehovah, Ubungaphawula Izono

**Funda** iHubo 130. Ubunzima besono kanye nethemba kwizoni kuvezwe kanjani na?

---



---



---

Ukuhlupheka okukhulu komhlabeleli kuxhumene nezono zakhe kanye nezabantu bakhe (*Hub. 130:3, 8*). Izono zabantu zimbi kangangokuba zibanga ingozi yokwehlukana noNkulunkulu ingunaphakade (*Hub. 130:3*). Izibhalo zikhuluma ngemibiko yezeno egcinelwe Usuku loKwahlulela (*Dan. 7:10, Samb. 20:12*) kanye namagama ezoni esuswa encwadini yokuphila (*Eksod. 32:32, Hub. 69:28, Samb. 13:8*).

Ngolokho umhlabeleli unxusa intethelelo kaNkulunkulu, ezosusa umbiko wezono (*Hub. 51:1, 9; Jer. 31:34; Mik. 7:19*). Uyazi ukuthi “uNkulunkulu akathukutheli. Uthando Lwakhe lumphakade. ‘intukuthelo’ Yakhe ibangwa ngukusilela komuntu ekuthakaseleni uthando Lwakhe. . . . Inhoso yentukuthelo Yakhe akukona ukulimaza, kunalokho ngeyokuphulukisa; hhayi ukubhubhisa kodwa ukusindisa abantu Bakhe besivumelwano (*Hos. 6:1, 2*).”—Hans K. LaRondelle, *Deliverance in the Psalms* (Berrien Springs, MI: First Impressions, 1983), pp. 180, 181. Okukhulu, ngukulungela kukaNkulunkulu ukuthethelela izono, hhayi ukuzijeza, okudala ukuhlonishwa Kwakhe (*Hub. 130:4, Rom. 2:4*). Ukukhonza kwangempela kwakhelwe ekubabazeni isimilo sikaNkulunkulu sothando, hhayi ukwesaba ukujeziswa.

Abantwana bakaNkulunkulu babizelwa ekulindeni kuJehovah (*Hub. 27:14, Hub. 37:34*). Igama lesiHeberu qawah, “linda,” lichaza “ukwelulela,” futhi liyimpande yegama lesiHeberu “Themba.” Ngalokho, ukulinda kuJehovah akukona ukuzinikela kokuvumela izimo ezimbi kodwa kunalokho “ukuzilulela” okunethemba noma ukulindela okulangazayo kokungenelela kukaJehovah. Ithemba lomhlabeleli lisikelwe hhayi ekulindeleni kwakhe, kodwa Ezwini likaNkulunkulu (*Hub. 130:5*). Ukulinda okukholekile kuJehovah akulona ize, ngoba, ngemuva kobusuku obumnyama, ukusa kokuhlenga kukaNkulunkulu kuyeza.

Buka indlela yokuzinxusela komhlabeleli okuba yilokho komphakathi wonke (*Hub. 130:7, 8*). Ukuphumelela koyedwa akuhlukani nalokho kwabantu bonke. Ngalokho, othile akazikhulekeli yena kuphela kepha umphakathi. Njengamakholwa, siyngxenyen yomphakathi, futhi lokho okuthinta oyedwa kuthinta wonke umphakathi.

**Zindla ngalombuzo, “Uma wena Jehova uqaphela iziphambeko, Nkosi, ngubani ongema na?” (*Hub. 130:3, NKJV*). Kusho ukuthini kuwena uqobo lokhu na? Ngabe ukuphi uma uJehovah ebeqaphela izono zakho na?**

---

# Udumo KuNkulunkulu Onobukhos Nomusa

**Funda** iHubo 113 neHubo 123. Yiziphi izinto ezahlukene zesimilo sikaNkulunkulu ezivezwa kulamaHubo na?

---

---

---

AmaHubo 113 no 123 adumisa ubukhos kanye nomhawu kaJehovah. Ubukhos bukaJehova bembulwa ebukhulwini begama Lakhe kanye nendawo ephakeme yesihlalo Sakhe, esingaphezu kwezizwe zonke nangaphezu kwamazulu (*Hub. 113:4, 5; Hub. 123:1*). “Ngubani ofana noJehovah uNkulunkulu wethu (*Hub. 113:5, NKJV*) yisisho sokholo sokuthi akukho mandla ngaphakathi nangaphandle komhlaba angamelana noNkulunkulu kaIsrayeli.

Ukuphakama okungafinyeleleki kwalapho uNkulunkulu ahlala khona kuvezwa ngeqiniso lokuthi uJehovah uzimisele “ukuzithoba” noma “ehlele phansi ukubuka amazulu kanye nomhlaba” (*Hub. 113:6, NIV*). Indawo yokuhlala kaNkulunkulu ayimvimbeli Yena ukuba abone lokho okwenzeka ngaphansi. Umhawu kaJehovah ubonakaliswa ekulungeleni Kwakhe ukuba yingxenye yomhlaba kanye nokusindisa abasweleyo nabampofu ezinkingeni zabo. Isandla Sakhe esivulelekile asisithekile ezincekwini Zakhe, nakuba indawo Yakhe yokuhlala isemazulwini akude.

Ubukhulu bukaNkulunkulu nokunaka, okungeke kwaqondwa ngokuphelele ekuphakameni okumangalisayo Kwakhe, kuba sobala ezenzweni Zakhe zomusa nozwelo. Abasweleyo, abampofu, nabacindezelweyo bangaba namava amandla kaNkulunkulu amakhulu ngendlela ekuguquleni angakwenzela bona. UNkulunkulu ubonakaliswa ubukhulu Bakhe ngokusebenzisa amandla Akhe ukuphakamisa abalahliweyo. Abantu bakhululekile ukuya kuJehovah ngoba ubukhos nokwengamela Kwakhe akuguquli iqiniso lokuthi unguMdali noMsekeli wabo nokuthi abantu bayizinceku Zakhe abantwana abathandiwe Bakhe.

Ngalokho, ukukhonza, kuqhutshwa, hhai kuphela ngubukhulu bukaNkulunkulu kodwa futhi ngukulunga Kwakhe. Ukudumisa akunamkhawulo wesikhathi nandawo (*Hub. 113:2, 3*). ubukhulu bukaNkulunkulu nomhawu bubonakaliswa kangcono

kuJesu Kristu, owavuma ukwehla ezulwini futhi ehliselwe ekufeni kwasiphambano ukuze aphakamise isintu esiwileyo (*Fili. 2:6-8*). Lapha, esiphambanweni, sinezizathu ezinkulu zokukhonza nokudumisa uNkulunkulu ngalokho asenzela kona.

**Gxila esiphambanweni nakulokho okwenzeka khona ngawe. Yini uJesu akusindise kuyo na? Kungani kubaluleke kakhulu ukukhumbula isiphambano njalo na?**

---

## Ungakhohlwa Yimisebenzi Yonke Yakhe

**Funda** iHubo 103. Umhawu kaNkulunkulu uvezwa kanjani lapha na?

---



---



---

IHubo 103 libala izibusiso eziningi zikaJehovah. Izibusiso zifaka “yonke imisebenzi yakhe” (*Hub. 103:2*) impilo echumile (*Hub. 103:3-6*). Lezibusiso zisekelwe esimilweni sikaNkulunkulu sesihe nasekuthembekeni Kwakhe kwisivumelwano noIsrayeli (*Hub. 103:7-18*). UJehovah “ukhumbula” ubuthakathaka nokudlula kwesintu futhi azwela abantu Bakhe (*Hub. 103:13-17*).

Ukukhumbula kungaphezulu kokuba semqondweni nje. Kufaka ukuzibophelela okubonakala ngezenzo: uNkulunkulu uhlenga futhi asekele abantu Bakhe (*Hub. 103:3-13*). Imifanekiso enamandla kwiHubo 103:11-16 ibonisa ubukhulu okungakaleki bomusa kaNkulunkulu, ongaghathaniswa kuphela nobubanzi bamazulu (*Isa. 55:9*)?

Abantu kumele baphendule kanjani kuloluthando olumnene lukaNkulunkulu na? Okokuqala, ngokubusisa uJehovah (*Hub. 103:1, 2*).

Ukubusisa kuqondwa njengesenzo sokunikeza inzuko yezimpahla neyezikamoya kothile (*Gen. 49:25, Hub. 5:12*). Ngoba uNkulunkulu unguMthombo wazo zonke izibusiso, abantu bangambusa kanjani uNkulunkulu na? Ongaphansi angabusisa ongaphezulu ngendlela yokubonga noma yokudumisa (*1 Amakhosi 8:66, Jobe 29:13*). UNkulunkulu ubusisa abantu Bakhe ngokubanikeza okuhle, kuthi abantu babusise uNkulunkulu ngodumisa okuhle kuYena; okungukuthi, ngokumhlonipha ngenxa yesimilo Sakhe sesihe.

Okwesibili, ngokukhumbula yonke imisebenzi Yakhe nesivumelwano Sakhe (*Hub. 103:2, 18-22*), njengalokhu uJehovah ekhumbula isimo esibuthakathaka sabantu nesivumelwano Sakhe nabantu Bakhe (*Hub. 103:3-13*). Ukukhumbula kuyingxenyenye ebalulekile yobudlelwane phakathi kukaNkulunkulu nabantu Bakhe. Njengalokhu uNkulunkulu ekhumbula izithembiso Zakhe kubantu, nabantu balindelwe ukuba bakhumbule ukuthembeka Kwakhe futhi baphendule kuNkulunkulu ngothando nangokulalela.

Ngalokhu emqondweni, lamazwi aziwayo ka-Ellen G. White afanelekile kakhulu: “Kuyoba kuhle kithina ukuba sichithe ihora nsuku zonke sizindla ngempilo kaKristu. Kumele sithathe isigaba ngesigaba, futhi sivumele umqondo ukuba ubambe isigaba ngasinye, ikakhulu lezo zokuvala. Lapho sigxila kulomhlatshele Wakhe omkhulu, iqholo lethu kuYena liyoqhubeka, uthando luvuke, futhi sigcwaliswe kakhulu ngoMOYA Wakhe. Uma ekugcineni sizosindiswa, kumele sifunde isifundo sokuphenduka nokuzithoba phambi kwesiphambano.”—*The Desire of Ages*, p. 83.

## **Ukucabanga Kabanzi:** Funda u-Ellen G. White, “*The Sinner’s Need of Christ,*” pp. 17–22, in *Steps to Christ.*

KumaHubo, amazwi abantu bakaNkulunkulu asho ngazwi linye ephinda lempinda “umusa Wakhe umi phakade” ekugubheni uthando oluphakade lukaNkulunkulu (*Hub. 106:1, NKJV; Hub. 107:1, NKJV; Hub. 118:1–4, 29, NKJV; iHubo 136, NKJV*). “Ukungadumisi uNkulunkulu kungachaza ukukhohlwa yonke imisebenzi Yakhe, ukungathakaseli izipho zikaNkulunkulu. Ngabadumisayo kuphela abangakhohlwa. Ukucabanga kanye nokuhuluma ngoNkulunkulu akukabi ngukumdumisa Yena. Ukudumisa kuqala ngenkathi othile evuma ubukhosи bukaNkulunkulu kanye nemisebenzi futhi ephendula ngokbabaza ukulunga, nomhawu, nokuhlakaniphia Kwakhe.”—Hans LaRondelle, *Deliverance in the Psalms*, p. 178.

Ukubaluleka kokuvuma okuzothile komhawu waphakade kaNkulunkulu kujula kakhulu ngenkathi sikhumbula ukuthi uthando Lwakhe olumnene nokuthembeka kumi ngokuqina nangokungaguquki phakathi kokona nokuhlubuka kwabantu ngakuNkulunkulu.


“Sonile ngakuNkulunkulu, futhi asilufanele uthando Lwakhe; kepha Yena ngoKwakhe ubeke ezindebni zethu lokho kunxusa okumangalisayo, ‘unganengwa yithina, ngenxa yegama Lakho; ungahlazi isihlalo senkazimulo Yakho; khumbula, ungasiphuli isivumelwano Sakho nathi.’ Jer. 14:21. Ngenkathi siza Kuyena sivuma ukungafaneleki kwethu nesono, usfunga ngaYe ukulalela ukukhala kwethu. Ukuhlonishwa kwesihlalo Sakhe kubasengcupheni ngokugcwaliyeka kwezwi Lakhe kithina.”—Ellen G. White, *Christ’s Object Lessons*, p. 148.

Ukuba namava okuthi uNkulunkulu ube nesihe ngakuye (*Hub. 103:2*) kukhuthaza umhlabeleli ukuba athi, “uJehovah wenza ukulunga nobulungiswa kubo bonke ababandzelweyo” (*Hub. 103:6, NKJV*). Ngalokho, umgomu wokucina wobufakazi bomhlabeleli, kanye nokudumisa umhawu kaNkulunkulu empilweni yakhe, ngowokuqinisekisa abanye ngothando olumnene lukaNkulunkulu ukuze nabo, futhi, bakwazi ukuvula izinhlizyo zabo kuNkulunkulu bamukele umusa Wakhe osindisayo futhi badumise uNkulunkulu (*Hub. 9:11, 12; Hub. 22:22–27; Hub. 66:16*).

## **Imibuzo Yokuxoxisana:**

- ① Yimiphi imithelela ephathekayo yokuthi umhawu kaNkulunkulu uphakade ngokusindiswa kwabantu na? Kungani lokhu kungachazi ukuthi othile angaqhubeka nokona ngoba umhawu kaNkulunkulu uphakade na?**
- ② Sikuhi langanisa kanjani ukuthethela isono kukaNkulunkulu kanye nomqondo wokwahluleka Kwakhe isono na?**
- ③ Izisho zomhawu kaNkulunkulu kwiTestamente Elisha zingena kanjani kulezo ezikumaHubo (*Efes. 2:4, 5; 1 Tim. 1:16; Titu 3:5; Heb. 4:16*) na?**

# Ubuhlakani Bokuphila Impilo Elungileyo



## iSABATHA NTAMBAMA

**Funda Lokhu Kuleliviki:** *Hub. 119:1–16, iHubo 90, Johane 3:16, Hub. 95:7–11, iHubo 141, iHubo 128.*

**Indimana Yenkumbulo:** “Sifundise ukubala izinsuku zethu, ukuze sizuze inhliziyo yokuhlakanipha” (*iHubo 90:12, NKJV*).

**N**jengoba sesibonile, umusa kaNkulunkulu uhlinzekela ukuthethelela kwesono, futhi udale inhliziyo entsha kwisoni esiphendukile, esesiphila ngokholo.

Izwi likaNkulunkulu nalo linikeza imiyalelo yokuphila ngokulunga (*Hub. 119:9–16*). Ukugcina umthetho kaNkulunkulu akukona nje ukwenza ngokomthetho kodwa kuyimpilo ebudlelwaneni obumunye noNkulunkulu, impilo egcwele izibusiso (*Hub. 119:1, 2; Hub. 128*).

Kepha, impilo yomuntu olungileyo akuyona engenazo izilingo. Ngezinye izikhathi abalungileyo bangalingwa ngubuqili besono (*Hub. 141:2–4*) baze bawele ekulingweni. UNkulunkulu uvumele izikhathi zokuvivinya ukwenza ukuthembeka kwabantwana Bakhe (noma ukungathembeki) kubonakale obala. Uma abantwana bakaNkulunkulu belalela ukuyalwa nokukhuzwa, ukholo lwabo luyohlanzwa futhi nokuthembela kwabo kuJehovah kuqinisiswe. Ngalokho, umkhuleko wokuthi uNkulunkulu asifundise ukubala izinsuku zethu ukuze sizuze inhliziyo yokuhlakanipha (*Hub. 90:12*), ubonisa ukuzinikela okuqhube kayo ekuhambeni ngokuthembeka ukuya kuJehovah.

\*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, uNhlolanja 24.

## Izwi Lakho Ngilifihle Enhliziyweni Yami

**Funda** iHubo 119:1-16, 161-168. Kumele siyigcine kanjani imithetho kaNkulunkulu, futhi yiziphi izibusiso eziza ngokwenza lokho na?

---



---



---

IBhayibheli libonisa impilo yokholo yansuku zonke njengohambo noNkulunkulu endleleni Yakhe yokulunga. Impilo yokholo ingcinwa ngokuhamba “emthethweni kaJehovah” (*Hub. 119:1, NKJV*) kanye nokuhamba “ekukhanyeni kobuso Bakho” (*Hub. 89:15, NKJV*). Lokhu akukona ukuhamba okwehlukene. Ukuhamba ekukhanyeni kobuso bukaNkulunkulu kusho ukugcina umthetho Wakhe. Ngokulinganayo, ukuhamba “emthethweni kaJehovah” kufaka ukufuna uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo (*Hub. 119:1, 2, 10*).

“Ukungangcoli endleleni” ngenye indlela amaHubo achaza ngayo impilo yokulunga (*Hub. 119:1*). “Ukungabi nasici” kuchaza umhlatshelo “ongenasici” owamukelekile kuNkulunkulu (*Eksod. 12:5*). Ngokufanayo, impilo yomuntu olungileyo, engumhlatshelo ophilayo (*Rom. 12:1*), kumele ingangcoliswa ngokuthanda isono. Impilo enikelwe kuNkulunkulu “iyindlela epheleleyo,” futhi, okuchaza ukuthi umuntu uthatha inkomba efanele empilweni ethokozisayo kuNkulunkulu (*Hub. 101:1, 2, 6; neHubo 18:32*).

Ukugcina imithetho kaNkulunkulu akunalutho enokwenza nokuba ngusomthetho ekugcineni imithetho engcwele. Kunalokho, kuqukethe “ukuqonda okuhle” ngomehluko phakathi kokulungile nokungalungile kanye nokuhle nokubi (*Hub. 111:10, buka futhi u 1 Kron. 22:12*), kufake futhi umuntu ngokuphelele, hhayi nje izenzo zangaphandle. “Ukungabi nasici,” ekugcineni imithetho kaNkulunkulu nasekufuneni uNkulunkulu ngenhliziyo yonke, yizinto ezingahlukaniseki empilweni (*Hub. 119:1, 2*).

Imithetho kaNkulunkulu iyisambulo sentando Yakhe ezweni. Iyaleza abantu ngendlela yokuhlakanipha kanye nokuphilala ngenkululeko nokuthula (*Hub. 119:7-11, 133*). Umhlabeleli uyathokoza emthethweni ngoba umthetho umqinisekisa ngokuthembeka kukaNkulunkulu (*Hub. 119:77, 174*).

“Kukhulu ukuthula kulabo abathanda umthetho Wakho, futhi akukho okubakhubayo” (*Hub. 119:165, NKJV*). Umfanekiso wokukhubeka uveza ukwehluleka ekuziphatheni kahle. Njengesibani ezinyaweni zomhlabeleli (*Hub. 119:105*), Izwi likaNkulunkulu lisivikela ezilingweni (*Hub. 119:110*).

**UKristu wawabonakalisa kanjani amandla Ezwi likaNkulunkulu empilweni Yakhe (*Matt. 4:1-11*) na? Lokhu kumele kusitsheleni mayelana namandla aqhamuka enhliziyweni emi ekulaleleni umthetho kaNkulunkulu na?**

---

## Sifundise Ukubala Izinsuku Zethu

**Funda iHubo 90, iHubo 102:11, neHubo 103:14-16. Yini ingxaki yesintu na?**

---



---



---

Ukuphila kwsintu esiwileyo kungumusi nje ngokuqhathaniswa nephakade. Iminyaka eyinkulungwane phambi kukaNkulunkulu “ifana nokuqapha ebusuk,” okuthathe amahora amathathu noma amane (*Hub. 90:4, NKJV*). Ngokuqhathaniswa nesikhathi sikaNkulunkulu, impilo yomuntu iba yize (*Hub. 90:10*). Okuyena onamandla kunabantu bonke ulingana nezitshalo ezibuthakathaka (*Hub. 90:5, 6; Hub. 103:15, 16*). Kepha, nayo leyompilo emfushane igcwele ukukhandleka nosizi (*Hub. 90:10*). Nabantu abangakholwa, abangenandaba noNkulunkulu, bakhala futhi balilele ubufushane bempilo, ikakhulu ngokuqhathaniswa nephakade elikhona, futhi abaziyo ukuthi, likhona ngaphandle kwabo.

Ihubo 90 libeka ingxaki yesintu ngokwengqikithi yokunaka kukaNkulunkulu abantu Bakhe njengoMdali wabo. UJehovah ube yindawo yokuhlala yabantu Bakhe kuzo zonke izizukulwane (*Hub. 90:1, 2*). Igama lesiHeberu ma‘on, “indawo yokuhlala,” ibonisa uJehovah engumpheme noma inqaba yabantu Bakhe (*Hub. 91:9*).

UNkulunkulu ukuhuza ulaka Lwakhe lokulunga futhi alule kabusha umusa Wakhe. Umhlabeleli uyababaza, “Ngubani owazi amandla entukuthelo Yakho na?” (*Hub. 90:11, NKJV*), okunomthelela wokuthi akekho oseke waba namava entukuthelo ephelele kaNkulunkulu ngesono, ngalokho likhona ithemba kubantu lokuphenduka futhi bazuze ukuhlakanipha kokuphila ngokulunga.

Ukuhlakanipha eBhayibheli kuveza hhayi nje ukuphusa kodwa ukuhlionipha uNkulunkulu. Ukuhlakanipha esikudingayo ngobokwazi “ukubala izinsuku zethu” (*Hub. 90:12*). Uma singakwazi ukubala izinsuku zethu, kusho ukuthi izinsuku zethu zinomkhawulo futhi siyazi ukuthi zinesiphetho. Ukuphila ngokuhlakanipha kusho ukuphila ngolwazi lokudlula kwempilo okuholela okholweni nasekulaleleni. Lokhu kuhlakanipha kutholakala kuphela ngokuphenduka (*Hub. 90:8, 12*) nangezipho zikaNkulunkulu zentethelelo, uzwelo, nomhawu (*Hub. 90:13, 14*).

Isisekelo senkinga yethu siqhamuka hhayi ekutheni sidalwe singabantu, kepha esonweni nakulokho isono esikulethe emhlabeni wethu. Imiphumela emibi yaso ibonakala yonke indawo nakumuntu wonke.

Sibonge kuJesu, nokho, indlela yensiwe yokuthi thina siphume kulengxaki (*Johane 1:29, Johane 3:14-21*). Kungenjalo, ngabe asinalo ithemba.

**Noma ngabe impilo idlula ngokushesha okungakanani, yisiphi isithembiso esinaso kuJesu na? (bheka uJohane 3:16.) Yiliphi ithemba ebesiyo ba nalo ngaphandle Kwakhe na?**

## Isivivinyo SikaJehovah

**Funda iHubo 81:7, 8; iHubo 95:7-11; neHubo 105:17-22. Ukuvivinya kukaNkulunkulu kufakani kulezizindimana na?**

---



---



---

I-Meribah yindawo lapho uIsrayeli avivinya khona uNkulunkulu ngokuphosa inselelo ekuthembekeni Kwakhe nakumandla Akhe okuhlinzeka izidingo zabo (*Eksod. 17:1-7; Hub. 95:8, 9*). Ihubo 81 liphendukezelu ngokuhlabu umxhwele futhi lihumushe lesisigameko njengesikhathi uNkulunkulu avivinya ngaso uIsrayeli (*Hub. 81:7*). Futhi, ngokungalaleli kwabo nokungathembi (*Hub. 81:11*), abantu bahlulwa yisivivinyo sikaNkulunkulu.

Kubhekisa kwi-Meribah kudlulisa umbiko ombaxa-mbili. Okokuqala, abantu bakaNkulunkulu akumele baphinde amaphutha ezizukulwane ezidlulile. Kunalokho, kumele bathembe uNkulunkulu futhi bahambe endleleni Yakhe (*Hub. 81:13*). Okwesibili, nakuba abantu bahluleka kwisivivinyo, uNkulunkulu wabahlangula ngenkathi besenkingeni i(*Hub. 81:7*). Umusa kaNkulunkulu osindisayo ngaphambilini unikeza isiqiniseko somusa kaNkulunkulu kwizizukulwane ezintsha.

Ihubo 105 libonisa ukuthi izinhlupheko zazingamathuluzi kaNkulunkulu okuhlola ithemba likaJosefa Ezwini likaNkulunkulu ngekusasa lakhe (*Gen. 37:5-10, Hub. 105:19*). IsiHeberu Tsarap, “ukuhlolwa,” kwindimana 19 lidlulisa umuzwa “wokuhlanza,” “ukucolisia,” noma “hlambulula.” Ngalokho, umgomu kaNkulunkulu wokuvivinya ukholo lukaJosefa wawungowokususa konke ukungabaza isithembiso sikaNkulunkulu kanye nokuqinisa ithemba likaJosefa ekuholeni kukaNkulunkulu.

Umgomo wokuhlwaya kukaNkulunkulu ngowokuqinisa abantu Bakhe nokubalungiselela ukugcwaliseka kwesithembiso, njengalokhu kuboniswe kwisibonelo sikaJosefa (*Hub. 105:20-22*).

Kepha, ukulahlha ukuyaleza kukaNkulunkulu kubanomphumela wenkani nokuba luhuni kwenhliziyo yomuntu.

“UNkulunkulu ufuna ukulalela okusheshayo nokungangabazi komthetho Wakhe; kodwa abantu balele noma bakhubazekile yizinkohliso zikaSathane, oncoma izaba namacebo, futhi anqobe amathizethize abo, ethi njengakuEva ensimini: ‘Ngeke nife nakufa.’ Ukungalaleli akuqinisi nje kuphela inhliziyo nonembeza walowo onecala, kodwa kuvama ukugcolisa ukholo lwabanye. Lokho obekubukeka kukubi kakhulu kubona ekuqaleni, kuya ngokuphelelu yilokhu kubonakala ngokuba phambi kwabo njalo, kuze kuthi ekugcineni bangabaze ukuthi bekuyisono ngempela futhi ngokunganaki bawele kwisono esifanayo.”—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 4, p. 146.

**Abe yini amava akho ngendlela isono esenza luhuni gayo inhliziyo na?  
Kungani lomcabango kumele usise esiphambanweni, lapho singathola khona amandla okulalela na?**

## Ukukhohlisa Kwendlela Yobubi

**Funda iHubo 141.** Yini ekhulekelwa ngumhlabeleli na?

---

---

---

Ihubo 141 lingumkhuleko wokuvikelwa ezilingweni ezingaphakathu nezingaphandle. Umhlabeleli akhekho kuphela engozini yamaqhinga ababi (*Hub. 141:9, 10*) kodwa ulingeka ukuba enze njengababi. Indawo yokuqala yobuthakathaka ngukuzithiba ekukhulumeni, futhi umhlabeleli ukhulekela ukuba uJehovah aqaphe umnyango wezindebe zakhe (*Hub. 141:3*). Lomfanekiso ubhekise ekuqapheni amasango edolobha, ngezikathathi zebhayibheli, ayevikela idolobha.

Isilingo futhi ngesokuthi ngabe umntswana kaNkulunkulu uzowela esilulekweni sokulunga noma uzohehwa yizibiliboco zababi (*Hub. 141:4, 5*). Umhlabeleli ufanisa inhlizyo yakhe njengengozi enkulu ngoba kulapho impi yangempela yenzeka khona. Ngumkhuleko ongaphezi kuphela wokuthembela nokuzinikela kuNkulunkulu ongasindisa umntswana kaNkulunkulu esilingweni (*Hub. 141:2*).

**Funda iHubo 1:1 neHubo 141:4. Isimo esiqhubekayo nesobuqili besimilo sesilingo siboniswa kanjani lapha na?**

---

---

---

Ihubo 141 libonisa isimo esiqhubekayo sesilingo. Okokuqala, inhlizyo itshekela ebubini. Okwesibili, yenza izenzo zobubi (incazelo ngesiHeberu igqamisa isimo sokuphindaphinda isenzo). Okwesithathu, inhlizyo idla izibiliboco zababi, okungukuthi, yamukela imikhuba yabo emibi njengalokho okuthandekayo.

Ngokufanayo, kwiHubo 1:1 isilingo siza ukuzovimbela umntswana kaNkulunkulu ekuhambeni endlelni kaJehovah ngokumenza ahambe nababi, ame endleleni yababi, futhi ekugcineni, ahlale nabaklolodayo. Izoni, ababi, kanye nabaklolodayo: akumele sifane nabo noma sibavumele basihole sisuke kuJehovah.

AmaHubo achaza isimi esiqhubekayo, esihehayo, nesiqilayo sesilingo, okugqamisa iqiniso lokuthi ngukuncika ngokuphelele kuJehovah okungaqinisekisa ukunqoba. AmaHubo agcizelela ukubaluleka kwamazwi esiwakhulumayo, esiwalalelayo, phakathi kwesilingo. Isiphetho sababi kanye nesabalungileyo kumele sifundise abantu ukufuna ukuhlakanipha kuNkulunkulu (*Hub. 1:4-6, Hub. 141:8-10*). Kodwa kuwo omabili amaHubo, ukuphendulela kokugcina kwabantwana bakaNkulunkulu kukwikusasa. Lokhu kuchaza ukuthi amakholwa abizelwe ukuthemba uNkulunkulu ngokubekezelwa kanye nokulinda kuYena.

## Izibusiso Zokuphila Ngokulunga

**Funda** iHubo 1:1-3, iHubo 112:1-9, neHubo 128. Yiziphi izithembiso ezinikezwa labo abahlonipha uJehovah na?

---



---



---

Kwizibusiso eziningi eizthenjiswe kulabo abahlonipha uJehovah, ukuthula mhlawumbe kungesinye sezinkulu kunazo zonke. Ihubo 1 libonisa abalungileyo ngomfanekiso wesihlahla esitshalwe ngasemithonjeni yamanzi, esithela izithelo saso ngesikhathi futhi omaqabunga aso engabuni (*Hub. 1:3; Jer. 17:7, 8; Ezek. 47:12*). Lomfanekiso ukhomba umthombo wazo zonke izibusiso, okungukuthi, ngkuhhlala ebukhoneni bukaNkulunkulu endaweni Yakhe engewele nasekuthakaseleni ubudlelwane obungaphazamiswa nobunothando noNkulunkulu. Ngokungafani nababi, abafanekiswa namakhoba, bengazinile, benganandawo, nekusasa, abalungileyo bafana nesihlahla esinezithelo nezimpande, indawo eseduzane noNkulunkulu kanye nokuphila okuphakade.

Ihubo 128:2, 3 libiza izibusiso zombuso kaMesiya, khona ukuhlala ngaphansi komvini wakho kanye nesihlahla samakhiwane kuluphawu lokuthula nokunotha (*Mik. 4:4*). Isibusiso sokuthula phezu kweJerusalema (*Hub. 122:6-8; Hub. 128:5, 6*) kudlulisa ithemba kuMesiya oyophelisa ububi futhi abuyise ukuthula ezweni.

“EBhayibhelini ifa labasindisiweyo libizwa ‘ngezwe.’ Heberu 11:14-16. Khona uMalusi wasezulwini uholela imfuyo Yakhe emithonjeni yamanzi aphilisayo. Umuthi wokuphila uthela izithelo zawo zonke izinyanga, futhi amaqabunga awo ngawokusebenzela izizwe. Kunemithombo egeleza njalo, icwebile, futhi eceleni kwayo kunemithi ephosa amathunzi ezindleleni ezelungiselelw abahlengiwe bakaJehovah. Kunamathefa avulekile aphumele emaggumeni Amahle, futhi izintaba zikaNkulunkulu zibonakalisa izicongo eziphakeme. Kulawomathefa okuthula, eceleni kwemithombo ephilayo, abantu bakaNkulunkulu, ekukudala bezihambi, bayakufumana ikhaya.”— Ellen G. White, *The Great Controversy*, p. 675.

ITestamente Elisha lichaza ukugcwaliyseka kwalelothembu ekuzeni kwenisibili kukaKristu nasekudalweni komhlaba omusha (*Mat. 26:29, Sambulo 21*). Ngakhoke, ngenkathi abalungileyo bamukela izibusiso eziningi kulempilo, ukuphelela kothando lukaNkulunkulu kubalindle ngenkathi umbuso kaNkulunkulu ubuyiselwa ngokuphelele ekupheleni kwenikhathi.

**Kungani isiphambano, kanye nalokho okwenzeka kuso, siyisiqiniseko sezithembiso ezitholakala kwiT**Testamente Elisha zalokho uNkulunkulu asibekele kona na? Singaduduza kana ni ngalezizithembiso na?

**Ukucabanga Kabanzi:** Kulezizikhathi zamanje, ukuthola ukuhlakanipha kubonakala kungathandeki njengokuthola injabulo. Abantu bangamane bajabule kunokuba bahlakaniphe. Kodwa, singajabula ngempela futhi siphile impilo egewele ngaphandle kokuhlakanipha kobunkulunkulu na? AmaHubo asho ngokusobala ukuthi akunjalo. Izindaba ezinhle ngezokuthi asicelwa ukuba sikhethi phakathi kokuhlakanipha nenjabulo. Ukuhlakanipha kukaNkulunkulu kuletha injabulo yeqiniso.

Isibono elo esilula olimini lvesiHeberu singaveza leliphuzu. KwisiHeberu, igama “nyathela” ebuningini (‘ashrey) lizwakala kakhulu njenegama “injabulo” (‘ashrey). Nakuba silahlekelwa yilokhu kuhlobana kwisihumusho sesiNgisi, sidlulisa umbiko onamandla: “izinyathelo” ezibambelele endleleni kaNkulunkulu ziholela empilweni “yenjabulo” (*Hub. 1:1, Hub. 17:5, Hub. 37:31, Hub. 44:18, Hub. 89:15, Hub. 119:1*). EBhayibhelini, ukuhlakanipha nokujabula akuyona imiqondo engaphatheki, kodwa ngamava angempela.

Atholakala ebudlelwaneni noNkulunkulu, obuqukethe ukuhlonipha, ukudumisa, ekutholeni amandla nasekuthembeleni kuNkulunkulu. Ihubo 25:14 lithi, “imfihlo kaJehovah ikulabo abamesabayo Yena, futhi uyakubabonisa isivumelwano Sakhe” (*NKJV*).


“Sibonga uNkulunkulu ngemifanekiso eqqamile ayethulele kithina. Masiqoqe ndawonye iziqinisekiso ezbuissekile zothando Lwakhe, ukuze sizibuke ngasosonke isikhathi: Indodana kaNkulunkulu ophilayo ishiya isihlalo sobukhos ikaYise, igqokisa ubunkulunkulu ngobuntu, ukuze ikwazi ukuhlenga umuntu emandleni kaSathane; ukunqoba Kwakhe ngathi, ivulela umuntu izulu, yambula embonweni womuntu igumbi lobukhona bukaNkulunkulu; isizwe esiwileyo siphakamiswa sisuswa emgodini esangena kuwo ngenxa yesono, futhi silethwa ekuxhumaneni noNkulunkulu waphakade, kuthe lapho siphumelele isivivinyo sezulu ngokholo kuMhleli wethu, sambathiswa ngokulunga kukaKristu, saphakamiselwa esihlaweni Sakhe—lena yimifanekiso uNkulunkulu afuna sizindle ngayo.”—Ellen G. White, *Steps to Christ*, p. 118.

## Imibuzo Yokuxoxisana:

- ① Izwi likaNkulunkulu lingaba kanjani ngumthombo wenjabulo yothile hhayi nje umyalezo na? Ukuzondla ngeZwi likaNkulunkulu kuhlobene kanjani nokuhlala kuJesu Kristu, uliZwi (*Johane 1:1; Johane 15:5, 7*) na?
- ② Yini eyenzekayo ngenkathi abantu behalha njalo nangamabomu izimfundiso zikaNkulunkulu (*iHubo 81, iHubo 95*) na? Ucabanga ukuthi kungani lokhu kwenzeka na?
- ③ Kungani ngezinye izikhathi indlela yababbi ibukeka ithandeka kunokuhlanganya nabalungileyo na? (*iHubo 141*)? Okungukuthi, sibhekana kanjani nokuthi ababi bavama ukubonkala bephumelela na?

# Ubusisiwe Yena Oza

## Egameni LeNkosi



### **ISABATHA NTAMBAMA**

**Funda Lokhu Kuleliviki** *iHubo 23; Johane 10:11–15; iHubo 22; iHubo. 89:27–32; Kol. 1:16; iHubo 2; Heberu 7:20–28.*

**Indimana Yenkumbulo:** “*Itshe abalinqabayo abakhi selaba yinhloko yegumbi. Lokhu kwakungukwenza kukaJehova; kuyisimangaliso emehlweni ethu*” (*iHubo 118:22, 23, NKJV*).

**A**maHubo afakaza ngomuntu uKristu nomsebenzi Wakhe. Cishe zonke izigaba zomsebenzi Wakhe ecebeni losindiso ziyanbonakala kumaHubo. Ngezindlela ezahlukene, impilo kaKristu nomsebenzi ziyabikezelwa futhi ziprofethwe kuwo, imvamisa ngokungenaphutha okumangalisayo.

Izihloko ezembulwa kumaHubo zifaka ubunkulunkulu bukaKristu, ukuba yindodana Kwakhe, ukulalela Kwakhe, ukushisekela Kwakhe ngethempeli likaNkulunkulu, ukuvezwa Kwakhe njengoMalusi Olungileyo, ukukhashelwa Kwakhe, ukuhlupheka Kwakhe, ukungaphulwa kwamathambo Akhe, ukufa Kwakhe, ukuvuka, ukukhuphuka, ubupristi, kanye nobukhosи Bakhe. Konke kulapho, njengalokhu kwaprofethwa kumakhulu-nyaka amanangi ngaphambi kokuba uJesu eze enyameni.

Akumangali ke, ngokwesibonelo, lapho ekhulumwa ngomsebenzi Wakhe, uJesu wabhekisa kumaHubo ngenkathi ekhulumwa kubafundi Bakhe endleleni eya e-Emmaus (*Luka 24:44*). Wayefuna bona bathole kumaHubo ubufakazi bokuthi Yena wayengubani.

Amanye amaHubo anokugcwaliyeka ngokumele uKristu afaka amaHubo 24, 45, 72, no 101 (Inkosi noMahluleli okungeyena ngempela), 88, no 102 (imikhuleko yokuhlupheka kwencetu kaNkulunkulu).

Kuwo onke amaHubo, ngokulila komhlabeleli, ukubonga, ukudumisa, kanye nokukhalela ubulungiswa nokuhlengwa, singezwa izinanelo zomkhuleko kaKristu ngosindiso lwezwe.

\*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, uNdasa 2.

## Umalusi Ongcwele Ozinikelayo

**Funda** iHubo 23; iHubo 28:9; iHubo 80:1; iHubo 78:52, 53; iHubo 79:13; neHubo 100:3. Ubudlelwane phakathi kukaJehovah nabantu Bakhe buvezwa kanjani lapha na?

---

Umfanekiso kaJehovah enguMalusi futhi nabantu bakaNkulunkulu beyizimvu zedlelo Lakhe ugqamisa ukuhola kukaNkulunkulu kanye nokunaka okusekelayo kwabantu Bakhe kanye nokuncika kwabantu kuNkulunkulu ukuba ahlangabbezane nazo zonke izidingo zabo. Umfanekiso udlulisa umqondo wokusondelana phakathi kukaNkulunkulu nabantu Bakhe ngoba abelusi babehlala nemihlambi yabo futhi banake imvu ngayinye. Umfanekiso kamalusi ugqamisa futhi ubunikazi bukaNkulunkulu bomhlambi Wakhe, okuqinisekiswa ngezibopho ezimbili eziqinile: indalo (*Hub. 95:6, 7; Hub. 100:3*) nesivumelwano (*Hub. 28:9; Heb.13:20*).

Umfanekiso kaMalusi ongcwele ohola uJosefa njengomhlambi (*Hub. 80:1*) mhlawumbe ubhekisa isibusiso sikaJakobe kuJosefa, esifanekisa uNkulunkulu njengoMalusi kaIsrayeli, ngalokho sinxuse kulesisithembiso esikhulu kanye nesibusiso (*Gen. 49:24*).

Amakhosi ayethathwa njengabelusi babantu bawo (*2 Sam.5:2*). Kepha, nguNkulunkulu kuphela ofanelwe yilesishloko ngoba iningi lamakhosi abantu awazange alufeze lolubizo. NguJesu kuphela owakwenza, okuyingakho ebizwa ngoMalusi Olungileyo.

**Funda** uJohane 10:11-15. Uthini uJesu mayelana Naye enguMalusi Olungileyo na?

---

Ukwazana kakhulu phakathi koMalusi ongcwele nomhlambi Wakhe kubonakala kwindlela umhlambi olazi ngayo izwi loMalusi (*Johane 10:4, 27*). Kuze kunamuhla, abelusi base-Middle East bakwazi ukuhlukanisa imihlambi yabo exubane neminye ngokubiza nje izimvu zabo, ezazi futhi zilandele izwi lomalusi wazo.

Ngezinye izikhathi, umhlambi kaNkulunkulu ubhekana nokuhlupheka okwahlukene abantu abakuqonda njengophawu lokuthi uNkulunkulu akagculisekile futhi ubalahlide. Kepha, uMalusi Olungileyo akayilahli imvu Yâkhe ephambukile kodwa uyacinga ukuba ayisindise. Lokhu ngumfanekiso onamandla wobudlelwane bukaNkulunkulu nabantu Bakhe. Uzimisele ukufela izimvu Zakhe (*Johane 10:11, 15*) futhi ngokudidayo abe yimvu yomhlatshele esikhundleni sabo (*Johane 1:29*). Futhi, uJesu waqinisa ukuthi uzozibiza izimvu Zakhe ezikwezinye izibaya futhi azihlanganise emhlambini owodwa (*Johane 10:16*).

**Yiziphi izindlela wenza nsuku zonke ezingeni eliphathekayo ongathatha ngazo ithuba lalokho esithenjiswe kona ngokuba noJesu njengoMalusi wethu Olungileyo na?**

## UMesiya Ozwa Ubuhlungu

**Funda** iHubo 22 neHubo 118:22. Waphathwa kanjani uMesiya yilabo ayezele ukubasindisa na?

---



---

AmaHubo amanungi abika ngemunjiju yemizwa yokulahlwa ngokuphelele kukaMesiya ohluphekayo (ngokwesibonelo, *iHubo 42, iHubo 88, iHubo 102*). IHubo 22 liyisiprofetho esiqonde ngqo kuMesiya ngoba miningi imininingwane kuleliHubo engaxhumene ngokomlando neNkosi uDavide kodwa engena khaxa ezimweni zokufa kukaKrsitu. UJesu wakhuleka ngamazwi eHubo 22:1 esiphambanweni (*Mat. 27:46*).

Iminjunju yokwehlukana kukaKristu noBaba Wakhe, okwakubangwa ngukuthwala kukaKristu zonke izono zomhlaba, kungalinganiswa kuphela ngendlela ababesondelene ngayo, okungukuthi, ubunye babo obungelinganiswe (*Johane 1:1, 2; Johane 10:10*). Kodwa nakho ukudepha kokuhlupheka okungachazeki akukwazanga ukugqabula ubunye phakathi kukaBaba neNdodana. Ekulahlweni Kwakhe okuphelele uKristu ngaphandle kwemibandela ubeka ithemba Lakhe kuBaba, nakuba esekujeleni kokuphelelwya yithemba ayebhekene nako.

“Phezu kukaKristu njengothatha indawo yethu kanye nesiqiniseko sethu kwabekwa bonke ububi bethu. Wabalwa njengesoni, ukuze Yena asihlenge ekulahlweni ngumthetho. Icalo laso sonke isizukulwane sikaAdamu sacindezelza enhliziyweni Yakhe. Ulaka lukaNulunkulu ngakwisono, ukubonakala okwesabekayo kokungagculiseki Kwakhe ngenxa yobubi, kwagcwalisa umphefumulo weNdodana Yakhe ngovalo.”—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 753.

Umfanekiso osabisayo wezilwane izinkunzi ezimbili ezinamandla, amabhubesi abhongayo, kanye nezinja ugqamisa inkohlakalo yabantu kanye nobutha uKristu, oqhathaniswa nesibungu esingelutho, abhekana nabo emahoreni Akhe okugcina. Ngokucophelela okukhulu, iHubo 22 lidlulisa izinkulumo zobutha zesixuku esasigcona uJesu ngamazwi Akhe kuBaba (*Hub. 22:1, 8; Mat. 27:43*) kanye namabutho ehlukanisa izingubo zikajesu (*Hub. 22:18, Mat. 27:35*). Abantu abaqondanga ukuthi “isibungu” ababefuna ukusiqtha sasiyoba “yinhloko yegumbi” leThempeli futhi liqinise isisekelo salo (*Hub. 118:22*).

Nakuba kunjalo, uMesiya olahliwe waba nguMthombo wosindiso kubantu bakaNkulunkulu ngemuva kokuvuka Kwakhe kwabafileyo (*Mat. 21:42, Zenzo 4:10-12*). UKristu wabhekana nokulahlwa kwesintu, kodwa uNkulunkulu waphakamisa iNdodana Yakhe ngokuyenza Yona “yinhloko yegumbi” ephilayo yeThempeli likaNkulunkulu lezikamoya (*Efes. 2:20-22, 1 Pet. 2:4-8*). Kulabo abalahla leLitshe, okungukuthi, indlela kaNkulunkulu yosindiso, liyoba ngumenzi wokwahlulela (*Isa. 8:14, Mat. 21:44*).

**UJesu esiphambanweni wakhokha kuYena inhlawulo yaso sonke isono osuke wasenza. Leliqiniso lokuthi wahlupheka esikhundleni sakho kumele siyithinthi kanjani indlela ophila ngayo manje, okungukuthi, ukuthola isono siyisinengiso esikhulu na?**

## Uthembeke Njalo KwiSivumelwano Sakhe

**Funda** iHubo 89:27-32, 38-46 neHubo 132:10-12. Isivumelwano sikaDavide simayelana nani na? Yini eyasibeka engcupheni na?

---

Isivumelwano sikaDavide siqukethe isithembiso sikaNkulunkulu sokusekela njalo isizukulwane sikaDavide kanye nokunotha kwabantu bakaNkulunkulu (*1 Sam. 7:5-16; Hub. 89:1-4; Hub. 132:12-18*). Ukuba phakade kwesivumelwano kwasungulwa esifungweni sikaNkulunkulu kanye nasekuthembekeni kwenkosi kuNkulunkulu. Kodwa, nawo amakhosi azinikele, njengeNkosi uDavide, ayengathembekile ngasosonke isikhathi kuJehovah. IHubo 89 lilila ngeqiniso eliyisihluku okungathi libonisa ukuthi izithembiso eziphakeme zesivumelwano sikaDavide zilahlekile. Ngabe uIsrayeli ulahliwe nguNkulunkulu na? Impendulo, nembara, ngu-cha!

Ulaka lukaNkulunkulu, yebo, luyisibonakaliso sokwahlulela (*Hub. 38:1; Hub. 74:1*). Kodwa, akulona olwaphakade ngoba uthando lwaphakade lukaNkulunkulu luthethlela izono zabantu ngenkathi bephenduka. Nakuba kunjalo, kusekhona, ukungageculiseki kukaNkulunkulu ngabantu Bakhe abonayo kushubile. Abantu bezwa imiphumela ebabayo yokungalaleli kwabo bese bebona ukudepha kwezono zabo (*Hub. 89:38-46*). Kepha bayabuza, “Koze kube nini na?” bekhalo ngesimo esidlulayo solaka lukaNkulunkulu (*Hub. 89:46*). Ithemba elivuselelwive livuka esiqinisekweni esisha ekuthembekeni kukaNkulunkulu soku “khumbula” umusa Wakhe (*Hub. 89:47, 50*).

Kafushane nje, nakuba ingxenyenye yabantu yesivumelwano yasilela, abantu babengancika esithembisweni sezinhloso ezingaguqiki zikaNkulunkulu ngoMesiya, oqukethe konke ukulunga nosindiso lukaIsrayeli kanye nezwe lonke. Okungukuthi, ekugcineni, uNkulunkulu uzonqoba, futhi umbuso Wakhe waphakade uyosungulwa ingunaphakade—kodwa ngenxa nje kaJesu kuphela, hhayi ngenxa yabantu bakaNkulunkulu.

UJesu Kristu yiNdodana kaDavide futhi abenguMesiya (*Mat. 1:1; Heb. 1:8*). Yena ubizwa “ngezibulo layo yonke indalo” (*Kol. 1:15, NKJV*), ngokubhekiswe kwiHubo 89:27, elibiza uDavide, owayemele uKristu, izibulo likaNkulunkulu. “Futhi Mina ngiyomenza izibulo Lami,/ inkosi ephakeme kunawo onke emhlabeni” INKJV).

Ngokusobala isihloko “izibulo” alisho izinga likaDavide ngokokuzalwa, ngoba uDavide wayeyingane yesishiyagalombili kubazali bakhe (*1 Sam. 16:10, 11*). Kunjalo nangoJesu. Isihloko siphawula ukuhlonishwa kanye negunya Lakhe elikhethekile (*Kol. 1:16, 20-22*). UNkulunkulu wamenza uJesu Inkosi yamakhosi phezu kwawo wonke umhlaba ngenkathi evusa uJesu kwabafileyo (*Zenzo 2:30, 31*).

**Funda uKolose 1:16, 20-22. Lezizindimana zisifundisani ngokuthi wayengubani uJesu nangalokho asenzele kona na? Yisiphi isithembiso ongazithathela sona kulokhu na?**

## Inkosi Yaphakade Yamandla Angelanganiswe

**Funda** iHubo 2; iHubo 110:1-3; iHubo 89:4, 13-17; neHubo 110:1, 2, 5, 6.  
Lemibhalo isifundisani mayelana noKristu eyiNkosi na?

---



---

Ukufanekiswa kukaNkulunkulu njengoBaba kaMesiya kukhomba ekugcotshweni kwenkosi ngenkathi inkosi ingeniswa esivumelwaneni sikaNkulunkulu (*Hub. 2:7, Hub. 89:26-28*). IHubo 2:7 libona phambili ovukweni nasekuphakamisweni kukaKristu njengokusho kjesivumelwano esisha saphakade kanye nobupristi bukaKristu bobukhosu (*Zenzo 13:33-39, Heb. 5:5*). UMesiya uhlala kwesokudla sikaNkulunkulu njengomuntu onenhnoliphu engakaze ibekhona kanye negunya (*Hub. 110:1; Zenzo 7:55, 56*). “Ngapezu kwakho ukwenzisana phakathi kukaJehovah nalowo ‘ogcotshiweyo’ (Mesiya) kuze kuncome inhloso yokukhomba loMesiya wakwaDavide noJehovah ngoKwakhe. . . . Uma lowo ohlala kwesokudla enguJehovah, ngalokho, uJehovah unguMesiya, njengoba okamuva naye ebonakale kwesokudla [*buka Hub. 110:1, 5.*]”—Jacques Doukhan, *On the Way to Emmaus* (Clarksville, MD: Lederer Books, 2012), pp. 26, 27.

Ekugcineni, uKristu uyoba nokunqoba okuphelele phezu kwezitha Zakhe. Ukwenza izitha “isenabelo” ngumfanekiso obonisa umkhuba wamakhosi aseMpumalanga Eseduze (Near Eastern) wokubeka izinyawo zavo ezintanyeni zezitha zavo ezinqotshiweyo ukubonakalisa ukwengamela okuphelele phezu kwazo. Kodwa, intonga kaKristu ayilona ithuluzi lokwesabisa (*Hub. 2:9, Hub. 110:2*).

Intonga yayiphathwa ngabaholi besizwe njengophawu lwesizwe (*Num. 17:2-10*). Intonga kaKristu iqhamuka eZiyoni ngoba Yena umele abantu baseZiyoni. Intonga Yakhe iwuphawu lokwahlulela kukaNkulunkulu, okuqedu ukubusa kobubi futhi kubonise ukubusa okuphelele kukaKristu (*Samb. 2:27, Samb. 12:5*). Nawo amakhosi amabi anikezwa ithuba lokuphenduka futhi azinikele kuMesiya (*Hub. 2:10-12*).

Esinye isibonakaliso esisobala sokunqoba okuphelele kukaKristu sitholakala embonweni wokwandulela Ukuza kuDaniyeli 7, obonisa ukuthi, ngemuva kokuba ukwahlulela “‘kuvune abangcweli Bophezu Konke’” (*Dan. 7:22, NKJV*), umbuso Wakhe uyasungulwa, futhi “‘umbuso Wakhe ungumbuso waphakade’” (*Dan. 7:27, NKJV*). Ngenxa yesiphambano, isithembiso sombuso siqinisekile.

Isibusiso sithenjiswe kubo bonke abathembela Enkosini, futhi abantu bathokoza ekubusesi okuphakeme nokulungileyo kukaMesiya (*Hub. 2:12, Hub. 89:15-17*).

**Kumnandi ukwazi ukuthi, yebo, ekugcineni, ukulunga kuyonqoba phezu kobubi, ubulungiswa bokwenzeka, futhi ubuhlungu nokuhlupheka kuyonyamalala ingunaphakade. Leliqiniso kumele lisiduduze kanjani manje ngenkathi, ngokokubuka komuntu, ububi bubukeka buphumelela na?**

## Umpristi Waphakade Ngokohlelo Luka-Melchizedek

**Funda-iHubo 110:4-7.** Ubupristi bukaKrsitu bubodwa kanjani, futhi yiliphi ithemba elikhulu esingalithola ebupristini bukaKristu basezulwini na?

---

UNkulunkulu unikeza uMesiya ubukhosи baphakade (*Hub. 110:1-3*) kanye nobupristi bezinga eliphezulu, uhlelo luka-Melchizedek (*Hub. 110:4-7*). UJehovah uphawula izwi Lakhe ngesithembiso esinzima (*Heb. 6:18*). Isifungo sikaNkulunkulu sokungazisoli ngokusinikeza uMpristi ophelele siwuphawu lomusa Wakhe. Izono zabantu kanye nokuhlubuka bukhoma kuphehla uNkulunkulu ukuba ashiye abantu Bakhe, kodwa isifungo sikaNkulunkulu asiguquki futhi siqinisekisa umusa Wakhe ekuchitheni ukwahlulela Kwakhe kabantu abaphendukile (*Eksod. 32:14; Hb. 106:45*).

Isifungo sikaNkulunkulu singenisa isithako esisha kwisivumelwano sikaDavide ngokumemezela ukuthi uMesiya iNkosi inguMpristi futhi (*Hub. 110:4*). Amakhosi akwaIsrayeli ayengeke asebenze njengabapristi bakwaLevi (*Num. 8:19; 2 Kron. 26:16-21*). Ngenkathi Izibhalo zikhulumha ngamakhosi noma abantu benikela imihlatshelo, kunomthelela wokuletha imihlatshelo kubapristi, okwakuyibona ababeyinikela. IHubo 110 libeka uMesiya iNkosi eceleni kwamanye amakhosi nabapristi bakwaIsrayeli. Ubupristi baphakade bukaKristu buqhamuka ku-Melchizedek, owayeyinkosi yase-Salem (Jerusalem) futhi abe ngumpristi “kaNkulunkulu ophezu konke” (*Gen. 14:18-20*). ITestamente Elidala alikaze likhulumha ngeNkosi uDavide nanganoma iyiphi inkosi yakwaIsrayeli ingumpristi ngokohlelo luka-Melchizedek, ngaphandle kweHubo 110. Ngokusobala, iHubo likhulumha ngenkosi-mpristu eyehlukile emlandweni kaIsrayeli.

**Funda-amaHeberu 7:20-28.** Yimiphi eminye imithelela yobupristi obukhulu bukaKristu na?

---

Ukuba yiNkosi yasezulwini kanye noMpristi waphakade, uKristu unobukhulu obungakaze bubekhona phezu kwabapristi namakhosi abantu; ngalokho, singaba nalo ithemba. UKristu uphakamisa isivumelwano esikhulu esimi esifungwemi sikaNkulunkulu, hhayi ezithembisweni zabantu. Ukhonza endaweni engcwele yasezulwini. Ubupristi Bakhe abuthikamezwu yisono noma ukufa, njengalobo babapristi babantu, futhi ngalokho, uyakwazi ukunxusela futhi asindise abantu ingunaphakade. Umsebenzi kaKristu wokubuyisana njengoMpristi opheleleyo nonozwelo unikeza abantu Bakhe isiqiniseko saphakade sokuba ebukhoneni bukaNkulunkulu (*Heb. 6:19, 20*). Ubupristi bobukhosи bukaKristu buyochitha ukubusa kobubi, hhayi kuphela ezinhliziyweni zabantu kodwa nasemhlabeni. Uyogcina isithembiso seHubo 2 sokuthi zonke izizwe nababusi bayoba ngaphansi kokwahlulela kobukhosи kukaKristu Jesu (*Hub. 2:6-9; Hub. 110:1, 2, 5, 6*). Ubupristi bobukhosи obumangalisayo bukaJesu benza ukubanga okuphelele ekulaleleni nasekuthembeni kwethu.

## **Ukucabanga Okubanzi:** Read Ellen G. White, “God With Us,” pp. 19–26, in *The Desire of Ages*.

Ukuba yimikhuleko kaKristu nokuba yimikhuleko mayelana noKristu, amaHubo anikeza isambulo esisodwa somuntu uKristu kanye nomsebenzi wokuhlenga njengaLowo ongu “Nkulunkulu unathi” (*Mat. 1:23*). UJesu ungu “Nkulunkulu unathi” emikhulekweni yokulwa nokulahlwa kanye nokuhlupheka. Ungu “Nkulunkulu unathi” ekukhaleleni ubulungiswa nokuhlengwa. UJesu ungu “Nkulunkulu unathi” ngokungasishiyi ekulahlekeni kwethu nasekupheleni kwethemba kodwa ekusiboniseni indlela yokholo lunqobile. Waba ngathi umPristi neNkosi yaphakade ukusisindisa ekushabalaleni kwaphakade kwesono. KuKristu, Inkosi ephelele yobuDavide, zonke izithembiso ezinzima zikaNkulunkulu zosindiso zithola ukugewaliseka (*2 Kor. 1:20*).

U-Ellen G. White uchaza ubunye bukaKristu nesintu: “Ngobuntu Bakhe, uKristu wathinta isintu; ngobunkulunkulu Bakhe, ubamba isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu. NjengeNdodana yomuntu, Yena wasinikeza isibonelo sokulalela; njengeNdodana kaNkulunkulu, unikeza thina amandla okulalela. KwakunguKristu owathi ehlokozini Entaben i-Horeb ekhulumu noMose, ‘NGINGUYE ENGINGUYE. . . . Uyoshu kanje kubantwana bakaIsrayeli, UNGINGUYE ungithumile kinina.’ Eksod. 3:14. Lokhu kwakuyisifungo sokuhlengwa kukalsrayeli. Ngakhoke ngenkathi Yena ‘engumfanekiso womuntu,’ wazibiza yena ngo NGINGUYE. Ingane yase-Bethlehem, uMsindisi omnene nothobekile, inguNkulunkulu ‘ebonakala enyameni.’ 1 Tim. 3:16. Futhi kithina uthi: ‘NGINGUYE uMalusi Olungleyo.’ ‘NGINGUYE Usinkwa sokuphila.’ ‘NGINGUYE uNdlela, uQiniso, noKuphila.’ ‘Onke amandla anikezwe Mina ezulwini nasemhlabeni.’ Johane 10:11; 6:51; 14:6; Mat. 28:18. NGINGUYE isiqiniseko sazo zonke izithembiso. NGINGUYE; ungesabi.”—*The Desire of Ages*, pp. 24, 25.

### **Imibuzo Yokuxoxisana:**

- ❶ UNkulunkulu ukubonise kanjani ukuthembeka Kwakhe okungazamazamiswa esivumelwaneni Sakhe nakuba abantu Bakhe bengathembekile na? Siqiniseko sini lokho okusinikeza abantwana bakaNkulunkulu abanomshikashika na?
- ❷ Ubupristi obubodwa nobukhulu bukaKristu ngokohlelo luka-Melchizedek busiqinisa kanjani isiqiniseko sosindiso lwabantu bakaNkulunkulu na?
- ❸ OAmavangeli aveza ukuthi izithembiso eziningi zikaMesiya kumaHubo zagewaliseka kuJesu Kristu. Lokhu kukubonisa kanjani ubuquiniso beZwi likaNkulunkulu na? Kungani kumele simelana nawo wonke umuzwa ovama ukuthena ithemba lethu eZwini likaNkulunkulu na?
- ❹ Iyiphi induduzo enkulu esingayithola kumazwi kaKristu, “‘Onke amandla anikeze we mina ezulwini nasemhlabeni’” (*Matt. 28:18*) na? Sisisebenzisa kanjani lesithembiso kumava ethu na?

# Izifundo Zokudlulile



## ISABATHA NTAMBAMA

**Funda Lokhu Kuleliviki:** *iHubo 78, iHubo 105, Gal. 3:29, iHubo 106, iHubo 80, Num. 6:22-27, iHubo 135.*

**Indimana Yenkumbulo:** “Esikuzwileyo sakwazi, nawobaba abasitshela khona, asinakukufihla kubantwana babo, izindumiso zikaJehova zisitshele kuso isizukulwane esizayo, namandla akhe nezimangaliso zakhe azenzileyo” (*iHubo 78:3, 4, NKJV*).

**K**umaHubo amanangi, ukudumisa kuthatha isimo sokubuyekeza izenzo zikaJehovah ezinkulu zosindiso. LamaHubo avama ukubizwa “ngamaHubo omlando wosindiso” noma “amaHubo omlando.” Amanye anxusa abantu bakaNkulunkulu, ebatshela ukuba bafunde emlandweni wabo, ikakhulu kumaphutha abo nawokhokho babo. Amanye amaHubo omlando aqukethe inothi lomculo agqamisa izenzo ezidlulile ezimangalisayo zikaNkulunkulu ngakabantu Bakhe neziqinisa ithemba labo kuJehovah, okwaziyo futhi ethembekile ukubahlenga ezinkingeni zabo zamanje.

Okuhlabu umxhwele ngokukhethekile ngamaHubo omlando ngukuthi asiza thina sibone izimpilo zethu njengengxene yomlando wabantu bakaNkulunkulu futhi sithatha lelo muva njengelethu. Njengoba singeniswe emndenini wabantu bomlando bakaNkulunkulu ngoKristu (*Rom. 8:15; Rom. 9:24-26; Gal. 4:6, 7*), ifa lomlando wabantu bakwaIsrayeli basendulo nembala ngumbiko wohlanga lwethu kwezikamoya. Ngakhoke, singakwazi futhi kumele sifunde emlandweni wabo, okungowethu, ngokunjalo.

Umgomo wokugcina ngowokubona ukuthi isizukulwane ngasinye sabantu bakaNkulunkulu sidlala isigaba esincane kodwa esibalulekile emlandweni omkhulu ovulekayo nezinhloso ezipahkeme zikaNkulunkulu kwimpikiswano enkulu.

\*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, uNdasa 9.

## Ukuthembeka KukaJehovah Okungavimbeki

**Funda** iHubo 78. Yiziphi iziqalo ezintathu ezintsha zomlando ezigqamiswa kulelihubo na? Yiziphi izifundo eziphindaphindayo u-Asaph azidonsa esikhathini ngasinye na?

---



---

Ukubuyekezwa komlando kaIsrayeli kugqamisa ukuthembeka kukaNkulunkulu kanye nokungathembeki kukaIsrayeli. Futhi kumele kufundise izizukulwane ezilandelayo ukuba zingaphindi amaphutha okhokho bazo kodwa zithembele kuNkulunkulu futhi zihlale zikholekile esivumelwaneni Sakhe. Umhlabeleli usebenzisa umlando njengomfanekiso (*Hub.* 78:2), okuchaza ukuthi abantu kumele bazindle kakhulu ngombiko wehubo futhi bahlole incazelo yalo ngokwabo. IHubo 78:2 liyinceazelo eysisprofetho ngendlela kajesu yokufundisa ngemifanekiso (*Mat.* 13:34, 35).

Ihubo libuye libuke isikhathi Sofuduko (*Hub.* 78:9-54), ukuzinza eKanana (*Hub.* 78:55-64), nangesikhathi sikaDavide (*Hub.* 78:65-72). Libonisa izenzo ezinkulu zikaJehovah kanye nemiphumela yokuphula kwabantu isivumelwano sabo noNkulunkulu. Umlando kaIsrayeli ukhumbuza izimo eziningi zokungathembeki kwabantu kuNkulunkulu, ikakhulu ukukhonza kwabo izithixo (*Hub.* 78:58).

Umhlabeleli, nokho, ugcizelela isisusa sokungathembeki kukaIsrayeli: bakhohlwa yilokho uNkulunkulu ayebenzele kona, bangamthemba uNkulunkulu, bavivinya uNkulunkulu (*Hub.* 78:18, 41, 56) futhi bahlubuka kuYena, besilela ekugcineni umthetho Wakhe, isivumelwano Sakhe, kanye nezimiso Zakhe (*Hub.* 78:10, 37, 56). Ngokugcizelela lezizimo zokungathembeki, umhlabeleli ugudla ekutheni ukulahlwa kukaIsrayeli emlandweni kube ngumphumela wesono esisodwa esingumongo, okungukuthi, ukusilela kwabantu ukuthembela kuJehovah (*Hub.* 78:7, 8).

Lapho ufunda ihubo, othile wengamelwa yinkani nobumpumputhe kwabantu okuqhubeckayo, ngokumelene nokubekezelu nomusa obanzi kaJehovah. Isizukulwane ngasinye kwaba kanjani singasheshi ukufunda na?

Ngaphambi kokuba sihlulele ngokweqile izizukulwane ezzidlulile, kumele sizibuke thina. Asikhohlwa yini nathi ngezimangaliso zikaNkulunkulu futhi zinganaki izimfuno zesivumelwano Sakhe na? Ihubo alikhuthazi abantu ukuba bathembele ezenzweni zabo. Kunalokho, iHubo 78 libonisa ubuze bentando yomuntu ngaphandle kokuba izinze ekuqwashedi njalo ngokuthembeka kukaNkulunkulu nasekwamukeleni umusa Wakhe. Izimpi ezingaphumelelanga zabantu bakaNkulunkulu (*Hub.* 78:9, 62-64 zicacisa isifundo sehubo sokuthi imizamo yabantu ngaphandle kokuthembeka kuNkulunkulu igcina kukwehluleka.

**Yiziphi izifundo ozifundile, noma okumele ngabe wazifunda, kumaphutha akho adlulile na?**

## Ukukhumbula Umlando Nokudumisa UNkulunkulu

**Funda iHubo 105.** Yiziphi izigameko zomlando kanye nezifundo zazo ezigqamiswe kulelihubo na?

---



---

IHubo 105 likhumbula izigameko ezisemqoka ezabumba ubudlelwane besivumelwano phakathi kukaJehovah nabantu Bakhe uIsrayeli. Ligxila kwisivumelwano sikaNkulunkulu noAbrahama sokunikeza yena nezizukulwane zakhe Izwe leSithembiso, nangendlela lesithembiso, esaqiniswa kuIsaka noJakobe, sagewaliseka ngomusa ngoJosefa, uMose, kanye noAroni, nangesikhathi sokunqotshwa kweKanana. IHubo linikeza ithemba kubantu bakaNkulunkulu kuzozonke izizukulwane, ngoba imisebenzi emangalisayo kaNkulunkulu ngokudlulile iquinisa uthando lukaNkulunkulu olungaguquki kubantu Bakhe ezikhathini zonke (*Hub. 105:1-5, 7, 8*).

IHubo 105 lifana neHubo 78 (buka isifundo sayizolo) ekuggamiseni ukuthembeka kukaNkulunkulu kubantu Bakhe emlandweni, futhi lokho likwenzela ukudumisa uNkulunkulu kanye nokukhuthaza ukuthembeka. Kepha, ngokungafani neHubo 78, iHubo 105 aliwasho amaphutha adlule abantu. Lelihubo linenhoso ehlukileyo.

Kunalokho, kwiHubo 105, umlando ubikwa ngezimpilo zezinalamizi ezinkulu zakwaIsrayeli, libonisa ukuholo komusa kanye nokubekezelza kwenzalamizi ebunzimeni. Ukubekezelza kwezinalamizi nokuthembeka kuNkulunkulu kwavuzwa kakhulu. Ngalokho, iHubo 105 limema abantu ekulinganiseni ukholo lwezinalamizi futhi ngokuthembala balinde ukuhlenga kukaNkulunkulu esikhathini sabo.

IHubo 105 liqukethe inothi lomculo (*Hub. 105:1-7*), libonisa ukuthi ukuze sidumise uNkulunkulu ngeqiniso, abantu bakaNkulunkulu badinga ukwazi amaqiniso omlando wabo. Umlando usinikeza ukuqiniswa kokholo lwethu kanye nezizathu eziningi zokudumisa uNkulunkulu.

Abakhonzayo babizwa ngenzalo kaAbrahama kanye nabantwana bakaJakobe (*Hub. 105:6*), ngalokho bathathwe njengabagewalisa isithembiso sikaNkulunkulu kuAbrahama sokumenza isizwe esikhulu (*Gen. 15:3-6*). Umhlabeleli ugqamisa ukuqhubepta phakathi kwezinalamizi kanye nezizukulwane zabantu bakaNkulunkulu. Umhlabeleli ugcizelela ukuthi “ukwahlulela Kwakhe kusemhlabeni wonke” (*Hub. 105:7, NKJV*), ngalokho exwayisa abakhonzayo ukuba bangakkohlwa ukuthi “uNkulunkulu wethu” uyiNkosi enkulu yezwe lonke nokuthi uthando Lwakhe olumnene lululelwu kubo bonke abantu (*Hub. 96:1, Hub. 97:1*). Ngokusobala, kulubizo lokuthembeka kuzozonke izizukulwane zamakholwa.

**Thina, njengama-Seventh-day Adventist, kumele sizibone kanjani kuloluhla lwabantu, ukusukela kuAbrahama kuye phambili (buka uGalathiya 3:29). Yiziphi izifundo okumele sizifunde kulomlando na?**

## Ukukhumbula Umlando kanye Nokuphenduka

**Funda** iHubo 106. Yiziphi izigameko zomlando nezifundo zazo ezigqamiswa kulelihubo na?

---



---

IHubo 106 likhumbula izigameko ezinkulu emlandweni kaIsrayeli, kuhlangene noFuduko, ukuhamba ehlane, kanye nempilo eKanana. Ligcizelela izono ezesabekayo zobaba eenza ukuba isizukulwane sithunjelwe ekudingisweni. Ngalokho, ihubo ngokuqinisekile labhalwa ngenkathi isizwe siseBabiloni, noma ngemuva kokuba bebuyele ekhaya, futhi nomhlabeli, ephefumulelwe nguMoya oNgewe, wakhumbuza abantu bakaNkulunkulu ngalezizigameko zomlando kanye nezfundo okwakumele abantu bazifunde kuzo.

Lelihubo, futhi, njengamanyi, likhomba ekuthembeki kukaNkulunkulu esivumelwaneni Sakhe somusa, ngaso ahlenge abantu Bakhe ngokudlulile (*Hub. 106:45*). Liveza ithemba lokuthi uNkulunkulu uzophinda futhi abonise uthando kubantu Bakhe abaphendukile futhi abaqoqe ezizweni (*Hub. 106:47*). Isicelo sokukhululwa manje asiwone umcabango wesifiso, kodwa ngumkhuleko wokholo omi esiqinisekweni sokuhenga kukaNkulunkulu ngaphambilini (*Hub. 106: 1-3*) kanye nesimo sokungehluleki kokuthembeka kukaNkulunkulu esivumelwaneni Sakhe nabantu Bakhe.

Ukukhumbula kokwehluleka kukaIsrayeli emlandweni kwiHubo 106 kuyingxenyi yokuvuma kwabantu izono zabo kanye nokuvuma ukuthi abekho ngcono kunokhokho babo. Isizukulwane samanje sivuma ukuthi sibi ukwedlula okhokho baso ngoba besiyazi imiphumela yobubi bezizukulwane ezingaphambilini nangendlela uNkulunkulu abekezelwa ngayo wabanomusa ekubahlengeni, nakuba babedlbulundele bahamba ezindleleni zobubi. Uma lokhu bekuyiqiso kubona, cabanga ngendlela okuyikho kithina, namuhla, esinesambulo sesimilo sikaNkulunkulu kanye nomusa osindisayo njengalokhu kwembulwe kuJesu esiphambanweni.

Izindaba ezinhle zeHubo 106 ngezokuthi uthando oluqinile lukaNkulunkulu lwehlula izono zabantu (*Hub. 106:8-10, 30, 43-46*). Indima enkulu kaMose no-Phinehas yokujikisa ulaka lukaNkulunkulu ikhomba ukubaluleka kokunxusela kukaKristu ngamakholwa. Kungamava omuntu kuphela omusa kaNkulunkulu angaguqla indaba engaphambilini ibe ngeyethu.

**IHubo 106:13 lithi: “Balibala ngokushesha imisebenzi Yakhe; abasilindanga iseluleko Sakhe” (*NKJV*). Kungani kulula kithina ukukwenza lokhu ezimpilweni zethu na?**

# Umfanekiso Womvini KaJehovah

**Funda** iHubo 80. Abantu bakaNkulunkulu bavezwa kanjani kulelihubo, futhi yiliphi ithemba elikhulu abalicelayo na?

UIsrayeli ubonakaliswa njengomvini uNkulunkulu awusiphula eGibhithe, izwe lembandezelo, futhi wawuyisa Ezweni leSithembiso lenala. Umfanekiso wesivini udlulisa ukuqoka UIsrayeli kukaNkulunkulu kanye nomusa wokubananaka (*funda futhi uGen. 49:11, 12, 22; Dut. 7:7-11*).

Kepha, kwHubo 80, sisivini sikaNkulunkulu sibhekene nolaka Lwakhe (*Hub. 80:12*). Abaprofethi bamemezela ukubhujiswa kwsivini njengophawu lokwahlule kukaNkulunkulu ngoba umvini usumubi (*Isa. 5:1-7, Jer. 2:21*).

Ngakhoke, iHubo 80 alibuki izizathu zalokhu kwahlulela kukaNkulunkulu. Ngenxa yokujula komusa kaNkulunkulu, umhlabeleli udidwe ngukuthi uNkulunkulu angagodla ubukhona Bakhe kubantu Bakhe isikhathi eside kangaka. Ukuqinisa phakathi kolaka lukaNkulunkulu kanye nokwahlulela, kolunye uhlangothi, kanye nomusa Wakhe nentethelelo, kolunye, kudala ukuthi umhlabeleli esabe ukuthi ulaka lukaNkulunkulu lungase lunqobe futhi lubhubhise abantu ngokuphelele (*Hub. 80:16*).

**Funda** uNumeri 6:22-27. Lesisibusiso sisetshenziswe kanjani kwiHubo 80 na?

Impinda yomhlabeleli Ibiza isithembiso sikaAroni sokubusisa okuqhube kayo kukaNkulunkulu kwabantu Bakhe (*Num. 6:22-27*) futhi igqamise ithemba lokuthi umusa kaNkulunkulu uyonqoba lokho okudala ukuhlupheka kwabantu: "Sibuyise, Nkulunkulu, ukhanyise ubuso bakho, khona siyakusindiswa!" (*Hub. 80:3, NKJV; buka neHub. 80:7, 19, NKJV*).

Igama lesHeberu “lokubuyisa” lapha liqhamuka egameni elichaza “ukubuyela,” futhi lisetshenziwa kaningi-ningi eBhayibhelini ngoNkulunkulu ebiza abantu Bakhe, abalahlekile, ukuba babuyeleye kuYena. Lisondelele kakhulu nomqondo wokuphenduka, wokuguquka esonweni ubuyele kuNkulunkulu. “ ‘ “Ngiyakubanika inhliziyo yokungazi ukuthi nginguJehova; bayakuba ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wabo, ngokuba bayakubuyela kimi ngenhliziyo yabo yonke” ’ ” (Jer. 24:7, NKJV).

**Ube kanjani wena namava okuphenduka ubuyele kuNkulunkulu na?**

## Ubukhulu BukaJehovah Emlandweni

**Funda iHubo 135. Yiziphi izigameko zomlando eziggamiswe kulelihubo na? Yiziphi izifundo umhlabeleli azitomula kuzo na?**

---



---

IHubo 135 libizela abantu bakaNkulunkulu ekudumiseni uJehovah ngokulunga Kwakhe nokuthembeka okubonakalisa Endalweni (*Hub. 135:6, 7*) kanye nesemlandweni kaIsrayeli wosindiso ngesikhathi Sofuduko (*Hub. 135:8, 9*) nasekunqobeni Izwe leSithembiso (*Hub. 135:10-12*).

UJehovah wabonakalisa umusa wakhe ngokukhetha abantu bakwaIsrayeli njengegugu Lakhe elikhethekileyo (*Hub. 135:4*). “Igugu elikhethekileyo” kudlulisa ubudlelwane obubodwa besivumelwano phakathi kukaJehovah nabantu Bakhe (*Dut. 7:6-11; 1 Pet. 2:9, 10*). Ukukhethwa kukaIsrayeli kwakusekelwe entandwemi kaJehovah, futhi ngalokho, uIsrayeli akanasisekelo sokuzizwa emkhulu phezu kwabanye abantu. IHubo 135:6, 7 libonakalisa ukuthi izinhloso eziphakeme zikaJehovah ngezwe azaqalanga ngolsrayeli, kodwa ngoKudala. Ngakhoke, uIsrayeli kumele ngokuzithoba agcwaliye indima ayinikiwe ezinhlosweni zikaNkulunkulu zokusindisa izwe lonke.

Ukukhumbula izenzo ezinkulu zikaNkulunkulu ngakubantu Bakhe (*Hub. 135:8-13*) kufinyelela esithembisweni sokuthi uNkulunkulu “uyokwahlulela” abantu Bakhe futhi abazwele (*Hub. 135:14*). Ukwahlulela lapha kungukuvikela kukaNkulunkulu labo abambandezelwego nabantulileyo (*Hub. 9:4, Hub. 7:8, Hub. 54:1, Dan. 7:22*). Isithembiso ngesokuthi uJehovah uyogcina umgomu wabantu Bakhe futhi abalwele (*Dut. 32:36*). Ngalokho, iHubo 135 liqonde ukukhuthaza abantu bakaNkulunkulu ukuba bathembele kuJehovah futhi bakholeke esivumelwaneni sabo Naye.

Ukuthembeka kukaJehovah kubantu Bakhe kuholela umhlabeleli ukuba aqinise ubuze bezithixo nobukhulu obubodwa bukaJehovah ezwensi (*Hub. 135:15-18*). Ukuncika emifanekisweni kwenza abayikhonzayo babe ngabangenalo ithemba kanye namandla njengemifanekiso yabo (*Hub. 135:18*). Ihubo libonakalisa ukuthi uNkulunkulu kumele adunyiswe njengoMdali kanye noMsindisi wabantu Bakhe. Lokhu kudlulisa ngokumangalisayo emithethweni ehambisanayo yowesine kweYishumi (*Eksod. 20:8-11, Dut. 5:12-15*). Ngoba amandla kaNkulunkulu endalweni nasemlandweni akanakulinganiswa emhlabeni, abantu bakaNkulunkulu kumele njalo bancike kuYena futhi bakhonze Yena kuphela. NjengoMdali noMhlengi wethu, nguYena kuphela omakakhonzwe, futhi ukukhonza okunye, noma omunye, kungukuhonza umfanekiso.

**Singaqinisekisa kanjani ukuthi asinazo izithixo empilweni yethu na? Kungani ukukhonza izithoxo kulula kunokuba sicabanga na?**

---

**Ukucabanga Kabanzi:** Funda iZenzo 7 namaHeberu 11. Lithini iTestamente Elisha ngomgomu omkhulu wokuhola kukaNkulunkulu kwabantu Bakhe emlandweni na?

AmaHubo omlando angubufakazi obunamandla okwethembeka kukaNkulunkulu kubantu Bakhe. Isigameko ngasinye emlandweni wabantu bakaNkulunkulu sasiyisinyathelo somusa oholela ekugewalisekeni kokugcina kwestihembiso soMsindisi wezwe emuntwini uJesu waseNazaretha. Nazi izinhlupheko, ezazivama ukuxakanisa abantu bakaNkulunkulu zabenza bacabanga ukuthi uNkulunkulu wayebalahlike, zazingaphansi kokulawulwa nguNkulunkulu futhi ziyingxene ye yomusa Wakhe ngoba uNkulunkulu uyiNkosi ephakeme yomlando. Umhlabeli ngobuchule wethula iqiniso lokuthi nakho ukungathembeki kwabantu ngeke kwavimbela uNkulunkulu ekugcineni ukholo kubantu Bakhe nasekugcwaleseni izithembiso Zakhe. Kepha, labo abangaphendukile babekhishwa ezibusisweni zesivumelwano, futhi nesipetho sabo esingesihle sibe yisixwayoso saphakade sendlele impilo engayo noma emelana noNkulunkulu ebhubhisa ngayo abantu. AmaHubo akhuthaza abantwana bakaNkulunkulu kuzo zonke zizikhathi ukuba nethemba kuJehovah nokuhlala bekholekile kuYena. “Asinalutho lokwesaba ngekusasa, ngaphandle kokuba sikhohlwe indlela uJehovah asesihole ngayo, nangemfundiso Yakhe emlandweni wethu.”—Ellen G. White, *Life Sketches of Ellen G. White*, p. 196.


Ukuze abantu bakaNkulunkulu baye phambili ngesibindi, badinga ukwazi amaqiniso omlando wabo. U-Ellen G. White weluleka amakholwa ukuba afunde amaHubo 105 no 106 “okungenani kanye ngeviki.”—*Testimonies to Ministers and Gospel Workers*, p. 98.

Umlando wabantu bakaNkulunkulu ubonakalisa ukuthi asikho isithembiso esenziwe nguNkulunkulu Ezwini Lakhe esingeke sagcwaliswa. Lokhu kufaka izithembiso zokunakekela umuntu ngamunye manje kanye nezithembiso zekusasa zokuza kwsibili kukaKristu, okuyosungula umbuso kaNkulunkulu wokulunga nokuthula emhlabeni.

### Imibuzo Yokuxoxisana:

- ① Yiziphi izibusiso zokukhumbula ukuthembeka kukaNkulunkulu ekuhloeni abantu Bakhe emlandweni na? Yimiphi imiphumela yokukhohlwa noma ukunganaki izifundo zangaphambilini na? Singazisebenzisa kanjani lezizimiso kithina, njengebandla elibizelwe ukwenza okufanayo nalokho kukaIsrayeli wasendulo ayebizelwe kona na?
- ② AmaHubo asikhuthaza kanjani ukubona ukunaka komusa kaNkulunkulu empilweni yethu kanye nokubekezela nokuthembala izindlela eziphakeme zikaNkulunkulu, nakuba kungelula ukuqonda isizathu sokwenzeka kwenzinto na?
- ③ Singakwenza kanjani ukufunda ngomlando wabantu bakaNkulunkulu kuggame ekukhonzeni kwethu sisodwa noma sineningi na? Singaba kanjani ngabahlosile ekutsheleni abantwana bethu ngomlando ongemdala wabantu bakaNkulunkulu na?

# Ukulangazelela uNkulunkulu EZiyoni



## iSABATHA NTAMBAMA

**Funda Lokhu Kuleliviki:** *iHubo 84; Samb. 21:3; iHubo 122; iHubo 87; Gal. 3:28, 29; Mat. 28:18–20; iHubo 46; iHubo 125.*

**Indimana Yenkumbulo:** “Umphefumulo wami ulangazelela, womela amagecke kaJehova; inhlizyo yami nomzimba wami kuhalela uNkulunkulu ophilayo” (*iHubo 84:2, NKJV*).

zingoma zase Ziyoni zingamaculo agqamisa ubuhle beZiyoni kanye nobukhulu bukaJehovah, obusa esentabeni Yakhe engcwele. LamaHubo avama ukudumisa ukufaneleka kwendlu kaJehovah futhi akhulume ngothando lwendawo engcwele okutholakala nakwamanye amaHubo, futhi. Ingingi lalamaHubo aqanjwa ngamadodana kaKorah, owayenamava okuqala okubuseka kwendlu kaJehovah njengabahlabeleli basethempelini (*1 Kron. 6:31–38*) kanye nabaqaphi bamasango ethempeli (*1 Kron. 9:19*).

Yini eyenza iZiyoni libe ngumthombo wethemba na? IZiyoni limele ubukhona obuphilayo bukaNkulunkulu phakathi kwabantu Bakhe. Njengalokhu abantu bakwaIsrayeli bengabantu abakhethiweyo bakaNkulunkulu (*Dut. 7:6*), ngalokho iZiyoni liyintaba ekhethiweyo kaNkulunkulu (*Hub. 78:68, Hub. 87:2*). UNkulunkulu ubusa eseZiyoni (*Hub. 99:1, 2*) futhi wamisa ithempeli Lakhe eZiyoni (*Hub. 87:1*). Ngalokho, iZiyoni liyindawo yezibusiso nokuphepha. IZiyoni ivama ukubizwa ngokuhambisana, noma ngokushintshana neJerusalema nendawo engcwele, isizinda somsebenzi kaNkulunkuli wokusindisa izwe lasemandulo.

Izibusiso zaseZiyoni ziphuphumela emaphethelweni omhlaba ngoba umuntu kaJehovah kanye nomusa weqa imingcele yanoma iyiphi indawo engcwele. IZiyoni liyinjabulo yomhlaba wonke (*Hub. 48:2*), okuqinisa ukuthi wonke umhlaba ungokaNkulunkulu.

\*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, uNdasa 16.

## Usuku Enkundleni Yakho Lungcono Kuneziyinkulungwane

**Funda** iHubo 84:1-4. Kungani umhlabeleli elangazelela ukuhlala endaweni engcwele na?

---



---

Umhlabelleli “ulangazelela” ukwenza indawo engcwele indawo yakhe yokuhlala njalo ukuze ezoba seduzane noNkulunkulu (*Hub. 84:1, 2*). Ubukhona obuphilayo bukaNkulunkulu (*Hub. 84:2*) benza indawo engcwele indawo eyodwa. Endaweni engcwele abakhonzayo “bangabona ubuhle bukaJehovah” (*Hub. 27:4, NKJV; bheka futhi iHub. 63:2*) bese “begculiseka ngokulunga kwendlu Yakho” (*Hub. 65:4, NKJV*). KwiHubo 84, ukujabula okungelinganiswe kuyafinyeleleka ebudlelwaneni noNkulunkulu, okuqukethe ukudumisa Yena (*Hub. 84:4*), ukuthola amandla kuYena (*Hub. 84:5*), kanye nokuthemba Yena (*Hub. 84:12*). Indawo engcwele yindawo lapho lobubudlelwane bondliwa khona ngokukhonza kanye nokuhlanganyela namakholwa. Ubukhona obuphilayo bukaNkulunkulu endaweni engcwele bunikeza abakhonzayo ukhasha lwenkazimulo yombuso kaNkulunkulu kanye nokunambitha ukuphila okuphakade.

**Funda** iHubo 84:5-12. Ngubani ongakaze abusiswe yindawo engcwele na?

---



---

Izibusiso zikaNkulunkulu zichazwa njengezikazimula ziphuma endaweni engcwele, zinikwa kuqala labo abakhonza endaweni engcwele (*Hub. 84:4*), bese zinikezwa izihambi ezsendleleni eya endaweni engcwele (*Hub. 84:5-10*), kuthi ekugcineni zifinyelele emaphethelweni omhlaba. Ukulindela ukuhlangana noNkulunkulu endaweni engcwele kuqinisa ukholo lwabahambi (*Hub. 84:7*). Njengoba amandla omhambi nje ephela ngaphansi komthwalo wohambo olukhathazayo, ngezihambi eziya endaweni engcwele amandla azo ayanda ngokuya besondela endaweni engcwele.

Noma bengasekho eduzane nendawo engcwele, abantwana bakaNkulunkulu baqhubeke nokuba nophawu lwendawo engcwele kaNkulunkulu ngokuphila impilo efanelekile (*Hub. 84:11*), ekulabo abalungileyo abangena endaweni engcwele kaJehovah (*Hub. 15:1, 2*). UJehovah ubizwa “ngelanga,” okubonisa ukuthi izibusiso eziphuma endaweni engcwele, njengemisebe yelanga, zifinyelela ekugcineni kumhlaba (*Hub. 84:11*). Ngalokho, labo abahlala noNkulunkulu ngokholo bamukela umusa Wakhe, noma ngabe bakuphi.

**Funda** iSambulo 21:3. Yiliphi ithemba elibonakala endaweni engcwele yasemhlabeni elembulwa kithina lapha na? Siqala kanjani ukucabanga ngokuthi ayoba njani lawamava na?

## Khulekela Ukuthula KweJerusalema

**Funda** iHubo 122:1-5. Yimiphi imizwa yabakhonzayo ngenkathi befika eJerusalema na? Yini abanethemba lokuyithola eJerusalema na?

---



---

IHubo 122 lethula injabulo yezihambi lapho zifika eJerusalema. Uhambo oluya eJerusalema lwaluba yisikhathi senjabulo ngenkathi abantu bakaNkulunkulu behlanga kathathu ngonyaka ukubungaza ukulunga kukaNkulunkulu ngakubona ngaphambilini kanye namanje (*Dut. 16:16*). IJerusalema laliyisizinda sempilo yesizwe ngoba laliquethe “Ubufakazi bukaIsrayeli” (*Hub. 122:4, NKJV*) kanye nezihlalo zokwahlulela (*Hub. 122:5*). “Ubufakazi bukaIsrayeli” kubhekisa endaweni engcwele ngezinye izikhathi eyayibizwa “ngetabernekeli loBufakazi” (*Num. 1:50, NKJV*) futhi liquethe “umphongolo weSivumelwano” (*Eksod. 25:22, NKJV*). Izihlalo ezibekelwe ukwahlulela zibonisa uhlelo Iwezomthetho eJerusalema (*2 Sam. 8:15*). Ukuhamba ke kwakuyisikhathi lapho othile ayengafuna futhi athole ubulungiswa. Ukuthembeka kuNkulunkulu kanye nokwenza ngobulungiswa kubantu kwakungahlukaniswa.

**Funda** iHubo 122:6-9. Yimuphi umkhuleko omkhulu wabantu bakaNkulunkulu na?

---



---

Ukukhulekela ukuthula kweJerusalema kubiza izibusiso zikaNkulunkulu phezu kwedolobha kanye nabahlala kulo, futhi kwenza munye abakhonzayo, kwenze nokuthula kwande phakathi kwabo (*Hub. 122:8*). IJerusalema linga yidolobha lokuthula kuphela uma ukuthula kukhona phakathi kukaNkulunkulu nabantu Bakhe, kanye naphakathi kwabantwana ngokwabo. Ngalokho, ukukhulekela ukuthula kweJerusalema kudlulisa isicelo kubantu bakaNkulunkulu sokuphila ngokuthula noNkulunkulu kanye nomunye, nomunye. Ekuthuleni kweJerusalema, abantu bazophumelela (*Hub. 147:12-14*).

Ihubo lisifundisa ukuthi ukukhulekela ukuphumelela komphakathi wokukholwa kumele kube yisihloko esiphambili semikhuleko yabantu bakaNkulunkulu ngoba ngabantu abanamandla nabamunye bakaNkulunkulu abangamemezelia izindaba ezilungileyo zokuthula kukaNkulunkulu nosindiso ezweni (*Johane 13:34, 35*).

Ukukhulekela ukuthula kweJerusalema kuseyilungelo kanye nomthwalo wamakholwa ngoba kugcina ithemba ekuzeni kombuso wokuthula kaNkulunkulu esikhathini sokugcina liphila, oyothi ufake hhayi kuphela idolobha laseJerusalema, kodwa umhlaba wonke (*Isa. 52:7; Isa. 66:12, 13; Sambulo 21-22*).

**Yiziphi izindlela eziphathetkayo esingaphokophelela ngazo ukuzwana phakathi kwethu na?**

## IZiyoni-Ikhaya Lezizwe Zonke

**Funda** iHubo 87:1, 2. Yini eyenza iZiyoni indawo ekhethekileyo na?

---



---

IHubo 87 yiculo elibungaza idolobha elikhethekile kanye nelithandiwe likaNkulunkulu. Isisekelo sethempeli likaNkulunkulu sipezu kweNtaba iZiyoni (*Hub. 2:6, Hub. 15:1*) ekupheleni kwesikhathi, iZiyoni liyophakama ngaphezu kwazo zonke izintaba, okuchaza ukubusa okwengamele kukaJehovah phezu komhlaba wonke (*Hub. 99:2, Isa. 2:2, Mik. 4:1*) IHubo 87 libhekisa kwiZiyoni njenge “zintaba” ukugqamisa ubukhulu balo (*Hub. 133:3*). UNkulunkulu uyawathanda amasango aseZiyoni “kakhulu kunezindawo zokuhlala zikaJakobe” (*Hub. 87:2, NKJV*), okuveza ubukhulu beZiyoni phezu kwezinye izindawo kwaIsrayeli ezaziyizindawo ezikhethekileyo zokuhlanganelo kwabantu bakaNkulunkulu ngaphambilini, njengaseShilo nase-Bethel. Ngalokho, ihubo liqinisa ukuthi ukukhonza ngeqiniso kukaNkulunkulu kusendaweni eqokwe nguYena nangendlela emiswe nguYena.

**Funda** iHubo 87:3-7. Yiziphi izinto ezimangalisayo ezikhulunywa ngeZiyoni na?

---



---

Inkazimulo yeZiyoni idonsela zonke izizwe kuNkulunkulu, futhi ngalokho imingcele yombuso kaNkulunkulu ivulelwu ukufaka wonke umhlaba. Qaphela ukuthi uNkulunkulu akaziphathi ezinye izizwe njengabantu besigaba sesibili, noma ngabe iZiyoni libonakaliswa njengendawo yendabuko yabo bonke abantu abamukela iNkosi njengoMsindisi wabo.

Ukubhalisa abantu kwakwenziwa ngokwendawo abazalwa kuyo (*Neh. 7:5, Luka 2:1-3*). Izikhathi ezintathu ihubo lithi izizwe zizalwa eZiyoni, okuchaza ukuthi uJehovah ubanikeza ububona obusha futhi abanikeze bonke amalingelo abantwana abazalwa ngokomthetho baseZiyoni (*Hub. 87:4-6*).

IHubo 87 likhomba osindisweni lamaJuda kanye nabeZizwe, kanye nokuhlanganiswa kwabo ebandleni elilodwa ngomsebenzi kaKristu wokuhlenga (*Rom. 3:22; Rom. 10:12; Gal. 3:28, 29; Kol. 3:11*). Ukubonisa kwehubo impumelelo yeZiyoni kufana nokombono kaDaniyeli wombuso kaNkulunkulu uba mkhulu njengentaba egcwaliswa umhlaba wonke (*Dan. 2:34, 35, 44, 45*) kanye nomfanekiso kaJesu omayelana nombuso kaNkulunkulu ukhula uba ngumuthi omkhulu owengamela izinyoni zezulu (*Mat. 13:32*).

**Ukulungela kweZiyoni ukungenisa bonke abantu kukuthola kanjani ukugcwaliyese Ekuthunyweni Okukhulu kwebandla ukuyoshumayela ivangeli eizweni zonke (*Mat. 28:18-20*) na? lomqondo uhambisana kanjani nobizo lokushumayela imibiko yezingelosi ezintathu na?**

## Ukuphepha Nokuthula KweZiyoni

**Funda iHubo 46:1-7. Izwe livezwa kanjani lapha ngobuciko na?**

---



---

Ihubo liveza ngokusobala incazelo yomhlaba okwinxushunxushu, futhi kubonakaliswa ngenmifanekiso yezinhlakelele zemvelo ezinzima ngokungakaze kwenzeke (*Hub. 46:2, 3*). Umfanekiso wamanzi aphazamisekile uvama ukumela izizwe ezihlubukile kanye nezinkinga ezihlukahlukene ezidalwa ngababi ezweni (*Hub. 9:3, 4; Hub. 124:2-5*). Ngokufanayo, kwiHubo 46 imifanekiso yezinhlakelele zemvelo iveza izwe elilawulwa yizimpi zezizwe (*Hub. 46:6*).

Ngokusobala ngumhlaba ongenalo ulwazi lukaNkulunkulu ngoba uNkulunkulu uphakathi kwabantu Bakhe, futhi lapho ehlala khona uNkulunkulu, kwanda ukuthula (*Hub. 46:4, 5*). Kepha, nakuba izwe limlahla Yena, uNkulunkulu akalilahli izwe. UNkulunkulu ukhona ezweni ngokuba phakathi kwabantu Bakhe. Ngamanye amazwi, noma ngabe izinto zibukeka zizimbi kangakanani, ubukhona bukaNkulunkulu bulapha, ezweni, futhi singaba nethembra thina futhi sikhuthazeke ekwazini leliqiniso eliyisisekelo.

UJehovah, oyinqaba epheleleyo, nguMthombo wokuthula nokuphepha okungapheli kweZiyoni. Igama eligqamisa ukuphepha kweZiyomi ngu “noma” kwiHubo 46:3. Noma izwe likwinxushunxushu, abantu bakaNkulunkulu baphephile. Lokhu kubonisa ukuthi ukuthula akuwona umphumela wokungabiko kwezinhlupheko kodwa yisipho sikaNkulunkulu kubantwana Bakhe abathembayo. Ukuthembela kuNkulunkulu okuphelele kungenza ingane kaNkulunkulu ibe nokuthula nokuphepha kwisivunguvungu (*Mat. 8:23-27*). Umbuzo oqhamukayo yilo: Ngabe uNkulunkulu uzowuyekela umhlaba ezenzweni zawo nasekukhetheni kwawo okubhubhisayo ngunaphakade na?

**Funda iHubo 46:6-11. Ithini impendulo kaNkulunkulu kudlame nokubhubha ezweni na?**

---



---

UNkulunkulu uphendula ngamandla okungenami ngokuthi izwi Lakhe, eladala umhlaba, manje lenza umhlaba uncibilike (*Hub. 46:6*). Kodwa, ukuncibilika akugcini ngokubhubhisa kodwa ekudaleni kabusha. Qaphela ukuthi uNkulunkulu welulela ukuthula Kwakhe kuphuma eZiyoni kuye ekupheleni komhlaba. UNkulunkulu uyokwenza izimpi ziphele futhi aqede izikhali zokubhubhisa, okuthe izizwe ezikhohlakele zazisebenzisa ekucindezelni izwe (*Hub. 46:9*). Leli yithembu elikhulu amaKristu analo, eliyokwenzeka ekuzeni kwesibili kukaJesu.

**Sifunda kanjani ukuba nokuthula nokuthembu uNkulunkulu phakathi kwezwe, nemba, elinenxushunxushu eningi na?**

## Ukungazamazamiswa OkweNtaba IZiyoni

**Funda** iHubo 125:1, 2. Labo abathembele kuNkulunkulu babonakaliswa kanjani lapha na?

---



---

Labo abathembele kuJehovah baqhathaniswa neNtaba iZiyoni, uphawu lokuqiniseka kanye namandla. Ubuhle obubonakalayo bezintaba ezikake idolobha laseJerusalema lenza ukuba umhlabeleli avume ukuqiniseka kokuvikela kukaNkulunkulu (*Hub. 5:12, Hub. 32:7, 10*). Ngokungafani nezintaba ezibuswa ngababi, eziphoswa olwandle (*Hub. 46:2*), ukuba yinqokonqoko kwentaba phezu kwayo okwakhiwe iJerusalema kuvusa ithemba elikhulu. Iqholo ekuvikeleni kukaNkulunkulu liba likhulu phambi kweqiniso lobuhlungu bobubi obubukeka bunqoba. Kepha, naphakathi kwabo lobobubi, abantu bakaNkulunkulu basengaba nalo ithemba.

**Funda** iiHubo 125:3-5. Balingwa kanjani abalungileyo na? Yisiphi isifundo kithina na?

---



---

Abantwana bakaNkulunkulu bangadikibaliswa ngukuphumelela kwababi futhi, mhlawumbe, balandele ezinyathelweni zabo (*Hub. 73:2-13, Hub. 94:3*). Ukuzinza okuphelele kweNtaba iZiyoni ngeke kwavikela labo abasuka kuJehovah. Abantu basanikeza inkululeko “yokwenza okubi” (*Hub. 125:3*) kanye “nokuchezukela ezindleleni zabo ezigwegwile” (*Hub. 125:5*). UJehovah ulungile futhi uyokwahlulela labo abahlala ekuhlubukeni kanye nezoni ezingaphendukle.

Nalu ubizo lwabantu bakaNkulunkulu lokuba baqine okholweni nasekuthembeni kuJehovah, nanjengoba Intaba iZiyoni iyinqaba yabo engezamazamiswe. Okungukuthi, nakuba singaziqondi izinto, singathembela ekulungeni kukaNkulunkulu.

“Ukungena kwesono ezweni, ukuba ngumuntu kukaKristu, ukuzalwa kabusha, uvuko, kanye nezinye izihloko eziningi ezithulwa eBhayibhelini, ziymfihlo ejule kakhulu ukuba ingqondo yomuntu izichaze, noma iziqonde ngokugcweleyo. Kodwa asinaso isizathu sokungabaza izwi likaNkulunkulu ngoba singaqondi izimfihlo zomusa Wakhe. . . . Yonke indawo kunezimangaliso ezingaphezu kokuqonda kwethu. Kufanele yini simangaliswe ngukuthola ukuthi kwezikamoya nakhona kunezimfihlo esingeziqonde na? Ubunzima bulele kuphela ebuthakathakeni nasekufiphalemi kwengqondo yomuntu. UNkulunkulu usinikeze Ezibhalweni ubufakazi obaneleyo besimilo sazo esingcwele, futhi akumele singabaze izwi Lakhe ngoba sehluleka ukuqonda zonke izimfihlo zomusa Wakhe.”—Ellen G. White, *Steps to Christ*, pp. 106, 107.

## **Ukucabanga Kabanzi:** Zindla ngombiko kaisaya 40 no Isaya 51:1–16.

Izingoma zaseZiyoni zenza ukuzinikela okuqinile kokukhumbula iZiyoni kanye nokuphila ethembeni lokubusa okuphakeme kukaNkulunkulu elikumele. Nalapho kunamava amanangi ezibusiso zikaNkulunkulu kulempilo endaweni engcwele, ithemba lokuphelela kwempilo kanye nenjabulo eZiyoni iseza. Iningi Labantwana bakaNkulunkulu balangazelela iZiyoni lasezulwini ngezinyembezi (*Hub. 137:1*). Ukukhumbula iZiyoni akusho umcabango wesikhathi esithile, kodwa ukucabanga ngamabomu kanye nokunquma ukuphila ngokwaleyonkumbulo ephilayo (*Eksod. 13:3; Eksod. 20:8*).

Ngakhoke, ukuhlabelela izingoma zaseZiyoni kuqukethe ukuzimisela ukugcina liphila ithemba lokubuyiselwa kombuso kaNkulunkulu emhlabeni omusha (*Samb. 21:1-5*). “Khona, izingqondo ezingasafi ziyocabanga ngenjabula engapheliyo ngezimnagaliso zamandla okudala, ngezimfihlo zothando oluhlengayo. Akusekho sitha esikhohlakele, nesikhohlisayo ukulinga ukuba kukhohlwe ngoNkulunkulu. Zonke izigaba ziyothuthukiswa, onke amakhono andiswe. Ukuzuzwa kolwazi ngeke kwayikhathalisa inqqondo noma kuqede amandla. Khona lapho imisebenzi emikhulu iyokwenziwa, imigomo ephakeme ifinyelelw, izifiso ezipifikeme zifezw; futhi kusenjalo kuyolokhu kuqhube kile ukuphakama kwenzinto okumele zifinyelelw, izimangaliso ezintsha zokuthakaselwa, amaqiniso amasha okuqondwa, izinto ezintsha ezifuna amandla engqondo nomphefumulo nomzimba.”—Ellen G. White, *The Great Controversy*, p. 677.


Ukuzinikela ekungalibalini iZiyoni yisifungo esenzizwa yizihambi zikaJehovah, ukuthi ngeke bamukela lomhlaba njengezwe labo kodwa bayolinda amazulu amasha kanye nomhlaba omusha.

Ngalokho, amaHubo eZiyoni angaculwa ngamakholwa ezizukulwaneni zonke alangazelela ukuhlala eJerusalem Elisha (*Samb. 3:12*). Izingoma zaseZiyoni zikhuthaza thina ukulindela izwe elizayo ngethemba, kodwa futhi zisibophela ukuba sibe yizithunywa zomusa kaNkulunkulu kulomhlaba wamanje.

## **Imibuzo Yokuxoxisana:**

- ① Sizithatha kanjani izimiso zeziimfundiso zikamoya ezigxile kubantu bakaNkulunkulu eZiyoni, indawo okuyiyona eJerusalem, sizisebenzise ebandleni nasemsebenzini walo ezweni na?
- ② Amakholwa angahlala kanjani endaweni engcwele kaNkulunkulu namuhla na? (*Johane 1:14–18, Heb. 12:22–24*).
- ③ IZiyoni iyoba kanjani yidolobha lezizwe zonke njengalokhu kubonwa yiHubo 87 na? (*Rom. 5:10, Efes. 2:11–16, Kol. 1:19–23*).
- ④ Umphendula kanjani umuntu okhomba eqinisweni lokuphumelela kwababi kulomhlaba ngenkathi abantu abanangi “abalungileyo” behlupheka na? Uthini na? Kungani kubalulekile ukuba sivume ukuthi asinazo izimpendulo eziphelele zakho konke manje na?

# Ukukhonza Okungapheliyo



## iSABATHA NTAMBAMA

**Funda Lokhu Kuleliviki:** *IHubo 134; Isa. 42:10–12; Samb. 14:3; iHubo 15; iHubo. 101:1–3; iHubo 96; Samb. 14:6–12; John 4:23, 24.*

**Indimana Yenkumbulo:** “Ngiyakumhubela uJehova kukho konke ukuphila kwami; ngiyakuhlabelela kuNkulunkulu wami ngisekhona” (*IHubo 104:33, NKJV*).

Lapho amava ethu omusa naamndla kaNkulunkulu ekhula, sifunzelelwa ekubuzeni nomhlabeleli: “Yini engiyakuyinikela kuJehovah ngakho konke angenzele kona na?” (*Hub. 116:12, NKJV*). Impendulo engenakuvinjelwa ngeyokunikela impilo yakho ekuthembeki kuNkulunkulu.

KumaHubo, uIsrayeli akasona nje isizwe, kodwa “yibandla elikhulu” (*Hub. 22:22, 25, NKJV; Hub. 35:18*). Lokhu kwembula ubizo oluphambili lukalsrayeli lokudumisa uNkulunkulu nokufakaza ngaYe kwezinye izizwe, ngoba uJehovah ufuna lonke izwe lihanganyele nabantu Bakhe ekukhonzeni. Abantu bakaJehovah bavezwa nabalungileyo, abakhonza uJehovah nothemba labo likuYena nothando Lwakhe.

Ukudumisa uJehovah ebandleni kubonakala kuyiyona ndlela yokukhonza. Lokhu akuchazi ukuthi ukukhuleka nokudumisa komuntu ngamunye kwaIsrayeli kuthatha indawo esibili. Kunalokho, ukukhonza uNkulunkulu komuntu kondla ukukhonza komphakathi nokudumisa okuvuselelw (*Hub. 22:22, 25*), ngenkathi ukukhonza komuntu kufinyelela ezingeni eliphakeme ngokuhlangene nomphakathi. Umphakathi okhonzyayo ubizwa futhi “ngebandla labaqotho” (*Hub. 111:1*). Abaqotho bayamazi uNkulunkulu (*Hub. 36:10*) futhi bayaziwa nguNkulunkulu (*Hub. 37:18*), futhi lamava adlulela ezigabeni zonke zokuphila kwabo.

\*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, uNdasa 23.

## Phakamisani Izandla Zenu Endaweni Engcwele

**Funda** iHubo 134. Ukhonza kwenziwa kuphi lapha na? Yini umphumela wokukhonza uJehovah na?

---



---

IHubo 134 libuyekeza isibusiso sompristi uAroni kuNumeri 6:24-26 (*Hub. 67:1*) futhi ligqamisa isibusiso njengesimiso nomphumela wobudlelwane phakathi kukaNkulunkulu noIsrayeli. Abantu babusisa uNkulunkulu endaweni engeweles, uNkulunkulu abasise abantu Bakhe eZiyoni. Izibusiso zidlulela kukho konke okuphilayo ngoba uJehovah unguMdali wezulu nomhlaba. Ukubalulwa kweZiyoni njengendawo yezibusiso ezikhethekileyo kugqamisa isibopho sesivumelwano sikaJehovah nabantu Bakhe. Ngalokho kuphakathi kwesivumelwano somusa lapho uIsrayeli esebenzisa ilungelo lokubusisa uJehovah nelokubusisa nguYena.

**Funda** iHubo 18:1; iHubo 36:1, iHubo 113:1; iHubo 134:1, 2; neHubo 135:1, 2. Abakhonzayo bavezwa kanjani lapha na?

---



---

AmaHubo avama ukuveza abakhonzayo njengezincke zikaJehovah. “Abema ebusuku endlini kaJehovah” (*Hub. 134:1, NKJV*) kungenzeka kubhekiswa kumqaphi wasebusuku wabaLevi (*1 Kron. 9:23-27*) noma ekudumiseni okwakwenziwa kuNkulunkulu emini nasebusuku (*1 Kron. 9:33*).

Ngoba abakwalsrayeli babekhonza uNkulunkulu ongabonwa, owangemelwe yinoma yiluphi uhlobo lomfanekiso, indawo engcwele yayisebenza ukuveza inkazimulu kaJehovah nokunikeza indawo ephephile kwizoni ukuba zibhekane neNkosi yazo engcwele.

Lokhu kunqwamana kuqalwa nguJehovah ngoKwakhe futhi kulawulwa yimithetho nezimiso Zakhe.

“Sondelani kuyo, iyitshe eliphilileyo, elinqatshwe ngabantu, kepha kuNkulunkulu likhethekile, liyigugu, nakhwi njengamatsho aphilileyo, nibe yindlu yokomoya, ubupristi obungcwele, ninikele ngemihlatshelo yokomoya eyamukekayeo kuNkulunkulu ngaye uJesu Kristu” (*1 Pet. 2:4, 5, NKJV*). Esikubona lapha, emazwini kaPetro, yisisho seTestamente Elisha semiqondo efanayo eyethulwe kulamahubo, leyo yabantu bakaNkulunkulu, manje ubupristi obungcwele, benikela udumo nokubonga eNkosini yabo uJesu Kristu, uMdali noMhlengi wabo, ngakho konke okuhle abenzele kona.

**Njengamakholwa eTestamente Elisha, nathi sinendima yobupristi ngokuthi sibizelwe ukuhambisa izindaba ezlungileyo zevangeli ezweni. Yiziphi izindlela okuyizona ezifanele zokukwenza lokhu na?**

## Culelani UJehovah Ingoma Entsha

**Funda** iHubo 33:3, iHubo 40:3, iHubo 96:1, iHubo 98:1; iHubo 144:9; neHubo 149:1. Yimuphi umfanekiso ofanayo kulezizindimana na?

---



---

AmaHubo abiza abantu ukuba bacule “ingoma entsha.” Yini “ingoma entsha” lapha na? Isizathu “sengoma entsha” ngukubona kabusha ubukhosu bukaJehovah nokubusa Kwakhe phezu kwalo lonke izwe kanye nokubonga ngokunaka Kwakhe nosindiso Lwake njengoMdali noMahluleli womhlaba. Ukuhenglwa ezitheni nasekufeni, kanye nothando olukhethekile lukaNkulunkulu kuIsrayeli, ngezinye izinhloso zomuntu zokucula “ingoma entsha.” Nakuba nezinye izingoma zidumisa uJehovah ngombunnene bothando Lwake nezimangaliso, “ingoma entsha” ingekhethekileyo, yethula injabulo nesithembiso sokuzinikela kabusha kuNkulunkulu. Lamava amasha okukhululwa nguNkulunkulu aqhuba abantu ukuba bavume uJehovah njengoMdali neNkosi yabo. Izindikimba ezivamile kumaHubo czibika “ngengoma entsha” ngukwethembela kuNkulunkulu, udumise imisebenzi Yakhe emangalisayo, nokuhenglwa ekuhluphekeni, phakathi kwezinye izinto.

**Funda** uIsaya 42:10-12, Sambulo 5:9, NeSambulo 14:3. Yini esingayikhomba mayelana “nengoma entsha” kulezizindimana na?

---



---

Abantu bakaNkulunkulu uIsrayeli uvezwa ngamatemu othando nje “ngabantu abasondele kuYena [uNkulunkulu]” (*Hub. 148:14, NKJV*), okugudla ukuthi kuyo yonke Indalo, uIsrayeli unezinga elikhethekile, ngalokho ulindeleke kakhulu futhi unelungelo lokudumisa uNkulunkulu. IBhayibheli ngalokho likhuthaza amakholwa ezipukulwane zonke ukuba acule ingoma entsha yokudumisa uMhengi wabo, equkethe ubufakazi obubodwa obumayelana nosindiso egazini leWundlu. “Ingoma entsha” ingaveza ingoma engakaze izwakale ndawo, ingoma ebungaza amava athile omusa kaNkulunkulu empilweni yothile. “Ingoma entsha” ingakhulumu ngethemba okungasho ukuthi ukuba kusha kwengoma kubonakaliswa ekulindeleni okukodwa, amava angaziwa obukhosu bukaNkulunkulu kusasa. Ukukhonza kweqiniso kwedlulela ngale kwemihlatshelo neminikelo futhi kubonisa ubudlelwane obuphilayo noNkulunkulu obusha ngasosonke isikhathi nobukhulayo. Ngomqondo othile, othile angasho kalula ukuthi “ingoma entsha” iyisisho esisha, nangosuku ngalunye, lothando lwethu nokuthakasela kwethu lokho uNkulunkulu asenzele kona.

**Gxila ezibusiseni zikaNkulunkulu empilweni Yakho. Uma ubungacula ingoma entsha, bekuyoba iyiphi na?**

## Nkosi, Ngubani Obengahlala KwiTabarnekeli Lakho na?

**Funda** iHubo 15. Yibaphi abantu abafanelekile ukukhonza ebukhoneni bukaNkulunkulu na?

---



---

Impendulo enikezwa kulelithubo iyisifinjo sezimfuno esezinikeziwe emthethweni kaNkulunkulu nakubaprofethi: labo ozenzo zabo (“imisebenzi yokulunga” nesimilo (“enhliziyweni yakhe”) (*buka uDut. 6:5, Mik. 6:6-8*) bangababonakalisa uNkulunkulu. Indawo engcwele, nakho konke okukuyo, kanye nabapristi, kwakungcwaliwi. Ngalokho, ubungcwele yimfuno engaguquki yokungena ebukhoneni bukaNkulunkulu. Ubungcwele bukaIsrayeli kwakumele kuphelele, kuhlanganise ukukhonza kanye nokuziphatha kahle futhi kwensiwe kuzo zonke izigaba zokuphila. Umthetho owawunikezwe abantu bakaNkulunklu ukubenza bakwazi ukugewalisa konke abangaba yiko, i.e., ukuphila njengombuso wabapristi. Ubupristi bobukhosи bufaka impilo yobungcwele ebukhoneni bukaNkulunkulu nokuletha izibusiso zesivumelwano kwezinye izizwe.

**Funda** iHubo 24:3-6 neHubo 101:1-3. Kuchaza ukuthini ukuba ngewe na?

---



---

“Inhliziyu engenasici” ingukufaneleka okukhulu kokhonzayo phambi kukaNkulunkulu. IsiHeberu *tamim*, “ukungabi nasici,” kudlulisa umqondo “wokuphelela” “nokupheleliwa.” Umvini “ongenasicu” uphelele, awonakele, futhi uphilile (*Ezek. 15:5*). Izilwane ezazinikelwa njengemihlatshelo kwakufuneka zibetamim, noma zingabi nasici (*Lev. 22:21-24*). Inkulomo “engenasicu” inequiniso ngokuphelele (*Jobe 36:4*). “Inhliziyu engenasicu” ngalokho “yinhliziyo emsulwa” (*Hub. 24:4*) noma yinhliziyo eqotho (*Hub. 15:2*). Ifuna uNkulunkulu (*Hub. 24:6*) futhi ibuyiselwa yintethelelo kaNkulunkulu i(*Hub. 51:2-10*). Impilo engenaso isici iqubuka ekuvumeni umusa kaNkulunkulu nokulunga Kwakhe. Umusa kaNkulunkulu uqhube futhi wenza izinckezi zikaNkulunkulu ziphile ngokwesaba uJehovah, okuchaza ukuphila ebudlelwaneni obungaphazamisekile noNkulunkulu nasekuzinikeleni Ezwini Lakhe. Ubufakazi bempilo ezinikele nemnene buletha udumo kuNkulunkulu hhayi kumina. Qaphela ukuthi izimfuno eziningi kwiHubo 15 zinikeza ngendlela enqabayo (*Hub. 15:3-5*). Lokhu akukho mayelana nokuzuza uthando lukaNkulunkulu kodwa kusekugwemeni izinto ezingasehlukanisa noNkulunkulu.

Singazenza kanjani izinqumo eziqwashile ukugwema izinto ezisisusa kuNkulunkulu na? Yiziphi ezinye zalezozinto, futhi singazigwema kanjani na?

## Memezela Udumo Lwake Ezizweni

**Funda iHubo 96.** Yiziphi izigaba eziningana zokukhonza ezibalulwe kuleliHubona?

---



---

Ukukhonza kufaka ukuculela uJehovah (*Hub. 96:1, 2*), ukudumisa igama Lakhe (*Hub. 96:2*). Ukumemezela ukulunga Kwakhe nobukhulu (*Hub. 96:3, 4*), nokuletha izipho ethempelini Lakhe (*Hub. 96:8*). Ngaphezulu kwalezizimpawu ezijwayelekile zokukhonza, iHubo 96 ligqamisa uphawu olulodwa lokukhonza olungavamile, i.e., isigaba sezovangelo ekumemezeleni umbuso kaJehovah kwabanye abantu (*Hub. 96:2, 3, 10*).

Kepha ukucula, ukudumisa, ukuletha izipho, nokumemezela ivangeli akuzona izenzo ezelhlukene kodwa yizigaba ezahlukene zokukhonza. Ukumemezela usindiso lukaNkulunkulu kuzo zonke izizwe kunikeza uhlonze ekudumiseni kanye nengqikithi ekukhonzeni. Qaphela indlela izizathu zokukhonza ezihangana ngayo nombiko omememezelwe kwabanye abantu: “ngokuba uJehovah mkhulu” (*Hub. 96:4*), “ngokuba bonke onkulunkulu babantu bayimfanekiso, kodwa uJehovah wenze amazulu” (*Hub. 96:5, NKJV*), “‘uJehovah uyabusa’” (*Hub. 96:10, NKJV*), futhi “ngokuba uyeza Yena ukuzokwahlulela umhlabu” (*Hub. 96:13, NKJV*). Ngalokho, umgomu wokuvangela ngowokuhlanganisa abanye abantu nabantu bakaNkulunkulu, futhi ekugecineni yonke indalo ekukhonzeni uJehovah (*Hub. 96:11-13*).

Ukukhonza kuqubuka ekuboneni ukuthi uJehovah ungebani, okungukuthi, uMdali, iNkosi, noMahluleli (*Hub. 96:5, 10, 13*). Ukukhonza ngalokho kufaka ukukhumbula izenzo zangaphambilini zikaNkulunkulu (ukudala), ukubungaza izimangalisa Zakhe manje (ukusekela kukaNkulunkulu izwe kanye nokubusa Kwakhe manje), nokulindela izenzo Zakhe kusasa (ukwahlulela kwesikhathi sokugcina kanye nokuphila okusha emazulwini amasha nomhlabu).

Ukwahlulela kumaHubo kuchaza ukubuyiselwa kohlelo lukaNkulunkulu lokuthula, ubulungiswa, nokuphila ezweni njengamanje elinomthwalo wobubi nokuhlupheka. Ngalokho, wonke umhlabu uthokoza ekulindeleni ukwahlulela kukaNkulunkulu (*Hub. 96:10-13, Hub. 98:4-9*). Iqiniso lokuthi uJehovah unguMahluleli olungileyo kumele likhuthaze abantu ukuba bakhonze Yena ngobungewe “nokuthuthumela”, futhi kubaxwayise ngokuthatha kalula ukukhonza (*Hub. 96:9*). Ukukhonza kufaka injabulo enkulu kanye neqholo (*Hub. 96:1, 2, 11-13*) nokwesaba okungcwele nokuhlonipha (*Hub. 96:4, 9*).

Ubizo jikelele lweHubo 96 lokukhonza uMdali noMahluleli lubonakala ekumemezeleni ivangeli kokugcina kukaNkulunkulu ezwensi lonke, imibiko yezingelosi ezintathu zeSambulo 14:6-12. Ngezindlela eziningi lelihubo libukeka lifaka lombiko wesikhathi sokugcina: ukudala, usindiso (“ivangeli laphakade”), ukukhonza, nokwahlulela. Konke kulapho.

**Qhathanisa lelihubo nemibiko yezingelosi ezintathu (*Samb. 14:6-12*). Kungaziphi izindlela elifundisa ngazo amaquiniso afanayo ayisisekelo njengoba kwenza umbiko wesikhathi sokugcina okumele siwumemezele ezwensi na?**

## Ngenkathi UNkulunkulu Ethokoza NgeMihlatshelo

**Funda** iHubo 40:6-8, iHubo 50:7-23, neHubo 51:16-19. Yiluphi udaba olubalulekile lemibhalo ekhulumna ngalo na? Kungani uNkulunkulu engathokozi ngemihlatshelo ebalulwe ngu Yena Ezwini Lakhe na (*Eksod. 20:24*)?

---



---

Njengabaprofethi, abahlabeleli basola izinto ezahlukahlukene zokukhonza. Iphuzu labo elikhulu kulezizindimana akukona ukungafuni kukaJehovah imihlatshelo namadili kaIsrayeli kodwa kungenxa yezizathu zokunengwa: ukuqhelelana okubucayi ophakathi kokukhonza nezikamoya.

UNkulunkulu akakhuzi abantu Bakhe ngemihlatshelo neminikelo eshisiwe kodwa ngokukhohlakala kwabo nezenzo zokungalungi abazenzile ezimpilweni zabo (*Hub. 50:8, 17-21*) AmaHubo awashumayeli ngokumelene nemihlatshelo nokukhonza kodwa ngemihlatshelo yeze nokukhonza okungenalutho, okubonakaliswa ekungalungini kwabakhonzayo.

Lapho ubunye phakathi kokubonakalisa ngaphandle ukukhonza kanye nengaphakathi elilungile kwehlukana, amasiko aba ngabaluleke kakhulu ngokwawo kunamava okusondelana noNkulunkulu. Okungukuthi, izimo zokukhonza ziba yisiphetho ngokwazo ngokumelene noNkulunkulu amasiko okumele ngabe akhomba kuYe futhi amembule.

**Funda** uJohane 4:23, 24. Yiluphi iphuza uJesu alenza lapha elihambisana nalokho amaHubo anamuhla axwayisa ngakho na?

---



---

Imihlatshelo kuphela ayanele. Mihle ngani lemihlatshelo uma inhliziyo yalabo abanikelayo ingagcwela ukuphenduka, ukholo, kanye nokuzisola ngesono na? Kusekuphelezeleni ngokuphenduka nokubonga okuqotho lemihlatshelo yezinkunzi ingathokozisa uNkulunkulu “njengemihlatshelo yokulunga” (*Hub. 51:19, buka futhi iHub. 50:14*). UJesu, ephinda amazwi kaIsaya, wathi: “Lababantu basondela Kimi ngemilomo yabo, futhi bangihlonipha Mina ngezindebe zabo, kepha inhliziyo yabo ikude Nami” (*Mat. 15:8, NKJV*). Izinkinga ezazibonwa ngabahlabeleli zazifana nalezo uJesu anqwamana nazo kwabanye abantu, ikakhulu abaholi, ngesikhathi sokusebenza Kwakhe emhlabeni.

**Singaqinisekisa kanjani ukuthi thina, njengama-Adventist, nakho konke ukukhanya nolwazi, asiweli ogibeni olufanayo lokucabanga ukuthi ukwazi nje iqiniso nokwenza amasiko eqiniso kwanele na?**

## **Ukucabanga Kabanzi:** Funda u-Ellen G. White, “How to Pray,” pp. 39–42, kwi-A *Call to Stand Apart.*

Kumongo wokukhonza kwakunesidingo sokuphenduka, ukuphenduka ngeqiniso: Ukuphenduka kufaka ukuzisola ngesono nokuguquka kuso. Ngeke sasilahla isono ngaphandle kokuba sibone ububi baso; size siphenduke kuso enhliziyweni, ngeke kwabakhona inguquko yangempela empilweni.

“Bанинги abasilela ukuqonda isimo sangempela sokuphenduka. Abaningu badabuka ngokuthi bonile futhi baze babonakalise ngaphandle ukuguquka ngoba besaba ukuthi ukwenza kwabo okungalungile kuzoletha ukuhlupheka phezu kwabo. Kodwa akukona ukuphenduka ngokweBhayibeli. Balilela ukuhlupheka kunokuba balilele isono. Wawunjalo umunyu kaEsawu ngenkathi ebona ukuthi ubuzibulo bakhe babulahleke ingunaphakade. U-Balaam, esaba ingelosi emi endleleni yakhe iphethe inkemba, wavuma isono sakhe hlezeh alahlekelwe yimpilo yakhe; kodwa kwakungekho ukuphenduka kweqiniso ngesono, kungekho nguquko kwinhoso, kungekho ukunengwa ububi. UJudas Iscariot, emuva kokukhaphela iNkosi yakhe, wabubula, ‘Mina ngonile ngokuthi ngikhaphele igazi elimsulwa.’ Mathewu 27:4.”—Ellen G. White, *Steps to Christ*, pp. 22, 23.

“Nakuba uNkulunkulu engahlali kumathempeli enziwe ngezandla, kodwa uhlonipha ngobukhona Bakhe ukuhlangana kwabantu akhe. Uthembisile ukuthi lapho behlangana ndawonye ukuzofuna Yena, ukuzovuma izono zabo, nokukhulekelana omunye nomunye, Yena uyohlangana nabo ngoMoya Wakhe. Kodwa labo abahlanganelu ukukhonza Yena kumele bahlukane nakho konke okubi. Ngaphandle kokukhonza Yena ngomoya nangeqiniso nasebuhleni bobungewe, ukuhlangana kwabo kuyoba yize. Ngalabo uJehovah uthi, ‘Lababantu basondela Kimi ngemilomo yabo, futhi bangihloniphe Mina ngezinde zabo, kepha inhlizyo yabo ikude Nami.’ Mathewu 15:8, 9. Labo abakhonza uNkulunkulu kumele bamkhonze Yena ‘ngomoya nangeqiniso: ngokuba uBaba ufuna abanjalo ukuba bakhonze Yena.’ Johane 4:23.”—Ellen G. White, *Prophets and Kings*, p. 50.

### **Imibuzo Yokuxoxisana:**

- ① Yimuphi umhlatshelo wokhonzayo omkhulu kunayo yonke kuNkulunkulu (*Hub. 40:6–10; Rom. 12:1, 2*) na?
- ② Ukukhonza komuntu eyedwa nokukhonza ngokuhlanganelu kuhlobene kanjani na? Kungani sikudinga kokubili na? Okunye kukuthuthukisa kanjani okunye na?
- ③ Abantu abaningu baqonda ukukhonza kumayelana kuphela nokukhuleka, ukucula izingoma, nokufunda iBhayibeli nemibhalo yezikamoya. Nakuba lezinenzo sibalulekile ekukhonzeni, ngabe ukukhonza kuphelele kuzona na? Nikeza ezinye izibonelo zezinhlobo zokukhonza.
- ④ U-Ellen G. White wabhala: “Inkonzo Yakhe akumele ibonwe njengedabukisa inhlizyo, nekhathazayo. Kumele ibe yinjabulo ukukhonza uJehova nokuba yingxenyen yomsebenzi Wakhe.”—*Steps to Christ*, p. 103. Ukukhonza uJehovah kungaba kanjani yontokozo na?

# Linda ENkosini



## iSABATHA NTAMBAMA

**Funda Lokhu Kuleliviki:** *Hub. 27:14; Rom. 8:18–25; iHubo 131; Mat. 18:3; iHubo 126; iHubo 92; Marko 16:1–8; 2 Pet. 1:19.*

**Indimana Yenkumbulo:** “Linda eNkosini; yiba nesibindi, futhi Yena uyakuqinisa inhliziyo yakho; linda, ngiyasho, eNkosini!” (*Hub 27:14, NKJV*).

**S**esifike evikini lokugcina kulesifundo salekota samaHubo. Uhambo lwezikamoya lusidlulise kumava entuthumelo phambi koMdali oyinkosi, noMahluleli; sadlula ekujabuleni kokuhlengwa, ukuthethelawa, nosindiso; ezikhathini zokuzinikela ngomunyu nokulila; nasezithembisweni ezimangalisayo zobukhona kwaphakade kukaNkulunkulu nokulindela ukukhonza okungapheli kukaNkulunkulu. Uhambo luyaqhubeke, nokho, lapho siphila ethembeni lokuza kweNkosini, ngenkathi ukulangazelela kwethu uNkulunkulu kuzothola ukugewaliseka okuphelele. Uma kunezwi lokugcina esingalithola kumaHubo, kumele kugele, “Linda eNkosini.”

Ukulinda eNkosini akukona nje ukuchitha isikhathi. Kunalokho, ukulinda eNkosini kuyisenzo sokuthemba ngokuphelele kanye nokholo, ithemba nokholo okubonakala ngezenzo. Ukulinda eNkosini kuguqula ubusuku bethu bosizi bube ngukulindela ukusa okuqhakazile (*Hub. 30:5, Hub. 143:8*). Kuqinisa izinhliziyo zethu ngethemba elisha nokuthula. Kusikhuthaza ukuba sisebenze kakhulu, silethe izinyanda zesivuno esikhulu emasimini omsebenzi kaJehovah (*Hub. 126:6, Mat. 9:36–38*). Ukulinda eNkosini ngeke kwasithela ngehlazo, kodwa kuyovuzwa kakhulu, ngoba iNkosi ithembekile kuzo zonke izithembiso Zayo (*Hub. 37:7–11, 18, 34; Hub. 71:1; Hub. 119:137, 138*).

\*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, uNdasa 30.

## Ubizo Lokulinda

**Funda** iHubo 27:14; iHubo 37:7, 9, 34; iHubo 39:7; iHubo 40:1; iHubo 69:6; Galathiya 5:5, noRoma 8:18-25. Lemibhalo incenga ukuba abantu bakaNkulunkulu benzeni na?

---

Mhlawumbe ingcindezi enkulu kunazo zonke empilweni yileyo yokulinda. Noma singobani, sihlala kuphi, nezinga lethu empilweni, sonke kumele ngezinye izikhathi silinde izinto. Kusukela ekulindeni kulayini esitolo kuye ekulindeni ukuzwa imiphumela ngokugula, siyalinda—okuyinto esingathandi ukuyenza, akunjalo na?

Ngani, pho, mayelana nokulindela uNkulunkulu na? Umqondo wokulindela eNkosini awutholakali kuphela kumaHubo kodwa ugcwele kulo lonke iBhayibheli. Igama elisebenzayo kukho konke lokho ngukubekezelu. Ukubekezelu yikona kuzinikela kwethu okukhulu ekwaleni ukuwela ekwesabeni ukudumala ngokuthi ngandlela thile uNkulunkulu hlezze angasabeli kithina. Ingane ezinikela kaNkulunkulu iyalinda, yazi ngokuqinile ukuthi uNkulunkulu uthembekile futhi labo abalinda kuYena bangathemba ukuthi uma sishiyela isimo kuYena, singaba nesiqiniseko sokuthi Yena uzosenzela okungcono, noma ngalesosikhathi singaboni ngaleyondlela.

Ukulinda eNkosini kungaphezulu kokubambelela nje. Kungukulangazelela uNkulunkulu okujulile okuqhathaniswa nokoma okukhulu komhlaba owomileyo (*Hub. 63:1*). Umhlabeleli ulinda izibusiso eziningi kuNkulunkulu, kodwa ukulangazelela kwakhe ukuba asondelane noNkulunkulu kwedlula sonke isifiso nesidingo empilweni.

Lapho Sifunda kuPawule, kulesisahluko esimangalisayo kumaRoma, uNkulunkulu nendalo yonke balindele ukwenzwiwa kabusha kwezwe kanye nokuhlangana okubusisiwe kukaNkulunkulu nabantu Bakhe ekugcineni kwasikhathi. Uyabhalu: “Ngokuba ukulindela okukholekile kwendalo kulindela ukwembulwa kwamadodana kaNkulunkulu” (*Rom. 8:19, NKJV*).

Yeka isithembiso esingaka!

Kepha, ngenkathi sisalindele usindiso lokugcina kanye nokuhlangana noNkulunkulu, njengoba “indalo yonke ibubula ngemelinju yokubeletha” (*Rom. 8:22, NKJV0*, iNkosi isahlezi nabantu Bayo manje, ngoMoya oNgcwele).

Kusenjalo, sibizelwa ukuba sifakaze (*Zenzo 1:4-8*) ngecebo losindiso, eliyogcwaliseka ekudaleni kabusha. Indalo entsha, ekugcineni, iyona esiyilindele, ukugcwaliseka kokugcina kwamathemba ethu njengamaKristu angaBalindi, ogama labo, Abalindi, liqukethe umqondo wethemba esililindele. Silindile, kodwa siyazi akulona ize. Ukuva kukaKristu nokuvuka, ekuzeni kokuqala, kuyisiqiniseko sethu Sokuza Kwsibili Kwakhe.

**Yiziphi ezinye izinto ozilindele manje kuNkulunkulu na? Sifunda kanjani ukulinda ngokholo nangethemba, ikakhulu ngenkathi lokho esikukhulekelayo kungakafiki na?**

## Ukuthula Kwengane Elunyuliwe

**Funda iHubo 131.** Lelihubo lisifundisani ngobudlelwane bethu noNkulunkulu na?

---



---

abantu bakaNkulunkulu baphila ezweni elihlukumeza abathembekileyo, izwe lezilingo nobunzima cishe kuwo wonke umuntu. Ukuvuma okuvuselelwe bokuthi uyingane kaNkulunkulu futhi uncike kuNkulunkulu ngokuphila kwakhe kududuza umhlabeleli kumfikise ekuvumeni ukuthi ukuzidla kwakhe kuyize. Ukukohlisa kokuziqhenya yikona okubanga abazidlayo babe nomina futho bangakwazi ukubona ngalea kwabo. Abaqhoshayo abaliboni iqiniso elikhulu likaNkulunkulu.

Ngokuphikisayo, abalungileyo baphakamisela amehlo abo kuNkulunkulu (*Hub. 123:1, 2*). Ukuvuma kobukhulu bukaNkulunkulu kubenza bathobeke futhi bakhululwe ekuzifuneleni nasekufiseni okuyize. Umhlabeleli uyavuma ukuthi akafuni “izinto ezinkulu” kanye “nezinto eziphakeme” (*Hub. 131:1*). Lezizisho zichaza imisebenzi kaNkulunkulu ezweni ezingaphezulu kokuqonda kwasintu. Isayensi yesimanje ibonisile ukuthi nezinto “ezilula” zingaba yinkimbinkimbi futhi zibe ngaphezulu kokuqonda kwethu, okungenani okwamanje. Empeleni, kunokubhuqa okukhulu: ngokufunda kakhulu ngomhlaba obonakalayo, izimfihlo ezinkulu ziqhamuka phambi kwethu.

Kusenjalo, isingathekiso kwiHubo 131:1, “Njengengane elunyulwe kunina” (*NKJV*), ngumfanekiso onamandla walowo othola ukuzotha nalowo othuliswa ngokugonwa nguNkulunkulu. Kukhomba ebudlewaneni bothando bengane nonina ezigabeni eziningana zempilo yengane.

Ngokulumula thina ezifisweni ezinkulu nasekuqhosheni, uNkulunkulu usingenisa emsocweni wokudla okuqinile, “okungukwenza intando yalowo ongithumile, nokufeza umsebenzi wakhe” (*Johane 4:34, buka noHeb. 5:12-14*). Ukuthemba okufana nokwengane kwiHubo 131 wukholo oluphusile oseluvivinye lwahlolwa ngubunzima bempilo futhi lwathola uNkulunkulu ethembekile futhi eqinisile Ezwini Lakhe.

Ukunaka komhlabeleli ekugecineni kumi ekuphepheni kwabantu bakaNkulunkulu. Ekugecineni, sibizelwe ukusebenzisa amava ethu noNkulunkulu ukuqinisa ibandla Lakhe. Okungukuthi, ukusukela kukho esikufundile thina, ngokwethu, ngokuthembeka kukaNkulunkulu nokulunga, singabelana nabanye okuthi, nganoma yiziphi izizathu, banomshikashika ngokholo lwabo. Ukufakaza kwethu ngoKristu kungaba nangaphakathi ebandleni, lapho iningi lidinga ukuzazela Yena ngokwalo.

“ ‘Ngiqinisile ngithi kini: Uma ningaphenduki, nibe njengabantwana, anisoze nangena embusweni wezulu’ ” (*Mat. 18:3, NKJV*). UJesu uthini kithina lapha na? Lomqondo uqukethe ini na?

## Ukuletha Izinyanda

**Funda iHubo 126.** Yini enikeza amandla nethemba kubantu bakaNkulunkulu na? Yini eshiwo lapha, kulengqikithi, esingayisebenzisa ezimpilweni zethu na?

---

Ukuhlenga okumangalisayo kukaJehovah ngaphambilini kungumthombo ongomayo wokukhuthaza abantu bakaNkulunkulu kanye nomthombo wabo wethemba ngekusasa. Ukuhlenga ngaphambilini kwakukukhulu kangangokuba kwakungachazwa njengokufezeka kwephupho (*Isa. 29:7, 8*). Qaphela ukuthi isizukulwane esidumisa uJehovah kwiHubo 126 ngokuhlenga Kwakhe abantu Bakhe ekuthunjweni ngaphambilini (*Hub. 126:1*) njengamanje sisekuthunjweni (*Hub. 129:4*).

Kodwa, injabulo nenkululeko edlule zikhunjulwa ngezingoma futhi zifakwe kumava amanje. Izizukulwane ezintsha zigcina umlando wezibhalo uphila ngokuzibala nazo njengabaphakathi kwalabo abazibona ngosi lezizigameko. Ngalokho, ukhola oluphilayo luthakasela izzeno ezinkulu zikaNkulunkulu kubantu Bakhe phambilini njengento uJehovah asenzele yona, hhayo nje izinto uJehovah ezenzela bona (izizukulwane ezidlulile zamakholwa).

Empeleni, inkumbulo yokwedlulile ivusa ithemba elisha ngenamuhla. Umfanekiso “wemithombo eningizimu” (*Hub. 126:4*) iyisingathekiso esinamandla sikaNkulunkulu enza ngokuphazima nangamandla ngakubantu Bakhe. Iningizimu lakwaJuda laliwugwadule lwehlane. Imithombo yayenzeka ngokuphazima futhi igcwale amanzi agelezayo emuva kwezimvula ezinkulu ngesikhathi semvula. Izimvula zokuqala nezakamuva zazidlala indima abalulekile ekuphumeleleni konyaka wezolimo (*Dut. 1:14, Dut. 28:12*). Ngokufanayo, umfanekiso wokutshala ngezinyembazi nokuvuna ngenjabulo (*Hub. 126:5, 6*) uysithembiso esinamandla sokuhola kukaNkulunkulu ukusukela kwinamuhla elinzima kuye kwikusasa lenjabulo.

Ekupheleni kwasikhathi sokuvuna kwakuyisikhathi lapho izihambi zamaHeberu asendulo zaziletha izithelo zesikhathi ethempelini likaNkulunkulu eJerusalem (*Eksod. 34:22, 26*). Umfanekiso wesivuno wawunikeza isifundo esiqinile kubantu ngalesosikhathi. Njengokusebenza kanzima kokutshala nokunakekela amasimu, izivande, nezivimi kuvuzwa ngenjabulo yesivuno esikhulu, ngalokho izinhlupheko zamanje zabantu bakaNkulunkulu ziyophothula ngenjabulo yosindiso ekupheleni kwasikhathi. Umfanekiso wesivuno esikhulu ukhomba ekubuyiseleni kukaNkulunkulu kombuso Wakhe emhabeni ekuzeni kwasibili kukaKristu (*Amos 9:13-15, Mat. 9:37*). Lapha, futhi, nokho, indikimba yokulinda iyavuka. Njengakwisivuno, kumele silinde ukubona isithelo nemiphumela yokusebenza kwethu.

**Gxila ezikhathini lapho ngokusobala nangokungaphazami wabona uJehovah esebenza empilweni yakho noma empilweni yabanye. Ungalithola kanjani ithemba kulawomava nganoma yini odlula kuyo njengamanje na?**

## Ukulinda Ekuphumuleni KweSabatha LikaNkulunkulu

**Funda iHubo 92. Yiziphi izinto ezimbili zosuku IweSabatha ezigqamiswe kulengoma yosuku IweSabatha na?**

---

Ukudumiswa kukaNkulunkulu ngemisebenzi emikhulu yezandla Zakhe (*Hub. 92:4, 5*) kanye nomfanekiso weEdene labalungileyo (*Hub. 92:12-14*) kukhomba ngokusobala Ekudalweni, into yokuqala ebungazwa yiSabatha. Ihubo futhi liphakamisa uJehovah ngokunqoba Kwakhe izitha zikaNkulunkulu wokulunga (*Hub. 92:7-15*) futhi liqinise indikimba yesibili yeSabatha—ukuhlengwa ebubini (*Dut. 5:12-15*). Ngalokho, iHubo 92 lidumisa uNkulunkulu ngokudala Kwakhe ngaphambilini kanye nokusekela namuhla uwwe, futhi likhomba ethembeni lesikhathi sokugcina lokuthula nokuhleleka kwaphakade.

Abantu bangakujabulela ukuphumula kweSabatha ngoba uNkulunkulu “Ungophakeme Kunakho Konke” (*Hub. 92:1, NKJV*); isikhundla Sakhe esiphakeme kunazo zonke ezindaweni ezipifikeme kuniikeza Yena ithuba elingelinganiswe phezu kwezitha zabo.

Kepha, nakuba Yena Engophezu Kwakho Konke, uJehovah ufinyelela kalula phansi ukuzohlenga labo abambizayo. Umsebenzi kaJehovah wokudala futhi ikakhulu nowokuhlenga leyondalo kumele ukuthaze abantu ukuba bakhonze uNkulunkulu futhi bamthande Yena. Kukho konke, siphila ezweni lesono, ngaphandle kwethemba losindisio, akukho esingajabula ngako. Siyathanda, siyahlupheka, siyafa—futhi sikwenze lokho ngaphandle kwethemba. Yingakho, sidumisa uJehovah, hhayi kuphela njengoMdali kodwa njengoMhengi wethu, ngokunjalo.

“Amafutha amasha” kudlulisa ukuzinikela kabusha komhlabeleli ukusebenzela uNkulunkulu njengenceku Yakhe engcwaliwi (*Hub. 92:10*). Ukgcotshwa ngamafutha kwakwensiwa ukungcwala abantu abakhethiweyo njengabapristi namakhosi (*Eksod. 40:15, 1 Sam. 10:1*). Kodwa, umhlabeleli ukhethi igama elingavamile lesiHeberu, balal, ukuchaza ukugcotshwa kwakhe elingavamile ukusho ukugcotshwa kwezinckezi zikaNkulunkulu kodwa elichaza “ukuxuba” amafutha nezinye izingxenyenzo zomhlatsheko (*Eksod. 29:2, NKJV; Lev. 2:4, 5*). Ukusebenzisa ngokukodwa kuka-balal komhlabeleli kunomthelela wokuthi umhlabeleli ufisa ukuzithula yena njengomhlatsheko ophilayo kuJehovah futhi anikele ubuyena bakhe bonke kuNkulunkulu (*Rom. 12:1*).

Akumangalisi ukuthola imicabango emayelana nokuzinikela kwihubo elinikelwe kwiSabatha, ngoba iSabatha liwuphawu lokuthi uJehovah uncgwaliisa abantu Bakhe (*Eksod. 31:13*). Imifanekiso yemisundu nemisedare yaseLebanoni ibonakalisa abantu bakaNkulunkulu behkula okholweni nasekuthakaseleni ngempela izinhloso ezimangalisayo zikaNkulunkulu nothando. ISabatha liwuphawu lwestivumelwani saphakade sikaJehovah nabantu Bakhe (*Ezek. 20:20*). Ngalokho, ukuphumula kweSabatha kusemqoka kubantu bakaNkulunkulu ngoba kubanikeza amandla okulinda ngethemba eNkosini ukuba ifeze zonke izithembiso Zayo zesivumelwano (*Heb. 4:1-10*).

**Funda futhi iHubo 92. Themba lini elikhulu esilinikezwa lapha, futhi singenza kanjani thina, nanjengamanje, ukududuzeka ngalokho elikhushoyo na?**

## Injabulo Iza Ekuseni

**Funda** iHubo 5:3, iHubo 30:5, iHubo 49:14, iHubo 59:16, iHubo 92:2, iHubo 119:147, 2 Petro 1:19, neSambulo 22:16. Sikhathi sini sosuku esivezwa ngokwezimpawu njengesikhathi sokuhlenga kukaNkulunkulu, futhi kungani na?

---

KumaHubo, ekuseni kuba yisikhathi ngaso okulindelwa insindiso kaNkulunkulu. Ukusa kwembula uthando lukaNkulunkulu, okuqeda ubusuku obude bokudikibala nokuhlupheka (*Hub. 130:5, 6*). KwiHubo 143, ukuhlenga kukaNkulunkulu kuzohlehlisa ubumnyama bamanje bokufa (*Hub. 143:3*) buye ekukhanyeni bokusa okusha (*Hub. 143:8*), kanye nokuba semgodini (*Hub. 143:7*) kungene “ezweni labalungileyo” (*Hub. 143:10*).

**Funda** uMarko 16:1-8. Yini eyenzeka ekuseni okukhulunywa ngakho lapha, futhi kungani kubalulekile kithina na?

---

Ukusa kokuvuka kukaJesu Kristu kwavula indlela yokusa kwaphakade kosindiso lukaNkulunkulu lwabo bonke abakholwa egameni Lakhe. Abafundi bakaJesu babanamva amandla aphelele alesisithembiso kwiHubo 30:5: “Ukukhala kungabakhona ebusuku, kodwa ukujabula kuza ekuseni,” ngenkathi behlangana neNkosi evukileyo. Kuluthando lukaNkulunkulu olwenza ukukhala kwethu kuguqulwe kuba yinjabululo.

Njengalokhu ikhwezi lokusa limemezela ukuzalwa kosuku olusha, ngalokho ukholo lubika iqiniso elisha lokuphila okuphakade kubantwana bakaNkulunkulu (*2 Pet. 1:19*). UJesu ubizwa ngenkanyezi ekhazimulayo yasekuseni (*Samb. 22:16*), esimlinde ngabomvu ukuba azomisa umbuso Wakhe kuwo okungesayikubakhona ubusuku, ububi, nokufa (*Samb. 21:1-8, 25*). Ekugcineni, ngaphezu kwakho konke, yilokho esikulindile lapho sikhuluma ngokulinda eNkosini. Futhi, nembara, ukulinda kufanelekile.

“Phezu kwethuna elidatshuliwe likaJosefa, uKristu wayememeze ngokunqoba. ‘Mina ngikukuvuka, nokuphila.’ Lamazwi ayengakhulunywa nguNkuunkulu kuphela. Zonke izidalwa ezidalilwe ziphila ngentando kanye namandla kaNkulunkulu. Zingabamukela ngokuncikile impilo kaNkulunkulu. UKusukela kwiserafu eliphakeme kuye esidalweni esincane kunazo zonke, zonke zondliwa Emthonjeni wokuphila. NguYena kuphela omunye noNkulunkulu owayengasho athi, Mina nginamandla okubeka phansi ukuphila Kwami, futhi nginamandla okuyithatha futhi. Kubunkulunkulu Bakhe, uKristu wayenamandla okugqabula izibopho zokufa.”— Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 785.

**Ukuwa, kushiwo, kushiselwe kithina ekuzalweni kwethu. Nakuba kuyiqiniso, okungenani kithina zidalwa eziwileyo, yini uvuko lukaJesu olusithembise kona mayelana nokuba ngokwesikhashana kokufa na? Kungani kungamele sikhohlwe ukuthi ukufa ngokwesikhashana na?**

**Ukucabanga Kabanzi:** Funda u-Ellen G. White, “Growing Up Into Christ,” pp. 67–75, in *Steps to Christ*.

AmaHubo enza ubizo olushisekayo lokulinda eNkosini. “Phumula eNkosini, futhi ulinde Yena ngokubekelwa (Hub. 37:7, NKJV). Ngenkathi ukulinda kuba ngumthwalo, kungaqimiseki, kunesizungu, kumele sikhumbule abafundi nosuku lokunyuka kukajesu eya ezulwini (Zenzo 1:4-11). UJesu wakhushulewa phezulu phambi kwamehlo abo, besele ngemuva ukulindela Yena abuye ngosuku olungaziwa. Ngubani ongakaze abe namava okulangaselela okuqinile ukwamukela isibusiso sikaNkulunkulu manje ukwedlula abafundi ngalolosuku na? Nembala balangazelela, “Nkosi, hamba nathi manje.” Kodwa, bayalezwu ukuba balinde isithembiso sikaBaba kanye nokubuya kukaJesu. Uma sicabanga ukuthi abafundi babedikibele futhi bedangele siyomangala. Babuyela eJerusalema benza lokho uJesu ayebatshele kona—balindela isipho sikaMoya oNgcwele futhi basebeshumayela ivangeli ngamandla ezweni (Zenzo 1:12-14, Zenzo 2).

Umyalelo weNkosi yethu wokulinda Kuyo ngeke wenzeke ngaphandle kokuba Yena enze umsebenzi Wakhe kithina ngoMoya oNgcwele. Awukho umdlalandla womuntu ongamelana nobunzima ukulinda okukubeka kumina obuthakathaka. Iyodwa kuphela into engathwala ubunzima, lokho ngukuhlala kuJesu Kristu, okungukuthi, ubudlelwane bakho Nanye. “Uma ke uKristu ehlala ezinhliziyeni zethu, uyosebenza kuthina ‘kokubili ukufuna kanye nokwenza ngokuthanda Kwakhe.’ Filippi 2:13. Sizosebenza njengoba asebenza; sizobonakalisa umoya ofanayo. Futhi ngalokho, ngokuthanda Yena nokuhlala kuYena, siyothi ‘sikhule kuYena kuzo zonke izinto, oyinhloko, uKristu.’ Ephesians 4:15.”—Ellen G. White, *Steps to Christ*, p. 75. Sisaqhubeka nokulinda eNkosini, sizothola ukuthula nokwaneliseka kumaHubo. Imikhuleko yethu nezingoma yilapho inhliziyo kaNkulunkulu nezinhliziyo zethu zihlangana khona.

### Imibuzo Yokuxoxisana:

- ① Kungani ukulinda kubalulekile empilweni yethu yezikamoya na? Xoxani ngamava okulinda kwamanye amaqhawe okholo eBhayibhelini. Ukulinda kwaluhlanza futhi kwaluqinisa kanjani ukholo lwabo na? (*Rom. 4:19–22, Hebrews 11*).
- ② Siyini isiphetho sokulinda kwethu na? (*Hub. 37:34–40*). Okungukuthi, yini esiyithenjisiwe ngenkathi zonke izinto, ekugcineni, zixazululwa na? Yiliphi ithemba esilithola kulemibhalo, ngokwesibonelo, mayelana nobulungiswa obungekho kulokhu kuphila na?
- ③ Kungani, ngokwabafleyo, nangokwamava abo (*Mshum. 9:5*), ukulinda kwabo uJesu sekucishe kwafezeka na? Iliphi ithemba esingalithola kwimpendulo na?